lapho lokukhanya kunjengobumnyama.”

11

Impendulo KaZofari

- 1 UZofari umNahama wasephendula wathi:
- 2 “Uthi amazwi wonke la angayekelwa ukuphendulwa na?
Uwawane lolu luyekelwe nje lubheda?”
- 3 Umbhedo wakho lo ungenza abantu bathule na?
Uthi ungangakhuzwa muntu wena ukhulumela eceleni?
- 4 Uthi kuNkulunkulu, ‘Inkolo yami kayilansolo
njalo ngimsulwa phambi kwakho.’
- 5 Oh, ngize ngifise ukuthi ngabe uNkulunkulu uyakhuluma,
avule izindebe zakhe ekusola
- 6 akuvulele imfihlo zokuhlakanipha,
ngoba inhlakanipho yeqiniso ikabili.
- Yazi lokhu:
UNkulunkulu uvele usezikhohliwe ezinye izono zakho.
- 7 Kambe ungayifinyelela yini imfihlakalo kaNkulunkulu?
Ungaziphenya iziphetho zikaSomandla na?
- 8 Ziqongile ngaphezu kwamazulu, ungenzani kambe?
Zizikile kulokujula kolwandle, kuyini ongakwazi pho?
- 9 Ukulinganiswa kwazo kude kulomhlaba
njalo kubanzi kulolwandle.
- 10 Nxa engeza lapha akuphosele entolongweni
abize inkundla, ngubani ongamphikisa na?

- 11 Liqiniso ukuthi uyababona abantu abakhohlisayo;
njalo nxa ebona okubi, kananzeleli na?
- 12 Kodwa umuntu oyisithutha ngeke ahlakani phe
njengoba ubabhemi weganga engeke azalwa ngumuntu.
- 13 Kodwa nxa ugxilisa inhliziyo yakho kuye
uphakamisele izandla zakho kuye,
- 14 nxa ulahla isono esisesandleni sakho
ungavumeli bubi buhlale ethenteni lakho,
- 15 lapho-ke uzabuveza ubuso bakho ungelanhloni;
uzakuma uqine ungesabi.
- 16 Uzalukhohlwa ngempela uhlupho lwakho,
lufike nje engqondweni njengezikhukhula ezadlulayo.
- 17 Impilo izakhanya kulemini enkulu,
lobumnyama buzakuba njengasekuseni.
- 18 Uzavikeleka, ngoba ithemba likhona;
uzakhangela ofuna khona uzuze ukuphumula uvikelekile.
- 19 Uzazilalela, kungekho okwethusayo,
njalo abanengi bazabe sebezisondeza kuwe.
- 20 Kodwa amehlo ababi azafiphala,
behluleke lokubaleka;
ithemba labo libe yikuhotsha umoya wokufa.”

12

Impendulo KaJobe

- 1 Wasephendula uJobe wathi:
- 2 “Wo, lina yini elizibona kuyini abantu,
njalo lolwazi luzakufa lani!
- 3 Kodwa lami ngilayo ingqondo njengani;
kalingedluli ngalutho.
Ngubani ongazaziyo izinto zonke lezi?
- 4 Sengiyinto yokuhlekisa ebanganini bami,
lanxa ngacela kuNkulunkulu waphendula,
inhlekisa sibili, kodwa ngilungile, ngimsulwa!
- 5 Abantu abahlezi kuhle bayakweyisa ukwehlelwa ngumnyama,
bathi kuyimfanelo yalabo onyawo zabo sezitshelela.
- 6 Amathente ezigebenga avikelekile,
lalabo abamthukuthelisayo uNkulunkulu bavikelekile,
uNkulunkulu ulabo ezandleni zakhe.
- 7 Kodwa ake ubuze izinyamazana, zizakufundisa,
kumbe izinyoni zemoyeni, zizakutshela;
- 8 kumbe khuluma lomhlaba, uzakufundisa,
loba uthi inhlanzi zolwandle zikwazise.
- 9 Yikuphi kwalezizinto okungaziyo na
ukuthi yisandla sIKATHIXO esikwenzileyo lokhu?
- 10 Esandleni sakhe kulempilo yazo zonke izidalwa
lokuphefumula kwabantu bonke.
- 11 Indlebe kayiwahloli yini wonke amazwi
njengolimi lunambitha ukudla?

- 12 Angithi ukuhlakanipha kufunyanwa ebadaleni na?
Angithi impilo ende iletha ukuzwisisa na?
- 13 NgokukaNkulunkulu ukuhlakanipha lamandla;
ukweluleka lokuzwisisa kungokwakhe.
- 14 Lokho akubhidlizayo kungeke kwamiswa njalo;
lowo amvalelayo ngeke avulelwe.
- 15 Angaze awavale amanzi, kuba lokoma;
angawavulela kuba lomonakalo elizweni.
- 16 Angawakhe amandla lenhlakanipho;
okhohliswayo lomkhohlisi ngabakhe bonke.
- 17 Abeluleki uyabakhupha bahambe beze
enze abehluleli babe yiziphukuphuku.
- 18 Uyanyomula izibopho ezibotshwe ngamakhosi
azibophe ngelembu ekhalweni.
- 19 Abaphristi uyabakhupha beze
awagenqule amadoda abesithi asegxilile.
- 20 Uyazithulisa izindebe zabeluleki
abathenjweyo asuse ulwazi lwabadala.
- 21 Izikhulu uzihleka usulu
abalamandla abathathele lawomandla.
- 22 Uyembula imfihlo ezenzeka emnyameni
amathunzi azikileyo awalethe ekukhanyeni.
- 23 Wenza izizwe zikhule, abesezidiliza;
uyaziqhelisa izizwe, aphinde azichithe.
- 24 Abakhokheli basemhlabeni ubemuka ukuhlakanipha kwabo;
ubenza bantule enkangala.
- 25 Bayaphumputha emnyameni kungelakukhanya;
ubenza badiyazele njengezidakwa.”

13

UJobe Uqhubeka Ekhumama

- 1 “Amehlo ami ase kubonile konke lokhu,
indlebe zami zikuzwile zakuqedisisa lokhu.
- 2 Elikwaziyo lina lami ngiyakwazi;
kalingcono ngalutho kulami.
- 3 Kodwa ngiloyisa ukukhuluma loSomandla,
ngiphikisane loNkulunkulu ngendaba yami.
- 4 Kodwa lina lingigcona ngamanga;
lonke lizinyanga ezingelamsebenzi!
- 5 Thulani lithi zwi lonke!
Lokho kungaba yikuhlakanipha kini.
- 6 Zwanini-ke manje engikutshoyo;
lalelani ukuncenga kwezindebe zami.
- 7 Lingakhuluma okubi limele uNkulunkulu na?
Lingamkhulumela inkohliso na?
- 8 Limtshengisa ukuthi liyabandlulula yini?
Yini elimkhulumelayo uNkulunkulu akutshoyo?
- 9 Kungalilungela yini nxa engalihlola?
Kambe lingamkhohlisa njengoba lingakhohlisa abantu na?

- 10 Ngempela angaligcona
nxa lingabe litshengisa ukubandlulula.
- 11 Inkazimulo yakhe ingezake ilethuse na?
Ukwesabeka kwakhe kungezake kulehlele na?
- 12 Izitsho zenu ziyizaga zomlotha;
lezivikelo zenu yizivikelo zebumba kuphela.
- 13 Thulani ngikhulume mina;
kungivelele loba kuyini okuvelayo.
- 14 Ngizifakelani engozini na
ngiphathe impilo yami ezandleni zami?
- 15 Lanxa engangibulala kodwa ngizakwala ngimethemba;
ngizazivikela izindlela zami phambi kwakhe.
- 16 Ngeqiniso lokhu kuzangihlenga,
ngoba kakho umuntu ongakholwayo ongasondela kuye!
- 17 Ake lilalele kuhle amazwi ami;
vulani indlebe zenu lizwe engikutshoyo.
- 18 Manje-ke njengoba sengiyilungisile indaba yami,
ngiyabona ukuthi ngizakhululwa.
- 19 Ngubani kambe ongangethesa icala?
Nxa ekhona, ngizathula ngife.
- 20 Akungiphe lezizinto ezimbili nje, Oh Nkulunkulu,
lapho-ke angiyikukucatshela:
- 21 Sisusele khatshana lami isandla sakho,
ukhawule ukungethusa ngokwesabeka kwakho.
- 22 Ubusungibizela ecaleni, ngizaphendula,
kumbe ungiyekele ngikhulume, lawe uphendule.
- 23 Sengenze iziphambeko lezono ezinganani na?
Ngitshengisa isiphambeko sami lesono sami.
- 24 Kungani ufihla ubuso bakho
ungithathe njengesitha sakho?
- 25 Uzahluphana lehlamvu eliphethshulwa ngumoya na?
Uzaxotshana lomule owomileyo na?
- 26 Ngoba ubhala izinto ezibuhlungu ngami
ungenze ngivune izono zobutsha bami.
- 27 Ukhina inyawo zami ngezibopho;
ulandelela zonke izindlela zami
ngokudweba uphawu ezinyathelweni zezinyawo zami.
- 28 Yikho-ke umuntu ecikizeka njengento ebolileyo,
njengesigqoko esidliwe yinondo.”

14

UJobe Uqhubeka Ekhumama

- 1 “Umuntu ozelwe ngumfazi ulensuku ezilutshwane
njalo ezigcwele inhlupho.
- 2 Uyaqhakaza njengeluba aphinde abune;
njengesithunzi esithi tshazi, akemi.
- 3 Onjalo ungala ulokhu umkhangele na?

Ungamisa phambi kwakho umthonisise na?

⁴ Ngubani ongaveza okuhlambulukileyo kokungcolileyo na?
Kakho!

⁵ Insuku zomuntu zimisiwe;
uzibekile izinyanga zokuphila kwakhe
wabeka lemikhawulo angeke ayeqe.

⁶ Ngakho-ke myekele ungazihluphi ngaye,
aze aqede lesosikhathi sakhe njengomuntu oqhatshiweyo.

⁷ Kungaba lethemba ngesihlahla;
singaganyulwa siyahluma njalo,
amahlumela aso kawayikwehluleka ukukhula.

⁸ Impande zaso zingaguga phansi emhlabathini
lesiphunzi saso sife emhlabathini,

⁹ kodwa singezwa amanzi siyahluma
sikhuphe ingatsha njengesihlahla esitsha.

¹⁰ Kodwa umuntu uyafa alaliswe phansi;
uphefumula okokucina angabe esabakhona.

¹¹ Njengamanzi esitsha olwandle
lanjengomfula ucitsha amanzi wome qha,

¹² ngokunjalo umuntu ulala phansi angabe esavuka;
kuze kutshabalale amazulu abantu kabayikuvuka
kumbe baphatshanyiswe ebuthongweni babo.

¹³ Kube uyangifihla ethuneni
ungithukuze ulaka lwakho luze ludlule!

Kube ungibekela isikhathi
ube usungikhumbula!

¹⁴ Umuntu angafa uphinde aphile na?
Zonke insuku zokutshikatshika kwami
ngizalindela isikhathi sokuyekelwa kwami.

¹⁵ Uzabiza lami ngizasabela;
uzasifisa lesosidalwa esenziwa yizandla zakho.

¹⁶ Ngeqiniso lapho uzabala izinyathelo zami
kodwa kawuyikulandelela izono zami.

¹⁷ Iziphambeko zami zizananyekwa emgodleni;
uzasigubuzela isono sami.

¹⁸ Kodwa njengentaba ikhumuzeka ize ibhidlike,
lanjengedwala ligudluka endaweni yalo,

¹⁹ njengamanzi awagubhayo amatshe
lezikhukhula zikhukhula umhlabathi,
kanjalo uyalibhidliza ithemba lomuntu.

²⁰ Umehlula kanye angaphindi abekhona, adlule;
uyabuguqula ubuso bakho umxotshe.

²¹ Nxa amadodana akhe ezuzwa udumo, kawakwazi;
nxa izizukulwane zakhe zisehliwa, kazikuboni.

²² Bezwa kuphela ubuhlungu bemizimba yabo
bazikhalele bona."

15

Impendulo Ka-Elifazi

- 1 Wasephendula u-Elifazi umThemani wathi:
- 2 “Kambe indoda ehlakaniphileyo ingaphendula ngeze nje
loba igcwalise isisu sayo ngomoya otshisayo wempumalanga na?
- 3 Ingadaza inkani ngamazwi angatsho lutho,
ngezinkulumo ezingelasisindo na?
- 4 Wena uze weyise ukulunga
njalo uphazame lokukhonzisa uNkulunkulu.
- 5 Isono sakho sikhuthaza umlomo wakho;
usuthethe ulimi lwamaqili.
- 6 Umlomo wakho yiwo okulahlayo, hatshi owami;
izindebe zakho zifakaza ububi bakho.
- 7 Nguwe yini umuntu wokuqala ukuzalwa?
Wabakhona kuqala kulezintaba na?
- 8 Uyake ulalele yini enkundleni kaNkulunkulu?
Nguwe wedwa yini ololwazi?
- 9 Kuyini okwaziyo wena thina esingakwaziyo?
Ulemibono bani wena thina esingelayo?
- 10 Asebezimpunga lamakhehla bavumelana lathi,
amadoda amadala kuloyihlo.
- 11 Induduzo zikaNkulunkulu kazikwanelisi yini,
amazwi akhulunywa kamnandi kuwe?
- 12 Kungani uvumela ukufuqwa yinhliziyi na,
kungani amehlo akho eqwayiza,
- 13 uze ubhodlise ulaka lwakho kuNkulunkulu
ukhihlize amazwi anjalo ngomlomo wakho?
- 14 Umuntu uyini ukuthi abe ngohlazekileyo na,
lozelwe ngowesifazane ongaba ngcwele?
- 15 Nxa uNkulunkulu engazethembi izingilosi zakhe,
njalo lamazulu engathembekanga kuye,
- 16 pho umuntu ongcolileyo ke, oxhwalileyo,
onatha ububi njengamanzi!
- 17 Lalela kimi ngikuchazele;
wothi ngikutshele esengakubonayo,
- 18 lokho osekwafakazwa yizihlakaniphi,
bengafihli lutho abaluthatha kubokhokho babo
- 19 (abayibo kuphela abaphiwa ilizwe
njalo akwaze kwedlula muntu wezizweni phakathi kwabo):
- 20 Ngezinsuku zakhe zonke umuntu omubi uhluthsha yizinhlungu,
kuba yisihluku seminyaka yonke ayibekelweyo.
- 21 Imisindo eyesabisayo iyagcwala ezindlebeni zakhe;
nxa kusithi kuyalunga, izikliwi zimhlasele.
- 22 Ulahlekelwa lithemba lokuwuphepha umnyama;
umiselwe inkemba.
- 23 Uyantula nje abe yikudla kwamanqe;
uyazi ukuthi usuku lobumnyama selusondele.
- 24 Usizi lobuhlungu emoyeni bumlethela uvalo;

- inhlupho ziyamgabhela, njengenkosi isilungele ukuhlasela,
 25 ngoba efumbathele uNkulunkulu inqindi,
 ezimisela ukulwa loSomandla,
 26 aqholoze amhlaसेle
 ngesihlangu esiqinileyo, esilohlonzi.
- 27 Lanxa ezimuke ubuso bungaka,
 umkhaba ulenga ngedanga,
 28 uzahlala emadolobheni angamanxiwa
 lezindlini ezingahlali muntu,
 izindlu eziwohlokayo zibe yinqumbi.
- 29 Kasayikunotha futhi lenotho yakhe kayiyikuma,
 lezifuyo zakhe kazisayikugcwala ilizwe lonke.
- 30 Kayikuphepha emnyameni;
 ilangabi lizabunisa amahlumela akhe
 lomoya wokuphefumula komlomo kaNkulunkulu uzamthwalela kude.
- 31 Makangazikhohlisi ngokuthemba okuyize,
 ngoba akazukuzusa lutho ngakho.
- 32 Singakapheli isikhathi sakhe uzajeziswa,
 lezingatsha zakhe kaziyikuhluma.
- 33 Uzaba njengevini eliphundlwe izithelo zalo zingakavuthwa,
 njengesihlahla se-oliva sikhithiza impoko zaso.
- 34 Ngoba ixuku labangamesabiyo uNkulunkulu kalizukuba lezithelo,
 lomlilo uzawahangula amathente alabo abathanda isivalamlomo.
- 35 Bazithwala uhlupho babelethe ububi;
 isibeletho sabo sibumba inkohliso.”

16

UJobe Uyaphendula

- 1 UJobe wasephendula wathi:
 2 “Sengezwa izinto ezinengi ezifana lalezi;
 lingabaduduzi ababi lina lonke!
 3 Zizaphela nini inkulumo zokubhuda kwenu lokhu?
 Kuyini okulihluphayo laphikelela nje lidaza inkani?
 4 Lami bengingakhuluma njengani
 aluba yini elisesikhundleni sami;
 ngabe ngikhupha inkulumo ezimnandi ngilisola
 ngize nginikine ikhanda lami.
 5 Kodwa umlomo wami ngabe uyaliqinisa;
 induduzo yezindebe zami idedise inhlungu zenu.
- 6 Kodwa nxa ngikhuluma, ubuhlungu obukimi kabudedi;
 loba ngingaze ngithule, kabupheli.
 7 Ngeqiniso, Nkulunkulu, usungiqede amandla;
 usuyitshabalalisile yonke imuli yami.
 8 Usungibophile sekuyibo ubufakazi balokho;
 lokucikizeka kwami kuyakhula kungilahla.
 9 UNkulunkulu uyanginxwanela angidlikize ngolaka lwakhe,
 angigedlele amazinyo;
 isitha sami singinyonkoloze ngamehlo ahlabayo.
 10 Abantu bavula imilomo yabo bengihoza;

bangimakala esihlathini bengihlambaza
babambane bangihlanganye.

11 UNkulunkulu usenginikele ebantwini ababi
wangiphosela ezandleni zezigangi.

12 Konke kwakukuhle kimi, kodwa wangibhidliza;
wangixhakalaza ngentamo wangichoboza.

Usengenze ngaba yinto yakhe yokunenjwa;

¹³ abacibi bemtshoko bakhe bangihanqile.

Ungiciba izinso zami engelazwelo
achithele inyongo yami phansi.

14 Ungisukela njalonjalo;
angidumele njengebutho.

15 Sengithungele isembatho sesaka emzimbeni wami
ngathukuza ibunzi lami othulini.

16 Ubuso bami seubomvu ngokukhala,
amathunzi anzima ahonqozela amehlo ami;

17 kodwa izandla zami kaziluhelanga udlakela,
lomkhuleko wami uhlanzekile.

18 Awu mhlaba, ungaligqibeli igazi lami;
sengathi lokukhala kwami kungaze kwacitshwa lanini!

19 Lakhathesi ufakazi wami usezulwini;
umeli wami uphezulu khonale.

20 Umeli wami ngumngane wami

nxama mehlo ami empompoza inyembezi kuNkulunkulu;

21 uyamncengela umuntu kuNkulunkulu

njengomuntu encengela umngane wakhe.

22 Kusasele iminyakana engemingaki
andubana ngiye lapho kungabuywa khona."

17

UJobe Uqhubeka Ekhuluma

1 "Umoya wami udabukile,
insuku zami ziqunyiwe,
ithuna lingimelele.

2 Impela abaklolodayo bangihanqile;
amehlo ami asehlezi elinde ulaka lwabo.

3 Ngipha, Oh Nkulunkulu, lesosibambiso osifunayo.

Kambe ngubani omunye ongangezela lesosibambiso na?

4 Usuzivalile ingqondo zabo kabasazwisisi;
ngakho kawuzukubayekela bagiye.

5 Nxa umuntu angaphika umngane wakhe ukuze ahlawulwe,
amehlo abantwabakhe azafiphala.

6 UNkulunkulu usengenze ngaba yisiga ebantwini bonke,
umuntu okhafulelwa ngabanye emehlweni.

7 Amehlo ami asethundubele ngosizi;
umdumbu wami wonke usuyisithunzi nje.

- 8 Abantu abaqotho kuyabanenga lokhu;
abangelacala bayacaphuka ngabangakholwayo.
- 9 Kungenani, abalungileyo bazabambeleva ezindleleni zabo,
kuthi labo abalezandla ezihlanzekileyo baqine.
- 10 Kodwa khathesi lina lonke ake lizame futhi!
Kangiboni loyedwa ohlakaniphileyo kini.
- 11 Sezidlule insuku zami, amacebo ami asedilikile,
kunjalo lezifiso zenhliziyi yami.
- 12 Lababantu bathatha ubusuku njengemini;
bathi bebona ubumnyama bathi, 'Ukukhanya sekusondele.'
- 13 Nxa ikhaya engilithembileyo lilingcwaba kuphela,
nxa ngisendlala umbheda wami emnyameni,
- 14 nxa ngisithi ekuboleni, 'Baba,'
ngithi empethwini, 'Mama' kumbe 'Dadewethu,'
- 15 pho lingaphi ithemba lami na?
Ngubani ongabona ithemba ngami?
- 16 Kuzakwehlela emasangweni okufa na?
Sizakwehlela ndawonye othulini na?"

18

Impendulo KaBholidadi

- 1 Kwathi lapho uBholidadi umShuhi waphendula wathi:
- 2 "Koze kube nini ulokhu uphethe emlonyeni?
Nakana andubana sikhulume.
- 3 Kungani usithatha njengezinkomo
kube ingathi siyizithutha kuwe na?
- 4 Wena ozidabudabulayo ube yiziqqa ngokuthukuthela kwakho,
uthi sesingawudela umhlaba ngenxa yakho?
Loba uthi amadwala agudlulwe ezindaweni zawo na?
- 5 Isibane somubi siyacima;
ilangabi lomlilo wakhe liyaphela ukubhebha.
- 6 Ukukhanya ethenteni lakhe kuyafiphala;
isibane esiseceleni kwakhe siyacima.
- 7 Izisinde zakhe zamandla ziyadeda;
lamacebo akhe yiwo amlahla phansi.
- 8 Inyawo zakhe zimbeka emambuleni
acine esemthandele.
- 9 Umjibila umhwiphula ngesithende;
isihitshela simuthi nki.
- 10 Isihitshela usifihlelwe phansi;
umjibila uthukuziwe endleleni yakhe.
- 11 Uyethuka ngokwesaba inxa zonke
kumlandelele langaphi aya khona.
- 12 Umonakalo umlambele;
incithakalo imlindele nxa esiwa.
- 13 Kudla ingxenye yesikhumba sakhe;
izibulo lokufa lidla izitho zakhe.
- 14 Uyasuswa ekuvikelekeni kwethente lakhe
aqhutshwe asiwe enkosini yokwesaba.

- 15 Umlilo uhlala ethenteni lakhe;
isolufa evuthayo ichithachithwe emzini wakhe.
- 16 Impande zakhe ziyabuna ngaphansi
lamagatsha akhe abune ngaphezulu.
- 17 Ukukhunjulwa kwakhe kuyaphela emhlabeni;
kalabizo elizweni.
- 18 Uyasuswa ekukhanyeni aye ebumnyameni
njalo axotshwe emhlabeni.
- 19 Kalabantwana loba isizukulwane ebantwini bakibo,
kakho loyedwa owakhe lapho ake ahlala khona.
- 20 Abantu bentshonalanga bayanengwa yisiphetho sakhe;
abantu bempumalanga bayatshaqeka.
- 21 Ngempela linjalo ikhaya lomuntu omubi;
yiyo indawo yalowo ongamaziyo uNkulunkulu.”

19

Impendulo KaJobe

- 1 Wasephendula uJobe wathi:
- 2 “Koze kube nini lilokhu lingichukuluza,
lingicobodisa ngamazwi na?
- 3 Selingithethise amahlandla alitshumi manje;
lingihlasela lingelanhloni.
- 4 Nxa kuliqiniso ukuthi ngiphambukile,
isiphambeko sami ngumlandu wami ngedwa.
- 5 Nxa isibili liziphakamisa ngaphezulu kwami,
lingincindezele ngokuyangeka kwami,
- 6 yazini ukuthi uNkulunkulu ungonile
wangithandela ngomambule wakhe.
- 7 Loba ngingaze ngikhale ngithi, ‘Ngiyahlukuluzwa bo!’
angitholi mpendulo;
loba ngicela uncedo,
kangahlulelwa ngokulunga.
- 8 Uyivalile indlela yami akudluleki;
izindlela zami uzembese ngomnyama.
- 9 Usengiphucile konke ukuhlonitshwa
wangethula umqhele ekhanda lami.
- 10 Ungidabula inxa zonke ngize ngiphele du;
usiphuna ithemba lami njengesihlahla.
- 11 Ulaka lwakhe luyavutha kimi;
ungibalela phakathi kwezitha zakhe.
- 12 Amabutho akhe eza ngamandla;
angakhela isihongo sokungivimbezela
amise egqagqele ithente lami.
- 13 Usenze abafowethu bangihlamuka;
abangane bami sebemelana lami.
- 14 Izihlobo zami sezihambile;
abangane bami sebekhohliwe ngami.
- 15 Izethekeli zami lezincekukazi zami zithi ngingowemzini;
zingikhangela njengowezizweni.

- 16 Ngithi nxa ngibiza isisebenzi sami singasabeli,
lokuba ngisincenga ngomlomo wami.
- 17 Ukuphefumula kwami kuyamnukele umkami;
ngiyenyanyeka kubafowethu.
- 18 Labafanyana bayangiklolodela;
ngithi nxa ngiqhamuka bangihoze.
- 19 Bonke abangane bami abasekhwapheni bayanengeka ngami;
labo engibathandayo sebengifulathele.
- 20 Angiselalutho ngaphandle kwesikhumba lamathambo kuphela;
ngiphephe manayinayi.
- 21 Ngizwelani usizi, bangane bami, wobani losizi,
ngoba isandla sikaNkulunkulu singitshayile.
- 22 Lingilandelelani njengoNkulunkulu na?
Lizakufa lasutha ngenyama yami na?
- 23 Oh, uthi ngabe amazwi ami ayalotshwa,
ngabe abhaliwe emqulwini,
- 24 ngabe athwetshulwe ngensimbi phezu komnuso,
loba agujwe edwaleni lanininini!
- 25 Ngiyazi ukuthi uMhlengi wami uyaphila,
lokuthi ekupheleni uzakuma emhlabeni.
- 26 Kuzakuthi nxa isikhumba sami sesibhujisiwe,
kodwa ngikuyo inyama yami ngizambona uNkulunkulu;
- 27 mina ngokwami ngizambona ngawami amehlo,
mina hatshi omunye.
Inhliziyo yami iyagubhazela ngokulangatha!
- 28 Lingaze lithi, 'Sizamzingela qho
ngoba nguye ozilethele ukuhlupheka,'
- 29 yini okumele liyesabe inkemba;
ngoba intukuthelo izaletsa isijeziso ngenkemba,
lapho-ke lizakwazi ukuthi kulokwahlulela."

20

Impendulo KaZofari

- 1 Wasephendula uZofari umNahama wathi:
- 2 "Imicabango yami ekhathazekileyo ingifuqa ukuthi ngiphendule
ngoba sengikhubekile kakhulu.
- 3 Ngizwa kulokukhuzwa okungilulazisayo
njalo ukuzwisisa kwami kungifuqela ukuthi ngiphendule.
- 4 Ngempela uyakwazi ukuthi kwakuvele kunjani lendulo,
kusukela ukubekwa komuntu emhlabeni,
- 5 ukuthi injabulo yomubi imfitshane,
intokozo yongakholwayo ngeyomzuzwana nje.
- 6 Loba ukuzigqaja kwakhe kufika amazulwini
lekhandla lakhe lithinta emayezini,
- 7 uzabhubha okwaphakade, njengobulongwe bakhe;
labo abake bambona bazakuthi, 'Ungaphi kanti?'

- 8 Njengephupho uyanyamalala angabe esabonwa njalo,
axotshwe njengombono webusuku.
- 9 Ilihlo elake lambona kalisayikumbona njalo;
indawo yakhe ingeke ibe isambona.
- 10 Abantwabakhe bazazincengela ebayangeni
ngezandla zakhe abuyisele inotho yakhe.
- 11 Amadlabuzane obutsha alawo emathanjeni akhe
azalala kanye laye othulini.
- 12 Loba ububi bumnandi emlonyeni wakhe,
ebufihla ngaphansi kolimi lwakhe,
- 13 loba esehluleka ukutshiyana labo
abugcine emlonyeni wakhe,
- 14 kodwa ukudla kwakhe kuzahloba esiswini sakhe;
kuzaphenduka kube yibuhlungu bezinyoka ngaphakathi kwakhe.
- 15 Uzayihlanza yonke inotho ayiginyayo;
uNkulunkulu uzakwenza isisu sakhe sikuhlanze konke.
- 16 Uzamunya ubuhlungu bezinyoka;
amazinyo ebululu azambulala.
- 17 Akayikuyikholisa imifula,
leyomifula egeleza uluju lolaza.
- 18 Lokho akuginqeleyo kumele akubuyise engakudlanga;
akayikuyikholisa inzuzo yokuthengiselana kwakhe.
- 19 Ngoba ubebancindezela abayanga basala bengelalutho;
wathumba izindlu angazakhanga.
- 20 Ngempela akayikudeda kulobubuhwaba bakhe;
ngeke azisindise ngenotho yakhe.
- 21 Akusela lutho angabe esaludla;
ukuphumelela kwakhe kakuyikuma.
- 22 Phakathi kwenotho yakhe uzahlaselwa zinhlupho;
ubuhlungu buzamehlela ngamandla.
- 23 Nxa esesigcwalisile isisu sakhe,
uNkulunkulu uzabhodlisela ulaka lwakhe oluvuthayo kuye
akhwele ehle ngezidutshulo phezu kwakhe.
- 24 Lanxa angaze abalekele isikhali sensimbi
umtshoko wethusi uzamciba.
- 25 Uyawuhwatsha emhlane wakhe,
umcijo wawo ocazimulayo awuhwatshe esibindini.
- Uzangenwa yikwesaba okukhulu;
²⁶ umnyama omkhulu uyilindele inotho yakhe.
- Umlilo ongunumayo uzamqeda
utshise lokho okuseleyo ethenteni lakhe.
- 27 Amazulu azabembula ububi bakhe;
umhlaba uzamvukela.
- 28 Isikhukhula sizayithwala indlu yakhe,
kungamanzi azimpophoma mhla wosuku lolaka lukaNkulunkulu.
- 29 Sinjalo isiphetho uNkulunkulu asimisele ababi,
ilifa abalikhethelwe nguNkulunkulu.”

21

UJobe Uyaphendula

- 1 UJobe wasephendula wathi:
 2 “Lalelani kuhle amazwi ami;
 lokhu akube yinduduzo elingipha yona.
 3 Ake lingibekezelele nxa ngisakhuluma,
 ngithi nxa sengikhulumile liklolode.
 4 Ukusola kwami kuqonde umuntu yini?
 Ngingayekelelani ukucunuka pho?
 5 Ngikhangelani, lizamangala;
 vulani imilomo yenu ngezandla.
 6 Nxa ngikhumbula ngalokhu ngitshaywa luvalo;
 ngizwa umzimba wami uqhaq hazela.
 7 Kungani ababi bephila impilo ende,
 baluphale nje amandla abo esanda?
 8 Babona abantwababo bezinza benamile,
 inzalo yabo layo beyikhangele.
 9 Imizi yabo ihlezi kayilakwesaba;
 induku kaNkulunkulu kayikho phezu kwabo.
 10 Inkunzi zabo zikhuthele ziyazala;
 amankomokazi abo azala kuhle kawaphunzi.
 11 Abantwababo bayazihambela njengomhlambi;
 izingane zabo ziyazigidela zichelesile.
 12 Bayahlabela betshaya izigubhu lamachacho;
 bayazithokozisa ngomsindo wemiqangala.
 13 Yonke iminyaka yabo ngeyokuphumelela
 baze bayongena egodini belokuthula.
 14 Kodwa bathi kuNkulunkulu, ‘Tshiyana lathi!
 Kasifisi ukuzazi izindlela zakho.
 15 Ungubani yena uSomandla ofuna ukuthi simkhonze na?
 Sizazuzani nxa sikhuleka kuye na?’
 16 Kodwa ukuphumelela kwabo kakukho ezandleni zabo,
 ngakho kangisondeli ezelulekweni zababi.
 17 Kodwa kukangaki na isibane sababi sicinywa?
 Kukangaki besehlelwa ngamabhadi na,
 abawabelwa nguNkulunkulu ezondile?
 18 Kukangaki besiba njengomule emoyeni na,
 njengamakhoba ephetshulwa yisivunguzane?
 19 Kuthiwa, ‘UNkulunkulu ulomba isijeziso somuntu
 asibekele amadodana akhe.’
 Kajezise yena umuntu ngokwakhe
 ukuze akwazi!
 20 Amehlo akhe kawakubone
 ukuchithwa kwakhe;
 kalunathe ulaka lukaSomandla.
 21 Ngoba uvele uzihlupha ngani ngemuli avele ezayitshiya
 nxa izinyanga zakhe azabelweyo seziphelile na?
 22 Kambe ukhona ongafundisa uNkulunkulu ulwazi,

- njengoba yena esahlulela labaphezulu na?
- ²³ Umuntu uyafa ephilile kuhle,
kukuhle konke ekhululekile,
- ²⁴ umzimba wakhe uzimukile,
amathambo akhe egcwele umnkantsho.
- ²⁵ Omunye ufa elobuhlungu emphefumulweni wakhe,
evele engakaze akholise lutho oluhle.
- ²⁶ Bobabili balaliswe ndawonye eceleni komunye othulini,
impethu zinyakaze phezu kwabo bobabili.
- ²⁷ Ngiyazi kamhlophe ukuthi licabangani,
amacebo elidinga ukungilimaza ngawo.
- ²⁸ Lithi, 'Ingaphi-ke manje indlu yesikhulu,
amathente okwakuhlala kuwo abantu ababi?'
- ²⁹ Kalikaze libuze labo abahambayo na?
Kalize lananzelela izinto abazilandisayo,
- ³⁰ ukuthi umuntu omubi uyaphepha ngosuku lokubhujiswa na,
ukuthi uyakhululwa ngosuku lwesiphithiphithi?
- ³¹ Kambe ngubani omtshela ngobubi bakhe ebusweni bakhe na?
Ngubani ophindiselayo ngalokho akwenzileyo na?
- ³² Uthwalelwa engcwabeni,
lilindwe ingcwaba lakhe ngemfanelo.
- ³³ Inhlabathi esigodini leso imnandi kuye;
bonke abantu bayamlandela,
banengi kakhulu njalo abahamba kuqala kulaye.
- ³⁴ Pho-ke lingangiduduza njani likhuluma ize nje?
Akusalanga lutho elilutshoyo ngaphandle kwenkohliso."

22

Impendulo Ka-Elifazi

- ¹ U-Elifazi umThemani wasephendula wathi:
- ² "Umuntu angasiza uNkulunkulu na?
Lesihlakaniphi uqobo kambe singamsiza na?"
- ³ Bekungamupha ntokozi bani uSomandla ukulunga kwakho na?
Ubengazuzani ngabe kuthiwa kawulasici na?"
- ⁴ Yikumesaba kwakho yini akukhuzela khona
lakwethesela khona amacala na?"
- ⁵ Kabubukhulu ububi bakho na?
Lezono zakho angithi kazipheli na?"
- ⁶ Wawubiza isibambiso kuba fowenu kungelasizatho;
uhlubula abantu izigqoko zabo basale beze.
- ⁷ Abakhatheleyo wawubancitsha amanzi,
abalambileyo ungabaphi ukudla,
- ⁸ Ianxa wena wawuyindoda elamandla, ulepulazi,
indoda ehlonitshwayo, uphila kulo.
- ⁹ Abafelokazi wabaxotsha ungabaphanga lutho
izintandane waziqeda amandla.
- ¹⁰ Kungenxa yalokho usuhanqwe yimijibila,
usuhlukuluzwa luhlupho masinyane,

- 11 yikho kumnyama kangaka ungasaboni,
njalo yikho ususibekelwa zimpophoma zamanzi.
- 12 UNkulunkulu kakho esiqongweni samazulu na?
Ake ubone phela ukuthi ziphakeme njani izinkanyezi ezisesiqongweni!
- 13 Kodwa wena uthi, 'UNkulunkulu wazini?
Angahlulela phakathi komnyama onje?
- 14 Usithwe ngamayezi amakhulu, ngakho kasiboni
nxa ehambahamba ezulwini eliphezulu.'
- 15 Wena-ke uzakwalela endleleni endala na
eseyahanjwa ngababi?
- 16 Bedluliswa singakafiki isikhathi sabo,
izisekelo zabo zakhukhulwa nguzamcolo.
- 17 Bathi kuNkulunkulu, 'Tshiyana lathi!
USomandla angasenzani na?'
- 18 Ikanti kunguye owagcwalisa izindlu zabo ngezinto ezinhle,
ngakho kangingeni ezelulekweni zababi.
- 19 Abalungileyo bayakubona lokho bathokoze;
abangelacala bayabahleka bathi,
- 20 'Ngempela izitha zethu zichithiwe,
lokuseleyo kwenotho yazo sekubhuhqwe ngumlilo.'
- 21 Zehlise kuNkulunkulu ukuze uwelelane laye;
ngaleyondlela ukuphumelela kuzakuza kuwe.
- 22 Yamukela iziqondiso eziphuma emlonyeni wakhe,
amazwi akhe uwabeké enhliziyweni yakho.
- 23 Nxa ubuyela kuSomandla, uzavuselelwa;
nxa ususa ububi bube kude lethente lakho
- 24 lomthuso wakho uwulahlele othulini,
igolide lakho lase-Ofiri ulilahlele emadwaleni ezifuleni,
- 25 lapho-ke uSomandla uzakuba ligolide lakho,
lesiliva esikhethekileyo kuwe.
- 26 Ngempela uzazuza ukuthokoza kuSomandla
uphakamisele ubuso bakho kuNkulunkulu.
- 27 Uzakhuleka kuye, yena akuzwe,
njalo uzagcwalisa izifungo zakho.
- 28 Lokho okumisileyo kuzakwenziwa,
lokukhanya kuzazikhanyisa izindlela zakho.
- 29 Nxa abantu besehliswa ubususithi, 'Baphakamiseni!'
lapho-ke uzabasiza abahlulukulweyo.
- 30 Uzabasiza lalabo abonayo,
abazakhululwa ngenxa yokubamsulwa kwakho."

23

UJobe Uyaphendula

- ¹ Waphendula uJobe wathi:
- ² "Lalamuhla ukusola kwami kulokhu kubuhlungu kabi,
isandla sakhe siyasinda loba ngibubula kangaka.
- ³ Ngabe ngiyakwazi lapho engingamfumana khona;
aluba nje bengingaya emzini wakhe!

- 4 Bengizayibeka kuhle indaba yami phambi kwakhe
ngigcwalise umlomo wami ngamazwi empikiswano.
- 5 Bengizakuzwa ukuthi yena uphendula athini,
ngikuhlolisise lokho akutshoyo.
- 6 Kambe angangiphikisa ngamandla na?
Hatshi, angazake angethese cala.
- 7 Lapho umuntu ogotho ubengendlala indaba yakhe phambi kwakhe,
njalo bengizakhululwa lanini kumahluleli wami.
- 8 Kodwa nxa ngisiya empumalanga, yena kakho khona;
nxa ngisiya entshonalanga, kangimfumani khona.
- 9 Nxa esemsebenzini enyakatho,
kangimboni;
angaphendukela eningizimu,
kangiboni lokuthi tshazi kwakhe.
- 10 Kodwa uyayazi indlela engihamba ngayo;
nxa esengilingile, ngizaphuma senginjengegolide.
- 11 Inyawo zami bezilokhu zilandelana lezinyathelo zakhe;
ngalela endleleni yakhe angaze ngaphambuka.
- 12 Angigudlukanga emilayweni yezindebe zakhe;
ngiwenze igugu amazwi omlomo wakhe
ukwedlula isinkwa sami sansukuzonke.
- 13 Kodwa uzimele yedwa, ngubani ongaphikisana laye na?
Uyenza loba yini ayifunayo.
- 14 Uyagcwalisa isimiso sakhe ngami,
njalo manengi amacebo anjalo awagcinileyo.
- 15 Yikho-nje ngithuthumela ukuma phambi kwakhe;
ngithi ngingakukhumbula konke lokhu ngimesabe.
- 16 UNkulunkulu usenze inhliziyoyami yaphela amandla;
uSomandla usengethusile.
- 17 Kodwa kawuyikungithulisa umnyama lo,
umnyama lo onzima ovala ubuso bami.”

24

UJobe Uqhubeka Ekhumla

- 1 “Kungani uSomandla engabeki izikhathi zokwahlulela na?
Kungani labo abamazwiyo belindela ize bengazazi lezinsuku na?”
- 2 Abantu bayayiguqula imingcele ngokususa izikhonkwane;
bayayelusa imihlambi entshontshiveyo.
- 3 Bayathatha bahambe lobabhemi wentandane,
bathathe inkabi yomfelokazi ibe yisibambiso.
- 4 Abaswelayo bayabagudlula endleleni
bancindezele abayanga belizweni baze bayocatsha.
- 5 Njengabobabhemi beganga enkangala,
abayanga babhudula ukudla;
egwaduleni kulapho okuzuzwa khona ukudla kwabantwababo.
- 6 Babutha ukudla kwenkomo emasimini
badobhe okuseleyo ezivinini zababi.
- 7 Ngoba bengelazigqoko balala beze ubusuku bonke;

- kabalalutho lokuzembesa emqandweni.
- 8 Bagxoxwa lizulu lezintabeni
bakhusele emadwaleni beswele indawo yokuphephela.
- 9 Umntwana oyintandane uhluthunwa ebeleni;
usane lomyanga luyathunjelwa isikwelede.
- 10 Ngoba bengelazigqoko bahamba ngunu;
bathwala izikhwebu zamabele kodwa belambile.
- 11 Bahluzama ama-oliva emigelweni;
bagidagida esikhamelweni sewayini kodwa bomile.
- 12 Ukububula kwabafayo kuzwakala kuphuma edolobheni,
lemiphefumulo yabalimeleyo ikhala icela uncedo.
Kodwa uNkulunkulu kabeki muntu icala ngenxa yokona.
- 13 Bakhona labo abahlamukela ukukhanya,
abangazaziyo izindlela zalokho kukhanya
loba ukuhlala kuzo.
- 14 Nxa ukukhanya kwemini sekuhambile
isigebenga siyaphuma sibulale abampofu labaswelayo;
ebusuku siyanyonyoba njengesela.
- 15 Ilihlo lesiphingi lilindela ukuhlwa;
sikhumbula sithi, 'Akulamuntu ozangibona,'
sihlala sibusithile ubuso baso.
- 16 Ebumnyameni abantu bayagqokeza izindlu,
kodwa emini bayazivalela endlini;
kabakufuni ukukhanya.
- 17 Bonke labo ubumnyama obukhulu buyikusa kubo;
bathandana lezinto ezesabekayo ezobumnyama.
- 18 Ikanti baligwebu phezu kwamanzi;
esabo isabelo selizwe siqalekisiwe,
ukuze kungayi muntu ezivinini.
- 19 Njengalokhu ukutshisa lokoma kuhangula ungqwaqwane oncibilikayo,
kanjalo ingcwaba liyabahlwitha abenze isono.
- 20 Isibelethe siyabakhohlwa,
impethu zizitike phezu kwabo;
abantu ababi kabasakhunjulwa
kodwa bayafohlozwa njengesihlahla.
- 21 Bancindezela owesifazane oyinyumba longelamntwana,
kumfelokazi kabalamusa.
- 22 Kodwa uNkulunkulu uyazihudulela kude izikhulu ngamandla akhe.
Noma bangaze bahlale bazinze kodwa kabalathemba lempilo.
- 23 Angabayekela bahlale besizwa bevikelekile,
kodwa amehlo akhe ayazibona izindlela zabo.
- 24 Okwesikhatshana nje balodumo, baphinde banyamalale;
bayehliswa njalo bafe njengabo bonke abanye;
bayaqunywa njengezihloko zamabele.
- 25 Aluba lokhu kungenjalo, ngubani ongathi ngilamanga
alulazise amazwi ami abe yize?"

25

UBholidadi Uyaphendula

- 1 Kwathi-ke uBholidadi umShuhi waphendula wathi:
- 2 “Umbuso lesizotha kukuye uNkulunkulu;
nguye omisa konke ngemfanelo ezulwini eliphezulu.
- 3 Amabutho akhe angabalwa na?
Ngubani ongaphunyelwa yikukhanya kwakhe na?
- 4 Pho umuntu angaba ngolungileyo njani kuNkulunkulu na?
Angenza njani ozelwe ngowesifazane ukuthi ahlanzeke na?
- 5 Khangela, nxa inyanga ngokwayo ingakhazimuli,
lezinkanyezi zingahlanzekanga emehlweni akhe,
- 6 pho umuntu-ke usilela kanganani, oyimpethu nje,
umuntu, oyinhlava nje kuphela!”

26

UJobe Uyaphendula

- 1 UJobe wasephendula wathi:
- 2 “Usumsize njani ongelamandla!
Usuyilamulele njani ingalo ebuthakathaka!
- 3 Yiseluleko esinjani osusiphe lowo ongelakuhlakanipha!
Njalo usubonise mbono bani!
- 4 Ngubani okuncedisileyo ukukhuluma amazwi la na?
Ngokabani umoya okhulume ngomlomo wakho na?
- 5 Abafileyo basebuhlungwini obukhulu,
labo abangaphansi kwamanzi lalabo abahlala kuwo.
- 6 UKufa kwambulekile phambi kukaNkulunkulu;
ikhamisile indawo yokubhubha.
- 7 Uyawendlala umkhathi wenyakatho endaweni engelalutho;
aphanyeke umhlaba phezu kweze.
- 8 Ugoqele amanzi emayezini akhe,
kodwa amayezi kawapatshaki yikusindwa ngamanzi.
- 9 Uyayigubuzela inyanga egcweleyo,
endlale amayezi phezu kwayo.
- 10 Umisa umkhawulo wokwengama umkhathi emanzini
kuba ngumngcele phakathi kokukhanya lobumnyama.
- 11 Izinsika zamazulu ziyamazama,
zisethuswa yikukhuza kwakhe.
- 12 Ngamandla akhe waluthulisa ulwandle;
ngenhlakanipho yakhe waquma uRahabi waba yiziqa.
- 13 Ngomoya wakhe umkhathi wacethula;
isandla sakhe sayigwaza inyoka ibaleka.
- 14 Njalo le yimisebenzi yakhe engaphandle nje ekucineni;
esikuzwayo yilizwana nje lokunyenyenza kwakhe!
Pho ngubani ongawuzwisisa umdumo wamandla akhe na?”

27

Amazwi KaJobe Okucina Ebanganini Bakhe

- 1 UJobe waqhubeka ngenkulumo yakhe wathi:

- 2 “Ngifunga ngoNkulunkulu ophilayo,
ngubani ongithathele ilungelo lami lokwahlulelwa ngokulunga,
uSomandla, ongizwise ubuhlungu bomphefumulo,
- 3 nxa ngilokhu ngiselempilo ngaphakathi kwami,
umphefumulo kaNkulunkulu usemakhaleni ami,
- 4 izindebe zami kazisoze zikhulume ububi,
lolimi lwami kaluyikukhuluma inkohliso.
- 5 Kangisoze ngivume ukuthi lina lilungile ngelikutshoyo;
ngizaze ngiyekufa ngingabulandulanga ubuqotho bami.
- 6 Ngizakugcina ukulunga kwami ngingakuyekeli;
umzwangedwa wami kawuyikungihlupha empilweni yami.
- 7 Sengathi izitha zami zingaba njengababi,
abaxabana lami babe njengabangaqondanga!
- 8 Ngoba ulethemba bani ongakholwayo nxa esefile,
uNkulunkulu angathatha impilo yakhe na?
- 9 UNkulunkulu uyakulalela yini ukukhala kwakhe
nxa usizi lumehlela na?
- 10 Uzakuthola yini ukuthokoza kuSomandla?
Uzacela kuNkulunkulu sonke isikhathi na?
- 11 Ngizalifundisa mayelana lamandla kaNkulunkulu;
izindlela zikaSomandla kangiyikuzifihla.
- 12 Lonke lizibonele lokhu ngokwenu.
Pho, ngeyani inkulumo yonke le eyize na?
- 13 Nansi isabelo uNkulunkulu asiqumela ababi,
ilifa elemukelwa ngumuntu olesihluku sivela kuSomandla:
- 14 Loba bebanengi njani abantwabakhe, isabelo sabo yinkemba;
lenzalo yakhe kayisoze lanini izuze ukudla okwaneleyo.
- 15 Isifo esibi sizabangwaba labo abatshiywa nguye besaphila,
labafelokazi babo kabayikubalilela.
- 16 Lokuba angaze abuthelele isiliva njengothuli
lezigqoko zibe yinqwaba njengodaka,
- 17 lokho akubuthelelayo abalungileyo bazakugqokela,
labangelacala bazakwaba isiliva sakhe.
- 18 Indlu ayakhayo injengesidleke sobulembu,
njengedumba elenziwe ngumlindi.
- 19 Uthi esiyalala enothile, kodwa kasayikuphinda njalo;
uthi esevula amehlo, konke sekuphelile.
- 20 Utshaywa luvalo kungathi ufuqwa yisikhukhula;
isiphapho siyamhwitha ebusuku.
- 21 Umoya wempumalanga udlula laye, anyamalale;
uyamkhukhula endaweni yakhe.
- 22 Utshaya phezu kwakhe ngesihluku
esithi uyabaleka ecambalele evika amandla awo.
- 23 Utshaya izandla umhleka ulunya
uvunguza laye umsusa endaweni yakhe.”

28

Lapho Okutholakala Khona Inhakanipho

- 1 Kulomgodi wesiliva
lendawo lapho okucengwa khona igolide.
- 2 Insimbi ithathwa emhlabathini,
lethusi lincibilikiswa emanyeleni.
- 3 Umuntu uyawuxotsha umnyama;
uguduza ezingoxweni eziphansi kude
edinga amanye emnyameni othe bhuqe.
- 4 Khatshana kwezindawo zabantu ugebha umgodi,
ezindaweni lapho okungafiki nyawo lwamuntu;
khatshana kwabantu uyalenga, azunguzeke.
- 5 Umhlaba, okuphuma kuwo ukudla,
uyaguquka ngaphansi ingathi utshiswe ngomlilo;
- 6 amasafire amatshe amahle ayaphuma emadwaleni,
uthuli lwawo lugcwele igolide.
- 7 Kakukho nyoni edla inyama eyaziyo leyondlela efihlekileyo,
kakulalihlo laluphi ukhozi oselwake lwayibona.
- 8 Izilo ezizithembileyo kazilubeki unyawo kuyo,
njalo kakulasilwane esizingela khona.
- 9 Isandla somuntu yiso esihlasela idwala eliyinsengetshe
siveze obala impande zezintaba.
- 10 Uyaligubha idwala angene;
ilihlo lakhe liwabone wonke amagugu alo.
- 11 Uyathungatha lapho okudabuka khona imifula
aveze obala izinto ezifihlekileyo.
- 12 Kodwa ukuhlakanipha kungafunyanwa ngaphi na?
Kuhlala ngaphi na ukuzwisisa?
- 13 Umuntu kakuzwisisi ukuqakatheka kwakho;
kakufunyanwa elizweni labaphilayo.
- 14 Phansi ekujuleni kuthi, “Kakukho kimi”;
ulwandle luthi, “Kangilakho mina.”
- 15 Kungeke kwathengwa ngegolide elicolekileyo,
njalo lentengo yakho ingeke yalinganiswa ngesiliva.
- 16 Kungeke kwathengwa ngegolide lase-Ofiri,
loba nge-onikisi kumbe isafire.
- 17 Kungazake kulinganiswe legolide loba amatshe akhazimulayo,
njalo kakuzuzwa ngemicciso yegolide.
- 18 Amatshe amahle ekhotali lejaspa lawo kawabalwa lapha;
intengo yokuhlakanipha ingaphezulu kwamarubhi.
- 19 Ithophazi yaseKhushi ngeke ilinganiswe lakho;
ngeke kuthengwe langegolide elicolekileyo.
- 20 Pho kuvela ngaphi ukuhlakanipha na?
Kuhlala ngaphi ukuzwisisa?
- 21 Kufihliwe emehlweni ento yonke ephilayo,
kucatshisiwe lakuzo izinyoni zasemoyeni.
- 22 INcithakalo loKufa kuthi,
“Amahungahunga akho yiwo kuphela esiwezwayo.”

- 23 UNkulunkulu uyayizwisisa indlela yakho
njalo nguye yedwa okwaziyo lapho okuhlala khona,
24 ngoba uyayikhangela imikhawulo yomhlaba
akubone konke okungaphansi kwamazulu.
25 Wathi emisa umfutho womoya,
elinganisa isimo samanzi,
26 wathi ebeka umthetho wezulu elinayo
lendlela yezulu elilesiphepho,
27 wasekukhangela ukuhlakanipha wakuhlola butsha;
wakukholwa wakuqinisa, wakulinga ukuthi kuqinile.
28 Wathi emuntwini,
“Ukumesaba uThixo yikho ukuhlakanipha,
lokuxwaya ububi yikho ukuzwisisa.”

29

Ukuzigeza KukaJobe Kokucina

- ¹ UJobe waqhubeka ngenkulumo yakhe wathi:
² “Ngiyaziloyisa lezozinyanga esezadlulayo,
lezinsuku uNkulunkulu esangilinda,
³ lapho isibane sakhe sisakhanyisa phezu kwekhanda lami
ngihamba ngokukhanya kwakhe emnyameni!
⁴ Oh, lezinsuku ngisazizwa ukuthi ngiyimi,
lapho ubudlelwano obukhulu loNkulunkulu busesendlini yami,
⁵ lapho uSomandla eseselami
labantwabami besaphila lami,
⁶ lapho indlela yami ifafazwe ngolaza ledwala
lingithululela impophoma zamafutha e-oliva.

⁷ Ekuyeni kwami emasangweni edolobho
ngafika ngahlala enkundleni,
⁸ amajaha angibona agudluka ema eceleni,
abadala baphakama bema ngezinyawo;
⁹ amadoda ayizikhulu athula akaze akhuluma
avala imilomo yawo ngezandla zawo;
¹⁰ amazwi ezikhulu ehliiselwa phansi,
inlimi zazo zanamathela olwangeni lwazo.
¹¹ Loba ngubani owangizwayo wakhuluma kuhle ngami,
kwathi labo abangibonayo bangibuka,
¹² ngoba ngalamulela abayanga abacela uncedo,
lezintandane ezazingelamsizi.
¹³ Indoda eyayisifa yangibusisa;
ngenza inhliziyu yomfelokazi yahlabelela.
¹⁴ Ngavunula ukulunga njengezigqoko zami;
ukwahlulela ngokulunga kwaba yisembatho sami lengwane yami.
¹⁵ Ngangingamehlo kwabayiziphofu
lezinyawo kwabaqhulayo.
¹⁶ Nganginguyise kwabaswelayo;
ngayimela indaba yesihambi.
¹⁷ Ngawephula amazinyo ababi
ngahluthuna labo ababebabambile ngamazinyo abo.

- 18 Ngakhumbula ngathi, 'Ngizafela endlini yami,
insuku zami zinengi njengezinhlamvu zetshebetshebe.
- 19 Impande zami zizafinyelela emanzini,
amazolo azalala emagatsheni ubusuku bonke.
- 20 Udumo lwami luzahlala lulutsha kimi,
idandili lami lilitsha esandleni sami.'
- 21 Abantu babengilalela belethemba,
belindele ukwelulekwa bethule zwi.
- 22 Nxa sekukhulume mina, kungakhulumi omunye njalo;
amazwi ami ayengena kamnandi ezindlebeni zabo.
- 23 Babengilindela njengokulindela izulu,
bawanathe amazwi ami njengezulu lentwasa.
- 24 Ngangisithi ngingababobothekela, bathabe bangakholwa;
ukukhanya kobuso bami kwakuligugu kubo.
- 25 Yimi engangibakhethela ukuthi benzeni ngoba ngisanduna kubo;
ngangihlala njengenkosi phakathi kwamabutho ayo;
ngangifana lomduduzi wabalilayo."

30

UJobe Uqhubeka Ekhuluma

- 1 "Kodwa manje bayangiklolodela,
amadoda angabantwana kimi,
oyise engangingabehlista
ngibelusise izimvu zami.
- 2 Amandla ezandla zabo ayengangisiza ngani mina,
ngoba amadlabuzane abo ayesephelile;
- 3 sebejujukile ngokuswela langendlala,
bazula elizweni elomileyo
emangweni eyinkangala engelalutho ebusuku.
- 4 Enkotheni khonale bakha imibhida emunyu,
ukudla kwabo kuzimpande zezihlahla.
- 5 Baxotshwa ebantwini bakibo,
bathethiswa kungathi babengamasela.
- 6 Kwasekumele bahlale ezihotsheni zezifula ezomileyo,
ezimbalwini emadwaleni lemilindini emhlabathini.
- 7 Bakhonya phakathi kwezihlahla
baququbala ezixukwini.
- 8 Base bengabantu abaphansi abangaselabizo,
sebexotshiwe elizweni.
- 9 Kodwa manje amadodana abo asengihaya ngengoma;
sengiyisiga kubo.
- 10 Bayangenyanya njalo bamela khatshana lami;
kabathikazi ukungikhafulela ebusweni.
- 11 Khateshi njengoba uNkulunkulu eselithukulule idandili lami
wangitshaya ngezinhlupheko,
sebeklamasa kabasazithinti.
- 12 Kwesokunene kwami ixuku liyangihlasela;
bathiya inyawo zami ngemijibila
bakhe imibundu yokungivimbezela.

- 13 Badiliza indlela yami;
bayaphumelela ukungibhidliza
besithi 'Akekho ozamsiza.'
- 14 Bahlasela ingathi bafohllela esivulekileyo;
beza bethululeka phezu kwezinqwaba zamanxiwa.
- 15 Ukwesaba okukhulu kungiphethe;
isithunzi sami sobuntu singathi siphethwe ngumoya,
ukuvikeleka kwami kunyamalala njengeyezi.
- 16 Manje impilo yami isincipha;
insuku zokuhlupheka zingibambe nko.
- 17 Ubusuku bugwaza amathambo ami;
lokuqaqamba kobuhlungu bami kakupheli.
- 18 Ngamandla akhe amakhulu uNkulunkulu unjengelembu kimi;
uyangikhama ngamabheqe entanyeni yami.
- 19 Ungivoxela edakeni,
ngicina sengiluthuli lomlotha.
- 20 Ngikhala kuwe, Oh Nkulunkulu, kodwa kawuphenduli;
ngiyasukuma, kodwa uyangikhangela kuphela.
- 21 Ungisukela ngesihluku;
ungihlasela ngamandla esandla sakho.
- 22 Uyangihlwitha ngiphetsulwe ngumoya;
ngiphoseke le lale phakathi kwesiphepho.
- 23 Ngiyazi ukuthi uzangilalisa phansi ekufeni,
endaweni emiselwe konke okuphilayo.
- 24 Ngempela kakho ombeka isandla umuntu oswelayo
nxa ekhalela ukusizwa esebunzimeni.
- 25 Kangibakhalelanga yini labo abahluphekileyo?
Umoya wami kawubazwelanga usizi abayanga na?
- 26 Kodwa ngathi ngilindele ubuhle, kweza ububi;
ngathi ngilindele ukukhanya kweza ubumnyama.
- 27 Ukudunguluka ngaphakathi kwami kakukhawuli;
insuku zokuhlupheka zingijamele.
- 28 Ngihamba nje ngimnyama kubi, kungesikutshiswa lilanga;
ngiyasukuma enkundleni ngicele uncedo.
- 29 Sengingumfowabo wamakhanka,
umkhula wezikhova.
- 30 Isikhumba sami siba mnyama, siyaxathuka;
ngizimba wami uyatshisa ngomkhuhlane.
- 31 Ichacho lami selilungiselwe isililo,
lomqangala wami ulindele umkhosi wokukhala."

31

UJobe Uqhubeka Ekhuluma

- 1 "Ngasenza isivumelwano lamehlo ami
ukuthi angakhangeli intombi ayihawukele.
- 2 Siyini isabelo somuntu asabelwe nguNkulunkulu ophezulu na,
ilifa lakhe elivela kuSomandla phezulu?"

- 3 Akusikubhujiswa kwababi
lokutshabalaliswa kwalabo abenza okubi na?
- 4 Kanti kaziboni yini izindlela zami
abale zonke izinyathelo zami?
- 5 Nxa ngike ngahamba ngokwamanga
loba unyawo lwami lwakhuthalela inkohliso
- 6 uNkulunkulu akangikale esikalini sakhe esiqotho
ukuze abone ukuthi angilasici,
- 7 nxa izinyathelo zami zike zaphambuka endleleni,
nxa inhliziyo yami ikhokhelwe ngamehlo ami,
noma kumbe izandla zami zike zangcoliswa,
- 8 lapho-ke abanye kabazidlele lokho engikuhlanyeleyo,
njalo amabele ami kawasitshunwe.
- 9 Nxa inhliziyo yami ike yakhangwa ngowesifazane,
kumbe nxa ngike ngacathama ngasemnyango kamakhelwane,
- 10 lapho-ke owami umfazi kacholele enye indoda,
njalo amanye amadoda kawalale laye.
- 11 Ngoba lokho bekuzakuba lihlozo,
isono esifanele ukwahlulelwa.
- 12 Kungumlilo otshisayo onguMaqothula;
ngabe kwasiphuna isivuno sami.
- 13 Nxa ngingaphathanga kuhle izisebenzi zami,
esesilisa lesesifazane
nxa kukhona abakusolayo kimi,
- 14 ngizakuthini lapho uNkulunkulu esengibuza ngakho na?
Ngizaphendula ngithini nxa sekumele ngichaze na?
- 15 Yena lowo owangenzayo esibeletweni kabenzanga labo na?
Kasuye yini yena kanye owasenzayo sonke
phakathi kwezisu zabomama na?
- 16 Nxa ngilahlele eceleni izifiso zabayanga
loba ngayekela amehlo omfelokazi edinwa yizinyembezi,
- 17 nxa ngizidlele ngedwa isinkwa sami,
ngingasabelani lezintandane,
- 18 kodwa ebutsheni bami ngabondla njengaboyise,
njalo kusukela ekuzalweni kwami ngamkhokhela umfelokazi,
- 19 nxa ngike ngabona umuntu esifa ngokuswela izigqoko,
loba umuntu oswelayo engelasivunulo,
- 20 njalo inhliziyo yakhe ayingibuisanga
ngokumfudumeza ngoboya bezimvu zami,
- 21 nxa ngike ngaphakamisa isandla sami phezu kwentandane,
kodwa mina ngikwazi ukuthi bayangilalela emthethwandaba,
- 22 nxa kunjalo kayikhumuke ingalo yami kusukela ehloombe,
kayepfulwe endololwaneni.
- 23 Ngoba ngesaba ukubhubhisa kukaNkulunkulu,
kwathi ngokwesaba inkazimulo yakhe,
ngayekela ukwenza izinto ezinjalo.

- 24 Nxa ngifake ithemba lami phezu kwegolide,
loba ngathi kulo igolide elicolekileyo, 'Ulithemba lami,'
- 25 nxa bengithokoziswa yinotho yami enengi,
lenzuzo evele ngezandla zami,
- 26 nxa ngilikhangele ilanga libenyezela
loba inyanga ihamba ngenkazimulo,
- 27 yaze yayengeka inhliziyi yami ngaphakathi
nganga isandla sami ukuzikhonza,
- 28 lezi lazo yizono ebezifanele ukwahlulelwa,
ngoba bengizabe ngingathembekanga kuNkulunkulu ophezulu.
- 29 Nxa ngike ngathokoza ngomnyama owehlele isitha sami
kumbe ngagqabhaza ngohlupho olumehleleyo,
- 30 kangivumelanga umlomo wami ukuba wenze isono
ngokuqalekisa ukuphila kwakhe,
- 31 nxa abantu bendlu yami bengakaze bathi,
'Ngubani ongazange azitike ngenyama kaJobe na?'
- 32 kodwa kakulasihambi esake salala emgwaqweni,
ngoba umnyango wami wawuhlala uvulelwe izihambi
- 33 nxa ngisithukuzile isono sami njengokwenziwa ngabantu,
ngokufihla umlandu wami enhliziyweni yami
- 34 ngoba ngisesaba abantu
ngithuthunyeliswa yikweyiswa ngabosendo
ngazithulela ngaze ngala lokuphumela phandle.
- 35 (Oh, kube ukhona ongizwayo!
Sengisayina incwadi yokuzivikela kwami,
uSomandla kangiphendule;
ongimangalelayo kabhale phansi
icala angethesa lona.
- 36 Leyoncwadi ngingayithwala ehlo mbe lami,
ngingayithwala ekhanda njengomqhele.
- 37 Bengingamchazela ngokugcweleyo
ngazozonke izinyathelo zami;
ngisondele kuye njengenkosana.)
- 38 Nxa ilizwe lakithi lingiphika
lemifolo yalo imanzi ngezinyembezi,
- 39 nxa ngike ngadla izithelo zalo angaze ngabhadala
loba ngephula imimoya yabanikazi,
- 40 nxa kunjalo kakumile ameva esikhundleni sengqoloyi,
lokhula esikhundleni sebhali."
Aphela lapha amazwi kaJobe.

32

Inkulumo Ka-Elihu

¹ Amadoda la womathathu ema ukuphendula uJobe ngoba wayelungile ngokubona kwakhe.

² Kodwa u-Elihu indodana kaBharakeli umBhuzi, owendlu kaRamu, wamzondela uJobe ngokuzigeza yena endaweni yokugezwa nguNkulunkulu.

³ Wayebazondele njalo labangane labo bobathathu ngoba baben-
gayitholanga indlela yokuphikisa uJobe kodwa bemlahlile ngokumsola.

⁴ U-Elihu wayeke wema ukukhuluma loJobe ngoba babebadala kulaye.

⁵ Kodwa kwathi esebona ukuthi wonke amadoda womathathu ayengase-
lalutho ayengalutsho, ulaka lwakhe lwavutha.

⁶ Ngakho-ke u-Elihu indodana kaBharakeli umBhuzi wathi:
“Ngimncinyane ngeminyaka,
lina libadala;

yikho bengisesaba,
ngithikaza ukutsho engikwaziyo.

⁷ Ngikhumbule ngathi, ‘Kakukhulume ubudala;
iminyaka yokukhula kayifundise ukuhlakanipha.’

⁸ Kodwa kungumoya osemuntwini,
ukuphefumula kukaSomandla, okumupha ukuqedisisa.

⁹ Kakusibo bodwa abadala abahlakaniphileyo,
njalo kakusibo bodwa abalupheleyo abakuzwisisayo okulungileyo.

¹⁰ Ngakho ngithi: Lalelani kimi;
lami ngizalitshela engikwaziyo.

¹¹ Bengithule lisakhuluma,
ngikulalele ukucabanga kwenu;
lathi lisadinga amazwi,

¹² ngalilalela ngokupheleleyo.

Kodwa kakho lamunye kini otshengise ukuthi uJobe ulahlekile;
kakho omunye wenu osephendule imibono yakhe.

¹³ Lingaze lathi, ‘Sesikutholile ukuhlakanipha;
uNkulunkulu kaveze ukuphosisa kwakhe, hatshi umuntu.’

¹⁴ Kodwa uJobe kakaqondisisi amazwi akhe kimi,
futhi kangiyikumphendula ngendlela yenu yokuphikisa.

¹⁵ Sebededile kabaselakho okunye abangakutsho;
sebesilela amazwi.

¹⁶ Ngike ngime na njengoba sebethule,
sebemi nje laphayana bengaselampendulo?

¹⁷ Lami ngisake ngikhulume;
lami ngizakutsho engikwaziyo.

¹⁸ Ngoba manengi amazwi engilawo,
umoya ongaphakathi kwami uyangifuqa;

¹⁹ ngaphakathi ngiyafuthelana njengewayini elivalelwe embodloleni;
njengemixhaka yewayini esifuna ukudubuka.

²⁰ Kumele ngikhulume ukuze ngibhodle;
kumele ngivule indebe zami ngiphendule.

²¹ Kangizukutshengisa ubandlululo loba kukubani,
futhi kangisoze ngiyenge muntu;

²² ngoba ngabe ngangiligabazi ekukhulumeni,
uMenzi wami ubezangisusa masinyane.”

- 1 “Khathesi-ke, Jobe, lalela amazwi ami;
lalelisisa konke engikutshoyo.
- 2 Sengizawuvula umlomo wami;
amazwi ami asesolimini lwami.
- 3 Amazwi ami aphuma enhliziyweni eqotho;
izindebe zami zikhuluma ngokukholwa lokho engikwaziyo.
- 4 UMoya kaNkulunkulu wangenza;
umphefumulo kaSomandla ungipha impilo.
- 5 Ngiphendula nxa usenelisa;
zilungiselele ukuthi ungiphikise.
- 6 Lami nginjengawe phambi kukaNkulunkulu;
lami njalo ngathathwa emhlabathini.
- 7 Ukungesaba kwakho makungakwethusi,
njalo isandla sami masingasindi kuwe.
- 8 Kodwa ukhulumile ngisizwa,
ngiwezile amazwi wona kanye,
- 9 ‘Ngimsulwa njalo kangilasono;
ngihlanzekile kangilamlandu.
- 10 Ikanti uNkulunkulu ubone okusolekayo kimi;
ungithatha njengesitha sakhe.
- 11 Uyazikhina inyawo zami ngezibopho;
uyaziqaphelisisa zonke izindlela zami.’
- 12 Kodwa ngiyakutshela ukuthi lapha uyalahleka,
uNkulunkulu mkhulu kulomuntu.
- 13 Kungani umsola
usithi kaphenduli amazwi omuntu na?
- 14 Ngempela uNkulunkulu uyakhuluma,
khathesi akhulume ngale indlela,
aphinde akhulume ngenye
lokuba umuntu angaze akunanzelela.
- 15 Kungaba ngephupho, kube ngombono ebusuku
lapho abantu belele befile
bethe nya emibhedeni yabo,
- 16 angakhuluma ezindlebeni zabo,
abethuse ngezixwayiso,
- 17 ukuze aguqule umuntu ekwenzeni okubi
aqede ukuzikhukhumeza kwakhe,
- 18 ukulondoloza umphefumulo wakhe ungayi egodini,
lempilo yakhe ingabhubhi ngenkamba.
- 19 Loba umuntu angajeziswa ngobuhlungu esembhedeni wakhe,
langokuqaqamba okungathuliyo emathanjeni akhe,
- 20 aze ezwe umzimba wakhe usunengwa yikudla
lomoya wakhe usenyanya lokudla okumnandi kakhulu.
- 21 Inyama yakhe iyacikizeka iphele,
lamathambo akhe ayekade evaliwe abonakale egcekeni.
- 22 Umoya wakhe uyasondela egodini,
lempilo yakhe kuzo izithunywa zokufa.
- 23 Kodwa nxa kulengilosi eceleni kwakhe,

- engumeli, eyodwa phakathi kwenkulungwane,
 ukutshela umuntu okuyikho okumfaneleyo,
 24 ukuba lomusa kuye isithi,
 'Mxolele angayingena egodini;
 sengimzuzele inhlawulo yakhe yokumhlenga
 25 bese inyama yakhe ivuselelwa njengeyomntwana;
 iyavuselelwa ibe njengezinsukwini zobutsha bakhe.'
 26 Uyakhuleka kuNkulunkulu amthokozele,
 abubone ubuso bukaNkulunkulu amemeze ngentokozi;
 uyabuyiselwa nguNkulunkulu esimeni sakhe sokulunga.
 27 Kuthi-ke abesebuya ebantwini athi,
 'Ngenza isono, ngahlanekela okulungileyo,
 kodwa kangisazuzanga obekungifanele.
 28 Wawuhlenga umphefumulo wami ukuze ungayi egodini,
 ngakho ngizaphila ukuze ngikholise ukukhanya.
 29 UNkulunkulu uyazenza zonke lezizinto emuntwini
 kabili, noma kathathu
 30 ukubuyisa umphefumulo wakhe ungayi egodini,
 ukuthi isibane sokuphila sikhanye kuye.
 31 Nanzelela, Jobe, ulalele kimi;
 thula kukhulume mina.
 32 Nxa ulolutho lokutsho, ngiphendula;
 khuluma sibili, ngoba ngifuna ukuthi ugezwe umlandu.
 33 Kodwa nxa lungekho lalela kimi;
 thula zwi mina ngizakufundisa ukuhlakanipha."

34

U-Elihu Uqhubeka Ekhuluma

- 1 U-Elihu waqhubeka esithi:
 2 "Zwanini amazwi ami, lina madoda ahlakaniphileyo;
 lalelani kimi, lina madoda ayizifundiswa.
 3 Phela indlebe iyawahlola amazwi
 njengolimi lunambitha ukudla.
 4 Asizihluzeleni thina okulungileyo;
 kasifundeni ndawonye okuhle.
 5 UJobe uthi, 'Kangilacala,
 kodwa uNkulunkulu kangahluleli ngokulunga.
 6 Loba mina ngiqondile,
 kuthiwa ngilamanga;
 loba ngingelacala,
 umtshoko wakhe ungihlaba isilonda esingelaphekiyo.'
 7 UJobe kanti ungumuntu bani,
 onatha ukuklolodela njengamanzi?
 8 Uzwanana labantu abenza ububi;
 uhambisana labantu ababi.
 9 Ngoba uthi, 'Umuntu kakumsizi ngalutho
 ukuzama ukuthokozisa uNkulunkulu.'

- 10 Ngakho lalalani kimi lina madoda azwisisayo.
Kakube khatshana laye uNkulunkulu
ukwenza ububi, khatshana kukaSomandla ukona.
- 11 Uyamphindisela umuntu ngalokho akwenzileyo;
umehlisela lokho okufanele ukuziphatha kwakhe.
- 12 Kakungeni enggondweni
ukuthi uNkulunkulu angenza ububi,
ukuthi uSomandla
angakutshila ukwahlulela ngokulunga.
- 13 Ngubani owambekayo phezu komhlaba na?
Ngubani owathi kalawule umhlaba wonke na?
- 14 Aluba wayengathanda
asuse umoya wakhe lokuphefumula,
- 15 bonke abantu babengatshabalala kanyekanye,
umuntu wayezabuyela othulini.
- 16 Nxa lilokuzwisisa, zwanini lokhu;
lalalani lokhu engikutshoyo.
- 17 Kambe lowo ozonda ukwahlulela ngokulunga angabusa na?
Liyamahlala yini Yena oqotho njalo olamandla?
- 18 Kayisuye yini othi emakhosini, 'Kalisizi lutho,'
athi kwabayizikhulu, 'Libabi,'
- 19 ongatshengisi ukwazisa amakhosana kulabanye
loba athande abanothileyo kulabayanga,
ngoba bonke bangumsebenzi wezandla zakhe?
- 20 Bayafa nje masinyane, loba phakathi kobusuku;
abantu bayanyikinywa bedlule;
abalamandla bayasuswa kungelasandla somuntu.
- 21 Amehlo akhe aphezu kwezindlela zabantu;
ubona zonke izinyathelo zabo.
- 22 Akulandawo emnyama loba ithunzi elisithileyo,
lapho abenzi bobubi abangacatsha khona.
- 23 UNkulunkulu kasweli ukuthi aphinde abahlolisise abantu,
ukuze abalethe ekwahlulelweni phambi kwakhe.
- 24 Engaqalanga wahlola uyabaphahlaza abalamandla
abeke abanye endaweni yabo.
- 25 Ngoba ezinanzelela izenzo zabo,
uyabagenqula ebusuku bahlifizeke.
- 26 Uyabajezisa ngenxa yobubi babo
kuba segcekeni emuntwini wonke,
- 27 ngoba baphambuka ekumlandeleni
abaze banaka layiphi indlela yakhe.
- 28 Benza ukukhala kwabayanga kweza phambi kwakhe,
laye wakuzwa ukukhala kwabasweleyo.
- 29 Kodwa nxa elokhu ezithulele, ngubani ongamsola na?
Angafihla ubuso bakhe ngubani ongambona na?
- Kanti uphezu komuntu lesizwe ngokufanayo,
30 ukwalela ongamesabiyo uNkulunkulu ukuthi abuse,
ukuze angafakeli abantu izifu.

- 31 Akesithi umuntu athi kuNkulunkulu,
'Ngilecala kodwa kangisayikona njalo.
- 32 Ngifundisa lokho engingakuboniyo;
nxa ngenze okubi, kangisayikuphinda ngikwenze.'
- 33 Pho uNkulunkulu akuvuze ngokwentando yakho na,
wena usala ukuphenduka?
Kumele ukhethe wena, hatshi mina;
ngakho ngitshela lokho okwaziyo.
- 34 Amadoda alokuqedisisa azakutsho,
amadoda ahlakaniphileyo abangizwayo ngisithi kini,
- 35 'UJobe ukhuluma engelalwazi;
amazwi akhe kawalambono.'
- 36 Oh, uJobe angasake alingwe ngokweqileyo
ngoba uphendule njengomuntu omubi!
- 37 Phezu kwesono sakhe wengeza ukuhlamuka;
uyakloloda ngokuqakeza izandla zakhe phakathi kwethu
andise amazwi akhe aphikisa uNkulunkulu."

35

U-Elihu Uqhubeka Ekhuluma

- 1 U-Elihu wasesithi:
2 "Ukhumbula ukuthi lokhu kulungile yini?
Uthi, 'Ngizagezwa nguNkulunkulu.'
- 3 Kodwa uyambuza uthi, 'Kungisiza ngani lokhu na,
njalo ngizuzani ngokungenzi isono?'
- 4 Ngithanda ukukuphendula
kanye labangane bakho abalapha.
- 5 Ake ukhangele emazulwini ubone;
khangelana amayezi aphakeme kangaka ngaphezu kwakho.
- 6 Ungaze wenze isono, lokho kumthinta ngani na?
Nxa izoni zakho zizinengi, kwenzani lokho kuye na?
- 7 Nxa ulungile, kuyini omnika khona wena na,
kumbe yena wamukelani esandleni sakho?
- 8 Ububi bakho bulimaza kuphela umuntu onjengawe,
lokulunga kwakho kuthinta amadodana abantu kuphela.
- 9 Abantu bayakhala ngomthwalo wokuncindezelwa;
bacela ukuphunyuzwa ezingalweni zalabo abalamandla.
- 10 Kodwa kakho othi, 'Ungaphi uNkulunkulu uMenzi wami na,
opha amahubo ebusuku,
- 11 osifundisayo thina kulezinyamazana zalapha emhlabeni
asenze sihlakaniphe kulezinyoni zasemoyeni?'
- 12 Kaphenduli nxa abantu bebiza
ngenxa yokuziphakamisa kwababi.
- 13 Ngempela uNkulunkulu kakulaleli ukuncenga kwabo kwamanga;
uSomandla kayilaleli into enjalo.
- 14 Kuzakuba njani pho, angakulalela
nxa usithi kawumboni,
usithi indaba yakho iphambi kwakhe

- ngakho kuzamele ulinde yena,
 15 njalo futhi, ukuthi ulaka lwakhe kalujezisi
 njalo akabunanzi lakancane ububi.
 16 Yikho uJobe evula umlomo wakhe ekhuluma ize;
 ngokuswela ulwazi wandisa amazwi.”

36

U-Elihu Uqhubeka Ekhuluma

- 1 U-Elihu waqhubeka esithi:
 2 “Ake lingibekezelele okwesikhatshana ukuze ngilitshengise
 ukuthi kunengi okumele kutshiwo ngobuhle bukaNkulunkulu.
 3 Ngiluzuza kude ulwazi lwami;
 ngithi ukwahlulela okulungileyo ngokukaMenzi wami.
 4 Yiba leqiniso ukuthi amazwi ami aqinisile;
 yena opheleleyo elwazini ulawe.
 5 UNkulunkulu ulamandla, kodwa keyisi muntu;
 ulamandla njalo katshedi ezimisweni zakhe.
 6 Ababi kabayekeli bephila
 kodwa abahluphekayo uyabapha okubafaneleyo.
 7 Kawasusi amehlo akhe kwabalungileyo;
 ubakhweza esihlalweni kanye lamakhosi
 abaphakamise nini lanini.
 8 Kodwa nxa abantu bebotshwe ngamaketane,
 bethiwe nko ngezibopho zezinhlopheko,
 9 uyabatshela lokho abakwenzileyo,
 ukuthi benze isono ngokuziphakamisa.
 10 Ubenza balalele ukuqondiswa
 abalaye ukuthi baphenduke eubini babo.
 11 Nxa bemlalela bamkhonze,
 zonke insuku zabo eziseleyo zizaphumelela,
 leminyaka yabo ibe ngeyokusuthiseka.
 12 Kodwa nxa bengalaleli,
 bazabhubha ngenkamba,
 bafe bengelalwazi.
 13 Abangamesabiyo uNkulunkulu bagodle ukusola enhliziyweni;
 loba angaze ababophe kabaceli ukusizwa.
 14 Bafa besesebatsha,
 bephakathi kweziphingi ezingamadoda,
 ezihlala ezindaweni zokukhonzela.
 15 Kodwa labo abahluphekayo
 uyabakhulula ekuhluphekeni kwabo;
 ukhuluma labo besezinkathazweni zabo.
 16 Uyakulimukisa ukuthi uphume emihlathini yosizi
 uye endaweni ebanzi,
 ekhululekileyo njalo engelazibopho,
 ebumnandini betafula yakho igcwele izidlo ezimnandi.
 17 Kodwa manje usindwa yikwahlulelwa okulungele ababi;
 ukuthoniswa lokwahlulelwa ngokulunga

yikho osekukuduba.

- 18 Qaphela kungabikhona okulingayo ngenotho;
ungavumeli ukuthengwa ngemali kukususe endleleni.
- 19 Kambe inotho yakho loba konke ukutshikatshika kwakho
kungakusekela ukuze ungangeni osizini na?
- 20 Ungalangazeleli ubusuku,
ukuze uyohudula abantu ezindaweni zabo.
- 21 Qaphela ungangeni kokubi,
okukhanya ingathi uyakuthanda kulokuhlupheka.
- 22 UNkulunkulu uphakeme ngamandla akhe.
Ngubani ongafundisa njengaye na?
- 23 Ngubani omisele izindlela zakhe na,
loba othe kuye, 'Usuwenze okungalunganga?'
- 24 Khumbula ukukhulisa umsebenzi wakhe,
abantu abawudumisileyo ngengoma.
- 25 Bonke abantu jikelele bakubonile lokhu;
abantu bakukhangela bemi khatshana.
- 26 Ubukhulu bukaNkulunkulu bungaphezulu kokuzwisisa kwethu!
Iminyaka yakhe ingezake yaziwe.
- 27 Uyawadonsa amathonsi amanzi,
aqulungane abe lizulu elingena ezifuleni;
- 28 amayezi athulula amanzi awo
kune izulu elikhulu ebantwini.
- 29 Ngubani ongakuzwisisa ukuthi uwendlala njani amayezi na,
ukuthi ukhwaza njani esesiqongweni sakhe na?
- 30 Ake libone ukuthi uwuhlakaza njani umbane wakhe azizingezelele
ngawo,
abhukutshe ezinzikini zolwandle.
- 31 Yiyo indlela abusa ngayo izizwe
aziphe ukudla okunengi.
- 32 Ugcwalisa izandla zakhe ngombane
awukhombise lapho omele utshaye khona.
- 33 Ukuduma kwakhe kubika isiphepho esizayo;
lenkomo ziyatshengisa ukuza kwaso."

37

U-Elihu Uqhubeka Ekhuluma

- 1 "Konke lokhu kwenza inhliziyo yami itshaye
ize itshede endaweni yayo.
- 2 Lalela! Lalela ukubhonga kwelizwi lakhe,
ukuzamazama okuphuma emlonyeni wakhe.
- 3 Uyawukhulula umbane wakhe ngaphansi kwawo wonke amazulu
awuthumele emikhawulweni yomhlaba.
- 4 Ngemva kwalokho kuza umdumo wokubhonga kwakhe;
uduma ngelizwi lakhe lobukhosi.
- Nxa ilizwi lakhe seliqaqamba
ulikhulula lonke angaligodli.
- 5 Ilizwi likaNkulunkulu liduma ngezindlela ezimangalisayo;

- wenza izinto ezinkulu ngaphezu kokuzwisisa kwethu.
- 6 Utsihela ungqwaqwane athi, 'Khithika phezu komhlaba,'
lezulu athi kulo, 'Thululeka ube yisihlambo esikhulu.'
- 7 Ukuze kuthi bonke abantu abadalayo bakwazi ukusebenza kwakhe,
uyamisa umuntu wonke emsebenzini wakhe.
- 8 Izinyamazana ziyacatsha;
zihlale ezikhundleni zazo.
- 9 Isiphepho siyaphuma ekamelweni laso,
umqando uphume entshongolweni esikayo.
- 10 Ukuphefumula kukaNkulunkulu kukhupha iliqhwa,
amanzi aluwaca ajiye abe yilitshe.
- 11 Ugcwalisa amayezi ngamanzi;
ahlakaze umbane wakhe ngawo.
- 12 Ngokuqondisa kwakhe ayaqhela embese umhlaba wonke
ukuze enze loba yini awalaya yona.
- 13 Uyawaletha amayezi ajezise ngawo abantu,
loba ukuthelezela umhlaba wakhe ukuze atshengise uthando lwakhe.
- 14 Lalela lokhu, Jobe;
akume ukhumbule izimangaliso zikaNkulunkulu.
- 15 Uyakwazi na ukuthi uNkulunkulu uwalawula njani amayezi
enze umbane wakhe ulavuke?
- 16 Uyakwazi na ukuthi amayezi emi njani elengile,
leyomimangaliso yakhe yena lowo ophelileyo elwazini?
- 17 Wena ogingiswa yikutshisa kweziggqoko zakho
nxa umhlaba uthule zwi kubetha umoya waseningizimu,
- 18 ungamncedisa yini ukwendlala isibhakabhaka,
esilukhuni njengesibuko sensimbi yethusi?
- 19 Ake usitshela ukuthi pho sithini kuye;
ngeke siyimise kuhle indaba yethu ngoba kumnyama nje lapha kithi.
- 20 Atshelwe kambe ukuthi ngifuna ukukhuluma?
Ukhona umuntu ongacela ukuthi aginywe?
- 21 Phela kakho ongalikhangela ilanga,
njengoba licazimula kangaka esibhakabhakeni
nxa umoya uwaphephule wonke amayezi kwacethula.
- 22 Esuka enyakatho uqhamuka ngenkazimulo enjengegolide;
uNkulunkulu uqhamuka ngobukhosi obesabekayo.
- 23 USomandla asingeke simfinyelele njalo uphakeme ulamandla;
ekwahluleleni kwakhe okuhle lokulunga okukhulu kancindezeli.
- 24 Ngakho-ke abantu bayamhlonipha,
ngoba kanti kabanaki yini bonke abahlakaniphileyo enhliziyweni?"

38

UTHIXO Uyakhuluma

- 1 UTHIXO wasekhuluma loJobe ephakathi kwesiphepho. Wathi:
- 2 "Ngubani na lowo odunga amacebo ami
ngamazwi okungazi?"
- 3 Qina njengendoda;
ngizakubuza,
lawe uzangiphendula.

- 4 Wawungaphi lapho ngibeka izisekelo zomhlaba na?
Ngitshela nxa uqedisisa.
- 5 Ngubani owamisa izilinganiso zawo na? Phela angithi uyazi!
Ngubani owayidonsayo intambo yokulinganisa kuwo na?
- 6 Izinsika zawo zamiswa phezu kwani na,
loba ngubani owamisa ilitshe lawo lekhone ni na
- 7 lapho izinkanyezi zokusa zazihlabelela kanyekanye
lezingilosi zonke zamemeza ngentokozi?
- 8 Ngubani owavalela ulwandle ngemva kwezivalo
lapho selufohla esiswini na,
- 9 lapho ngisenza amayezi aba yisembatho salo na
ngalugoqela ngomnyama omkhulu,
- 10 lapho ngalubekela imikhawulo
ngamisa iminyango yalo lemigoqo endaweni yayo,
- 11 lapho engathi, 'Ungeza uze ufike lapha kodwa ungedluli;
kulapha amagagasi akho azigqajayo aphelela khona?'
- 12 Sewake wabekela ikuseni umthetho na,
loba watshengisa ukusa indawo yakho
- 13 ukuba kuphakamise umhlaba ngemiphetho
kuthintithe ababi abakuwo?
- 14 Umhlaba ubumbeka isimo njengebumba ufakwe uphawu;
imibala yawo ikhanye ithi bha njengelembu.
- 15 Ababi bayacitshelwa ukukhanya,
lengalo yabo ephakanyisiweyo iyephulwa.
- 16 Sewake wahamba emithonjeni yolwandle na
loba wahamba ezingoxweni zenziki yalo na?
- 17 Amasango okufa aseke abonakaliswa kuwe na?
Usuke wawabona amasango ethunzi lokufa na?
- 18 Ubuqedisisile na ubukhulu bobubanzi bomhlaba?
Ngitshela nxa ukwazi konke lokhu.
- 19 Yiphi indlela eya ekhaya elihlala ukukhanya na?
Ubumnyama bona buhlala ngaphi?
- 20 Ungakusa ezindaweni zakho na?
Uyazazi izindlela eziya emizini yazo na?
- 21 Ye uyakwazi, ngoba wawuvele usuzelwe!
Usuphile iminyaka yonke le!
- 22 Sewake wangena eziphaleni zikangqwaqwane
loba wabona iziphala zesiqhotho na,
- 23 engizilindisele izikhathi zohlupho,
insuku zempi lokuhlasela na?
- 24 Ingaphi indlela eya esigodlweni sokwaba umbane,
loba indawo yokuhlakaza umoya wempumalanga phezu komhlaba
na?
- 25 Ngubani ogubhe intshukuntshu yezihlambo zezulu,
lindlela yomdumo wesiphepho;
- 26 ukuthelezela ilizwe elingahlali muntu,

- inkangala okungelamuntu kuyo,
 27 ukusuthisa ilizwe elilugwadule
 kulenze lihlume utshani na?
 28 Izulu elinayo liloyise na?
 Ngubani onguyise wamathonsi amazolo na?
 29 Ngesikabani isisu esizala iliqhwa na?
 Ngubani ozala umtshazo ovela phezulu na
 30 lapho amanzi abalukhuni njengelitshe,
 lapho iphezulu yolwandle ijiyile?
 31 Ungasibopha na isiLimela lesi esihle?
 Ungazithukulula yini izintambo zeziNja?
 32 Ungawuletha na uMthala ngesikhathi sawo
 loba ukhuphe inkanyezi ethiwa yiNgulube lemidlwane yayo?
 33 Uyayazi imithetho yasezulwini na?
 Ungawakha yini umbuso kaNkulunkulu emhlabeni?
 34 Ungawamemeza yini amayezi
 uthi akunethise ngesihlambo samanzi?
 35 Uyakuthuma yini ukuphazima kombane?
 Uyabika kuwe yini uthi, 'Ngilapha'?
 36 Ngubani owapha inhliziyu ukuhlakanipha
 kumbe owapha ingqondo ukuzwisisa na?
 37 Ngubani lolwazi lokubala amayezi na?
 Ngubani ongagenqula amaqhaga asezulwini na
 38 nxa uthuli selugina
 lamagade omhlabathi esebumbene?
 39 Uyasizingelela na isilwanekazi ukudla kwaso,
 uyiqede indlala yezilwane
 40 lapho zilele ezikhundleni zazo
 kumbe zicwathile ezixukwini?
 41 Ngubani opha iwabayi ukudla
 lapho amatsiyane alo ekhala kuNkulunkulu
 ezulazula ehayila ngendlala na?"

39

UTHIXO Uqhubeka Ekhumla

- 1 "Uyawkwazi na ukuthi amagogo azala nini?
 Uyawubukele yini nxa impalakazi izala izinyane layo?
 2 Uyawuzibale yini izinyanga zize zizale?
 Uyasazi isikhathi ezizazala ngaso na?
 3 Ziyalala phansi zizale abantwana bazo;
 kube sekuphela ubuhlungu bokuhelelwa kwazo.
 4 Amazinyane azo ayaqina akhule abe lamandla egangeni;
 aya-suka ahambe angabuyi.
 5 Ngubani owakhulula ubabhemi weganga na?
 Ngubani owathukulula igoda lakhe na?
 6 Ngamupha ugwadule lwaba likhaya lakhe,

lenkangala yetswayi ibe ngumango wakhe.

- 7 Uyazincifela iziphithiphithi zedolobho;
kakuzwa ukukhahlanyezwa ngumtshayeli.
- 8 Uyazihambela abhode izintaba emadlelweni akhe
edinga loba yini eluhlaza.
- 9 Inyathi kambe izavuma ukukusebenzela na?
Izahlala esibayeni sakho ebusuku na?
- 10 Ungayibamba ngomchilo ulime ngayo na?
Ingazilima na izigodi zakho?
- 11 Ungayithemba yini ngenxa yamandla ayo amakhulu na?
Ungawuyekelela yona umsebenzi wakho onzima na?
- 12 Ungayithemba ukuthi izalayitsha amabele akho na
iwase esizeni?
- 13 Impiko zentshe zitshaya kakuhle,
kodwa ngeke zilinganiswe
lempiko kanye lezinsiba zengabuzane.
- 14 Ibekela amaqanda ayo emhlabathini
iwayekele afudumale etshebetshebeni,
- 15 inganakananga ukuthi unyawo oluthile lungawahlifiza,
ukuthi inyamazana yeganga ethile ingawanyathela.
- 16 Amatsiyane ayo iyawakhahlameza, kube sengathi akusi wayo;
ingakhathali ukuthi ukubekela kwayo kwaba yize,
- 17 ngoba uNkulunkulu kayiphanga ukuhlakanipha
loba ingqondo yokubona okufaneleyo.
- 18 Kodwa nxa isiselula impiko zayo ukuthi igijime,
iyalihleka ibhiza lomgadi walo.
- 19 Uyalipha na wena ibhiza amandla
kumbe ugqokise intamo yalo ngomhlonga na?
- 20 Uyalenza leqe njengentethe na,
lingethuse ngokuhwabha kwalo kokuziqenya?
- 21 Liyaphanda ngenkani, lithokoziswa ngamandla alo,
lidlubulunde lihlasela isitha.
- 22 Liyakuhleka ukwesaba, kalesabi lutho;
kaliyikhekhelezi inkemba.
- 23 Umxhaka wemitshoko ukhehlezele emhlabulweni walo,
ndawonye lomkhonto obenyezelayo kanye lomdikadika.
- 24 Liyafuthelana ngamadlabuzane ligijime limbe phansi;
kakulivumeli ukuma nxa icilongo selikhala.
- 25 Konela ukuthi likhale icilongo lihwabhe lithi, 'Aha!'
Lihle lilizwe iphunga lempi isekhatshana,
ukukhwaza kwezinduna lomkhosi wempi.
- 26 Ukhozi luphatshiswa yikuhlakanipha kwakho na
lwelule impiko zalo ziqonde eningizimu?
- 27 Ukhozi luntweza ngokutshelwa nguwe yini
kanye lokwakhela isidleke salo esiqongweni?
- 28 Luhlala eliweni, lulale khona ebusuku;
idwala elililiwa yilo inqaba yalo.

- 29 Ludinga ukudla kwayo lusuka khona;
amehlo alo akubona ekude.
30 Amatsiyane alo azitika ngegazi,
kuthi lapho okulokubuleweyo khona lalo lukhona.”

40

UTHIXO Uqhubeka Ekhuluma

- 1 UTHIXO wathi kuJobe:
2 “Lowo ophikisana loSomandla angamqondisa na?
Yena lowo obeka uNkulunkulu icala kamphendule!”
3 Ngakho uJobe wasephendula UTHIXO wathi:
4 “Kakungilingananga, ngingakuphendula njani na?
Ngivala umlomo wami ngesandla sami.
5 Ngikhulumile kanye, kodwa kangilampendulo,
kabili, kodwa kangisayikukhuluma njalo.”
6 UTHIXO wasekhuluma loJobe ephakathi kwesiphepho wathi:
7 “Qina njengendoda;
ngizakubuza,
wena uzangiphendula.
8 Ungakusola na ukwahlulela kwami ngokulunga?
Ungangilahla ukuze uzigeze na?
9 Ulayo ingalo enjengekaNkulunkulu na,
njalo ilizwi lakho lingaduma njengelakhe yini?
10 Nxa kunjalo zicecise ngobukhosi langenkazimulo,
uzembathise ngodumo lobukhosi.
11 Khulula ukuvutha kolaka lwakho,
khangela wonke umuntu ozigqajayo umthobise,
12 khangela wonke umuntu ozigqajayo umbeke phansi,
ubacobodise ababi khonapho abakhona.
13 Bambele bonke ndawonye othulini;
goqela ubuso babo engcwabeni.
14 Lapho-ke lami ngizavuma kuwe
ukuthi isandla sakho sokunene singakusindisa.
15 Khangela imvubu,
engayidala kanye lawe
njalo edla utshani njengenkomo.
16 Ilamandla amangalisayo okhalweni lwayo,
amandla angaka emisipheni yesisu sayo!
17 Umsila wayo uyazunguza njengomsedari;
imisipha yemilenze yayo yalukene.
18 Amathambo ayo alezimbobo zethusi,
lezitho zayo zinjengemiqwayi yensimbi.
19 Iyingqala yezidalwa zikaNkulunkulu,
kodwa uMenzi wayo angayehlula ngenkemba yakhe.
20 Izintaba zimlethela izithelo zazo,
kuthi zonke izilo zeganga zidlalele eduze.
21 Ilala ngaphansi kwezihlahla ezibukekayo,
isithekile phakathi kwemihlanga exhaphozini.
22 Izihlahla ezinhle ziyayisitha ngemithunzi yazo;

imidubu okhunjini lomfula iyihonqolozele.

- 23 Nxa umfula uthwele izikhukhula kayethuki;
kayithi thiki lokuba ijodani ithulululela impophoma emlonyeni wayo.
24 Ukhona yini ongayibamba ngamehlo,
kumbe ayithiye ayibhoboze amakhala na?"

41

UTHIXO Uqhubeka Ekhuluma

- 1 "Ungambamba na uLeviyathani ngewuka
loba uhitshele ulimi lwakhe ngentambo na?
2 Ungawufaka umkhala yini emakhaleni akhe
kumbe ubhoboze umhlathi wakhe ngewuka na?
3 Uzabe elokhu ekuncenga yini ukuthi umzwele?
Uzakhuluma lawe ngamazwi aphilileyo yini?
4 Uzakwenza isivumelwano lawe na
ukuthi abe yisichaka sakho kokuphela?
5 Ungamenza abe yisifuyo sokudlalisa njengenyoni na
kumbe umfake umkhungo adlaliswe ngamantombazana na?
6 Abathengi bazabhejelana ngentengo yakhe na?
Bazakwahlukaniselana ngaye na abathengi?
7 Ungasibhoboza yini isikhumba sakhe ngenhlendla
loba ikhanda lakhe ngemikhonto yokuciba inhlanzi?
8 Ungabeka isandla phezu kwakhe,
uzahlala ukukhumbula ukutshukana kwenu ungaphindi futhi!
9 Ukucabanga ukuthi ungamehlula kuyize;
ukumbona nje kodwa kuqeda amandla.
10 Kakho ongaba lesibindi sokuthi alwe laye.
Pho ngubani ongamelana lami na?
11 Ngubani engilomlandu kuye othi kangihlawule na?
Konke okukhona ngaphansi kwezulu ngokwami.
12 Kangisoze ngikhawule ukubabaza izitho zakhe,
amandla akhe langesimo sakhe esihle.
13 Ngubani ongaxebula isikhumba sakhe na?
Ngubani ongasondela kuye ngamatomu na?
14 Ngubani ongaqunga isibindi avule iminyango yomlomo wakhe,
ogqagqelwe zingavula zamazinyo na?
15 Umhlane wakhe ulezinhlu zamahawu
abophene silikici;
16 yilelo lithe mba kwelinye
okuthi kakungeni moya phakathi kwawo.
17 Anamathelene ndawonye;
abambene okokuthi angeke ehlukaniswe.
18 Ukuthimula kwakhe kukhupha inhansi zomlilo;
amehlo akhe anjengemisebe yokusa.
19 Amalangabi omlilo alavuka emlonyeni wakhe;
inhlanzi zomlilo ziqhatsha ziphuma khona.
20 Intuthu ithunqa iphuma emakhaleni akhe
kungathi isuka embizeni ebilayo phezu komlilo wemihlanga.

- 21 Ukuphefumula kwakhe kulumathisa amalahle,
njalo kulavuka amalangabi emlonyeni wakhe.
- 22 Amandla akhe asentanyeni yakhe;
okuphambi kwakhe kuhle kuphele amandla.
- 23 Amavinqo enyama yakhe abambene nki;
aqine nko kawehlukaniseki.
- 24 Isifuba sakhe silukhuni njengelitshe,
siqine njengengaphansi kwembokodo.
- 25 Uthi nxa ephakama kwesabe amaqhawe ngokwawo;
atshede ebalekela ukubhula komsila wakhe.
- 26 Inkemba leyo emfikelayo kayenzi lutho,
kumbe umkhonto, loba umtshoko loba isijula.
- 27 Insimbi uyithatha njengotshani
lethusi kungathi luluthi olubolileyo.
- 28 Imitshoko kayimenzi abaleke;
lamatshe esavutha anjengomule kuye.
- 29 Induku kuye ingumuca wotshani;
uyahleka esizwa ukukhenceza komdikadika.
- 30 Ingaphansi yomzimba wakhe injengendengezi ezibukhali,
itshiya umzila odakeni kungathi yisileyi esizunguzekayo.
- 31 Udunga inziki zamanzi ayabuke njengembiza enkulu ibila,
aluvube ulwandle njengembiza yamagcobo.
- 32 Ngemva kwakhe utshiya umzila okhazimulayo;
umuntu angazathi ulwandle luloboya obumhlophe.
- 33 Kakukho emhlabeni okulingana laye,
isidalwa esingesabiyo.
- 34 Ubakhangelela phansi bonke abathi bazithembile;
uyinkosi phezu kwabo bonke abazigqajayo.”

42

UJobe Uyaphendula

- 1 UJobe wasemphendula uTHIXO wathi:
- 2 “Ngiyazi ukuthi ungazenza zonke izinto;
kalikho icebo lakho elingavinjwa.
- 3 Ubuzile wathi,
‘Ngubani lo ovala iseluleko sami engelalwazi na?’
Ngeqiniso ngikhulumile ngezinto ebengingazizwisisi,
izinto ezimangalisayo engingeke ngizazi.
- 4 Wena uthe, ‘Lalela manje, mina ngizakhuluma;
ngizakubuza,
wena uzangiphendula.’
- 5 Indlebe zami zasezizwile ngawe
kodwa manje amehlo ami asekubonile.
- 6 Ngakho sengizeyisa,
sengiphenduka ngizilahla othulini lasemlotheni.”

Isiphetho Sendaba

7 Kwathi uTHIXO esetshilo lezizinto kuJobe wathi ku-Elifazi umThemani,
“Ngikuzondele wena kanye labangane bakho bobabili, ngoba kalikhu-
lumanga ngami okulungileyo njengenceku yami uJobe.

⁸ Ngakho manje thathani inkunzi eziyisikhombisa lenqama eziyisikhombisa liye encekwini yami uJobe liyekwenza umnikelo wenu wokutshiswa. Inceku yami uJobe izalikhulekela, mina ngizawamukela umkhuleko wayo ngingaze ngalijezisa okufanele ubuthutha benu. Kalikhulumanga ngami okulungileyo njengenceku yami uJobe.”

⁹ Ngakho u-Elifazi umThemani, uBhilidadi umShuhi loZofari umNahama benza lokho abakutshelwa nguTHIXO; njalo uTHIXO wawemukela umkhuleko kaJobe.

¹⁰ UJobe esebakhulekele abangane bakhe, uTHIXO wamenza waphumelela njalo wamupha okunengi okuphindwe kabili kulokho ayelakho kuqala.

¹¹ Bonke abafowabo labodadewabo kanye lobani owayemazi ngaphambili weza ukuzakudla laye endlini yakhe. Bamkhalela, bamzwela ngakho konke ukuhlupheka uTHIXO ayemehlisele khona, kwathi ngulowo lalowo wamupha ulutho lwesiliva kanye lesongo legolide.

¹² UTHIXO wayibusisa impilo yokucina kaJobe ukwedlula eyokuqala. Waba lezimvu eziyizinkulungwane ezilitshumi lane, izinkulungwane eziyisithupha zamakamela, inkulungwane yezipani zenkabi labobabhemi abayinkulungwane.

¹³ Waphinda njalo waba lamadodana ayisikhombisa lamadodakazi amathathu.

¹⁴ Indodakazi yokuqala wayetha ibizo elithi Jemima, eyesibili yayinguKheziya, eyesithathu yaba nguKhereni-Haphutshi.

¹⁵ Kakuzange kube khona elizweni lonke abesifazane ababebahle njengamadodakazi kaJobe, njalo uyise wawabela ilifa kanye labanewabo.

¹⁶ Ngemva kwalokhu uJobe waphila iminyaka elikhulu lamatshumi amane; wababona abantwabakhe labantwababo kwaze kwaba yisizukulwane sesine.

¹⁷ UJobe wafa esemdala njalo eseluphele.

AmaHubo Ugwalo 1

1

AmaHubo 1 – 41

- 1 Ubusisiwe umuntu
ongahambi ngezeluleko zababi;
ongemiyo endleleni yezoni;
ongahlaliyo esihlalweni sabaklolodayo.
- 2 Kodwa ukuthokoza kwakhe kusemthethweni KATHIXO,
futhi unakana ngomthetho wakhe imini lobusuku.
- 3 Unjengesihlahla esihlanyelwe emifuleni yamanzi,
esithela izithelo zaso ngesikhathi saso,
ohlamvu laso kalibuni.
Konke akwenzayo kuyaphumelela.
- 4 Ababi kabanjalo!
Banjengamakhoba
aphetshulwa ngumoya.
- 5 Ngakho ababi kabayikuma ekwahlulelweni,
noma izoni enkundleni yabalungileyo.
- 6 Ngoba uTHIXO uyayilinda indlela yabalungileyo,
kodwa indlela yababi iya ekubhujisweni.

Ihubo 2

- 1 Kungani izizwe zixokozela,
labantu besakha amacebo ngeze?
- 2 Amakhosi omhlaba ayahloma ajame
lababusi bahlangana ndawonye
bemelana LOTHIXO njalo lalowo ogcotshiweyo wakhe besithi;
- 3 “Kasiwaqamuleni amaketane abo,
silahle izibopho zabo.”
- 4 Yena osesihlalweni ezulwini uyahleka;
uThixo uyabahleka.
- 5 Abesebakhalmela ngolaka,
abathuthumelise ngentukuthelo yakhe, esithi,
- 6 “Sengiyibekile eyami inkosi phezu kweZiyoni,
intaba yami engcwele.”
- 7 Ngizasimemezela isimiso SIKATHIXO :
Wathi kimi, “UyiNdodana yami;
lamhla sengibe nguyihlo.
- 8 Cela kimi,
ngizakwenza izizwe zibe yilifa lakho,
imikhawulo yomhlaba kube yinotho yakho.
- 9 Uzazibusa ngentonga yobukhosi eyensimbi,
uzazibhidliza zicubuzeke njengebumba.”

- 10 Ngakho-ke lina makhosi, limukani,
liyaxwayiswa lina babusi bomhlaba.
- 11 Mkhonzeni uTHIXO ngokumesaba,
lithokozele umbuso wakhe ngokuthuthumela.
- 12 Ikhothameleni iNdodana, funa ithukuthele
beselibhujiswa endleleni yenu,
ngoba intukuthelo yakhe ingavutha ngesikhatshana.
Babusisiwe bonke abaphephela kuye.

Ihubo 3

Ihubo likaDavida ebalekela indodana yakhe u-Abhisalomu.

- 1 Oh THIXO banengi kangaka abayizitha zami!
Banengi kangaka abangihlaselayo!
- 2 Abanengi bathi ngami,
“UNKulunkulu kayikumhlenga.”
- 3 Kodwa wena uyisihlangu sokungivikela, Oh, THIXO,
inkazimulo yami, uphakamisa ikhanda lami.
- 4 Ngikhala kakhulu kuTHIXO
uyangiphendula esentabeni yakhe engcwele.
- 5 Ngilala phansi ngijumeke;
ngibuye ngiphaphame, ngoba uTHIXO uyangilondoloza.
- 6 Angiyikubesaba abangamatshumitshumi ezinkulungwane
abangihlaselayo inxa zonke.
- 7 Phakama, awu THIXO
Ngisindise, Oh Nkulunkulu wami.
Zibethe zonke izitha zami emhlathini;
akhumule amazinyo ababi.
- 8 KuTHIXO kuvela insindiso.
Sengathi isibusiso Sakho singaba sebantwini Bakho.

Ihubo 4

Kumqondisi wokuhlabela. Ngeziginci. Ihubo likaDavida.

- 1 Ngiphendula lapho ngikubiza,
Oh Nkulunkulu wami olungileyo.
Ake ungiphumuze ekuhlulukelweni engikukho;
woba lomusa kimi njalo uzwe umkhuleko wami.
- 2 Koze kube nini, we bantu,
koze kube nini inkazimulo yami liyenza ihlazo?
Koze kube nini lithanda inkohliso
njalo lidinga onkulunkulu bamanga?
- 3 Yazini ukuthi uTHIXO
usezehlukanisele labo abathembekileyo,
njalo uTHIXO uyezwa nxa ngikhala kuye.
- 4 Ekuthukutheleni kwenu lingoni;
nxa lisemibhedeni yenu
hlolani inhliziyo zenu, lithule.

- ⁵ Nikelani imihlatsshelo eqondileyo,
limethembe uTHIXO.
- ⁶ Abanengi bayabuza bathi,
“Kuvele ngubani ongasitshengisa ukulunga na?”
Sengathi ukukhanya kobuso bakho
kungakhazimula phezu kwethu, Oh THIXO.
- ⁷ Uyigcwalisile inhliziyo yami ngentokozo enkulu
eyedlula ubunengi bamabele abo lewayini labo elitsha.
- ⁸ Ngizalala phansi ngijunywe yibuthongo ngilokuthula,
ngoba wena wedwa,
Oh THIXO, uhlezi ungilondolozile.

Ihubo 5

Kumqondisi wokuhlabela. Kwabemifece. Ihubo likaDavida.

- ¹ Zwana amazwi ami, Oh THIXO,
hawukela ukububula kwami.
- ² Lalela ukukhala kwami ngidinga uncedo,
Nkosi yami loNkulunkulu wami,
ngoba ngikhuleka kuwe.
- ³ Ekuseni, Oh THIXO, uyalizwa ilizwi lami;
ekuseni ngibeka izicelo zami phambi kwakho
ngilinde ngithembile.
- ⁴ Kawusuye uNkulunkulu othokoza ngobubi;
ababi ngeke bahlale lawe.
- ⁵ Iziqholo ngeke zime
phambi kwakho;
uyabazonda bonke abenza okubi.
⁶ Uyababhuhisa labo abaqamba amanga;
abomele igazi labakhohlisayo
uTHIXO uyabenyanya.
- ⁷ Kodwa mina, ngomusa wakho omkhulu,
ngizangena endlini yakho;
ngizakhothamela phansi ngokuhlonipha
ngikhangele ethempelini lakho elingcwele.
- ⁸ Ngikhokhele, Oh THIXO, ngokulunga kwakho;
ngenxa yezitha zami
yenxa iqonde indlela yakho phambi kwami.
- ⁹ Kalikho lalinye ilizwi lomlomo wabo elithembekileyo;
inhliziyo yabo igcwele ukubhidliza.
Umphimbo wabo ulingcwaba elikhamisileyo;
ngolimi lwabo bakhuluma inkohliso.
- ¹⁰ Tshono uthi balecala, Oh Nkulunkulu!
Akuthi amacebo abo abe yikuwa kwabo.
Baxotshela khatshana ngenxa yezono zabo ezinengi,
ngoba bakuhlamukele wena.
- ¹¹ Kodwa akuthi bonke abaphephela kuwe bathokoze;
kabahlabelele njalonjalo ngenjabulo.
Basibekele ngovikelo lwakho,
kuthi labo abalithandayo ibizo lakho bajabule ngawe.

- ¹² Ngoba ngempela, Oh THIXO,
uyababusisa abalungileyo;
uyabazungeza ngomusa wakho njengesihlangu.

Ihubo 6

Kumqondisi wokuhlabela. Ngeleziginci. Kulandelwa *isheminithi*. Ihubo likaDavida.

- ¹ Oh THIXO ungangikhalimeli ngolaka lwakho
njalo ungangitshayi uthukuthele.
- ² Woba lomusa kimi, THIXO,
ngoba ngiphela amandla;
Oh THIXO, ngisilisa,
ngoba amathambo ami alobuhlangu.
- ³ Umoya wami udabukile.
Koze kube nini, Oh THIXO,
koze kube nini?
- ⁴ Phenduka, Oh THIXO, ungikhulule;
ngihlenga ngenxa yothando lwakho olungehlulekiyo.
- ⁵ Kakho okukhumbulayo nxa esefile.
Ngunani okukhonzayo esengcwabeni lakhe?
- ⁶ Ngikhathele ngokububula;
ubusuku bonke umbheda wami uba manzi te ngikhala
umendlalo wami ngiwugcwalise ngezinyembezi.
- ⁷ Amehlo ami ayafiphala ngenxa yosizi;
ayanqundeka ngenxa yazo zonke izitha zami.
- ⁸ Xekani kimi lina lonke elenza okubi,
ngoba uTHIXO usekuzwile ukulila kwami.
- ⁹ UTHIXO usekuzwile ukukhala kwami ngicela umusa;
UTHIXO uyawamukela umkhuleko wami.
- ¹⁰ Zonke izitha zami zizayangeka zidaniswe;
zizatshibilika zibuyele emuva masinyane sezilehlazo.

Ihubo 7

Ishigayoni kaDavida ayihlabela uTHIXO mayelana loKhushi umBhen-jamini.

- ¹ Oh THIXO Nkulunkulu wami,
ngiphephela kuwe;
ngisindisa ungikhulule kubo bonke abangizingelayo,
- ² ngoba bazanginithiza njengesilwane
bangiklebule iziqanyana kungekho ongangilamulela.
- ³ Oh THIXO, Nkulunkulu wami, nxa ngikwenzile lokhu
izandla zami zilecala,
- ⁴ nxa ngenze okubi kulowo ohlalisene kuhle lami
loba ngisuke ngaphanga isitha sami kungelasizatho,
- ⁵ nxa kunjalo akuthi isitha sami singihlasele;
masigxobagxobebe impilo yami emhlabathini
singibhuqabhuqele phansi ebhucwini.

- 6 Vuka, Oh THIXO, ngolaka lwakho;
vuka uvimbele ukuthukuthela kwezitha zami.
Vuka, Nkulunkulu wami,
memezela ukwahlulela okuhle.
- 7 Akuthi abantu bebuthene bakuhanje
busa phezu kwabo usekuphakameni.
8 UTHIXO kahlulele bonke abantu.
- Ngahlulele, Oh THIXO ngokwanele ukulunga kwami,
ngokwanele ubuqotho bami, wena oPhezukonke.
- 9 Oh Nkulunkulu olungileyo,
ohlolisisa imicabango lezinhliziyo,
qeda udlakela lwababi
ukuze abalungileyo bavikeleke.
- 10 Isihlangu sami nguNkulunkulu oPhezukonke,
osindisa abaqotho ngenhliziyo.
- 11 UNkulunkulu ngumahluleli olungileyo,
uNkulunkulu obonisa ulaka lwakhe insuku zonke.
- 12 Nxa umuntu engadeli ububi bakhe
uzalola inkemba yakhe;
uzaligoba alithiye idandili lakhe.
- 13 Usezilungisile izikhali zakhe ezibulalayo;
uselungisa imitshoko yakhe evutha umlilo.
- 14 Lowo osuthiswe ngobubi
akhulelwe yikona uzala ukuphumputheka.
- 15 Lowo omba umgodini awuphanda
uwela kulowomgodini awumbileyo.
- 16 Inkathazo ayidalileyo iyamphendukela;
lesihluku sakhe sehlela phezu kwekhanda lakhe.
- 17 Ngizambonga UTHIXO ngenxa yokulunga kwakhe;
ngizahlabelela indumiso egameni LIKATHIXO oPhezukonke.

Ihubo 8

Kumqondisi wokuhlabela. Ngendlela *yegithithi*. Ihubo likaDavida.

- 1 Oh THIXO, THIXO wethu,
ibizo lakho libabazeka kangaka emhlabeni wonke!
- Uyibekile inkazimulo yakho
ngaphezulu emazulwini.
- 2 Ukumisile ukudunyiswa yizindebe zabantwana lensane
ngenxa yezitha zakho,
ukuze uthulise isitha lomphindiseli.
- 3 Nxa nginakana ngamazulu akho,
umsebenzi weminwe yakho,
inyanga lezinkanyezi
ozibeke endaweni yazo,
- 4 uyini umuntu osungaze uzihluphe ngaye na,
indodana yomuntu ukuba uyinanze?
- 5 Wamenza waba mncinyazana kulezingilosi,

wamethesa umqhele wodumo lobukhosi.

⁶ Wamenza umbusi phezu kwemisebenzi yezandla zakho;
wabeka zonke izinto ngaphansi kwezinyawo zakhe:

⁷ yonke imihlambi yezimvu
leyenkomo lezinyamazana zeganga,

⁸ izinyoni zasemkhathini
lenhlanzi zolwandle,
konke okuntsheza emanzini olwandle.

⁹ Oh THIXO, THIXO wethu,
ibizo lakho libabazeka kangaka emhlabeni wonke!

Ihubo 9

Kumqondisi wokuhlabelela. Ihlatshelwa njengengoma ethi “Ukufa kweN-
dodana.” Ihubo likaDavida.

¹ Ngizakudumisa, Oh THIXO, ngenhliziyo yami yonke;
ngizafakaza ngazonke izimangaliso zakho.

² Ngizathokoza ngijabule ngawe,
ngizahlabelela indumiso egameni lakho,
wena oPhezukonke.

³ Izitha zami ziyafulathela zibaleke;
ziyakhubeka zitshabalale phambi kwakho.

⁴ Ngoba ulisekele ilungelo lami;
usuhlalile esihlalweni sakho sobukhosi
wahlulela kakuhle.

⁵ Uzikhuzile izizwe,
wababhubhisa ababi;
wawesula amabizo abo
kuze kube nini lanini.

⁶ Ukubhidlika okungapheliyo kusehlele isitha sami,
wawasiphuna amadolobho aso;
lokukhunjulwa kwaso sekuphele nya.

⁷ UTHIXO uyabusa kuze kube nininini;
usesimisile isihlalo sakhe sobukhosi ukuze ahlulele.

⁸ Uzabusa umhlaba ngokulunga
njalo uzakwahlulela abantu ngokufaneleyo.

⁹ UTHIXO uyisiphephelo sabancindezelweyo,
uyingaba ezikhathini zokuhlupheka.

¹⁰ Labo abalaziyo ibizo lakho bazathemba kuwe,
ngoba wena, THIXO, kawubafulatheli abakudingayo.

¹¹ Hlabelelani indumiso kuTHIXO esebukhosini eZiyoni;
fakazani phakathi kwezizwe
ngalokho akwenzileyo.

¹² Ngoba yena ophindiselayo kulowo ochitha igazi uyakhumbula;
akakudeli ukukhala kwabahlukuluzwayo.

¹³ Oh THIXO, ake ubone ukuthi izitha zami zingichukuluza njani!
Yiba lesihawu ungenyule emasangweni okufa,

¹⁴ ukuze ngifakaze indumiso yakho

emasangweni eNdodakazi yaseZiyoni
kuthi khonale ngithokoze
ngokusindisa kwakho.

- 15 Izizwe ziwele emgodini eziwumbileyo;
inyawo zazo zibanjwe emambuleni eziwathiyileyo.
16 UTHIXO waziwa ngokwahlulela kwakhe okulungileyo;
ababi babanjwa yizenzo zezandla zabo.
17 Ababi babuyela engcwabeni,
zonke izizwe ezikhohlwa uNkulunkulu.
18 Kodwa abaswelayo kabayikukhohlakala kokuphela,
njalo lethemba labahlukuluzwayo kaliyikutshabalala.
19 Vuka THIXO, ungayekeli umuntu anqobe;
akuthi izizwe zahlulelwe phambi kwakho.
20 Batshayise ngovalo, Oh THIXO;
akuthi izizwe zikwazi ukuthi zingabantu nje.

Ihubo 10

- 1 Kungani, Oh THIXO, umela khatshana?
Kungani uzifihla ngezikhathi zokuhlupheka?
2 Ngobuqholo bakhe umuntu omubi uzingela ababuthakathaka,
abayengeka ngamacebo awakhayo.
3 Uzikhukhumeza ngezinkanuko zenhliziyi yakhe;
ubusisa abayizihwaba athuke UTHIXO.
4 Ngenxa yokuziggaja kwakhe omubi kamdingi UTHIXO;
kuyo yonke imicabango yakhe akulandawo kaNkulunkulu.
5 Izindlela zakhe ziyaphumelela;
uyadelela njalo lemithetho yakho ikhatshana laye
aneme lapho ebona izitha zakhe.
6 Uthi, “Akulalutho olungangixukuxa;
ukuthokoza ngokwami lanini,
angiyikufa ngahlupheka.”
7 Umlomo wakhe ugcwele amanga lenhlamba lezithuko;
ulimi lwakhe luqukethe uhlu pho lobubi.
8 Ucathama ngaphandle kwemizi;
avumbuluke lapho abulale abantu abamsulwa,
ahlale ecatheme ekusithekeni.
9 Uyacathama njengesilwane ekusithekeni;
ucathamela labo abangelamandla;
uyabadumela abahudulele emambuleni akhe.
10 Ababambileyo uyabachoboza baphangalale;
uyabawisa ngamandla akhe.
11 Uzitshela athi, “UNkulunkulu usekhohliwe;
uyabugubuzela ubuso bakhe angabe esabona.”
12 Vuka, THIXO! Phakamisa isandla sakho,
Oh Nkulunkulu. Ungabakhohlwa abazihluphekelayo.
13 Kungani umuntu omubi ethuka uNkulunkulu na?
Kungani na ezitshela esithi,
“Kazukungithonisisa?”

- 14 Kodwa wena, Oh Nkulunkulu, uyalubona uhlupho losizi;
uyakunanzelela ukuze ulamule.
Ongelamandla uzilahla kuwe;
wena ungumsizi wezintandane.
- 15 Yephula ingalo yomuntu oxhwalileyo;
mthonisise ngokuganga kwakhe
obekuzahlala kungaziwa.
- 16 UTHIXO ungumbusi kuze kube nini lanini;
izizwe zizabhubha elizweni lakhe.
- 17 Uyazizwa, Oh THIXO, izifiso zabancindezelweyo;
uyabaqinisa, ulalele ukukhala kwabo,
- 18 ulamulele izintandane labancindezelweyo,
ukuze kuthi umuntu, ongowasemhlabeni,
angabe esesabeka futhi.

Ihubo 11

Kumqondisi wokuhlabela. ElikaDavida.

- 1 Mina ngiphephela kuTHIXO.
Pho ungatsho kanjani kimi ukuthi:
“Balekela entabeni yakho njengenyoni.
- 2 Ngoba, khangela, ababi sebewanwebile amadandili abo;
imitshoko yabo sebeyixhume ezintanjeni
ukuthi batshoke becatshile emathunzini
beciba labo abaqotho ezinhliziyweni.
- 3 Kambe nxa kubhidlizwa izisekelo,
kuyini abangakwenza abalungileyo na?”
- 4 UTHIXO usethempelini lakhe elingcwele;
uTHIXO usesihlalweni sakhe sobukhosi basezulwini.
Uyawakhangela amadodana abantu;
amehlo akhe ayabahlola.
- 5 UTHIXO uyabahlola abalungileyo,
kodwa ababi lalabo abathanda udlakela
uyabazonda ngomoya wakhe wonke.
- 6 Ababi uzabehlisela amalahle avuthayo lesalufa etshisayo;
umoya otshisayo uzabahaqaza.
- 7 Ngoba uTHIXO ulungile,
uthanda ukwahlulela okuhle;
abaqotho bazabubona ubuso bakhe.

Ihubo 12

Kumqondisi wokuhlabela. Ngendlela yesheminithi. Ihubo likaDavida.

- 1 Siza THIXO, ngoba kabasekho abakholwayo;
abathembekileyo sebenyamalele kabasekho ebantwini.
- 2 Bonke baqamba amanga kubomakhelwane babo;
izindebe zabo eziyengayo
zihlezi zikhuluma inkohliso esezinhliziyweni zabo.
- 3 Sengathi uTHIXO angaziquma zonke izindebe ezikhohlisayo
kanye laluphi ulimi oluzikhukhumezayo

- ⁴ oluthi, “Sizangoba ngendimi zethu; izindebe zethu zizasilwela ngubani oyinkosi yethu na?”
- ⁵ “Ngenxa yokuncindezelwa kwabayanga lokububula kwabaswelayo, sengizavuka khathesi,” kutsho UTHIXO. “Ngizabavikela kulabo ababachukuluzayo.”
- ⁶ Njalo amazwi KATHIXO amsulwa, njengesiliva esicengwe esithandweni somlilo esebumba, njengegolide elihlanjululwe kasikhombisa.
- ⁷ Oh THIXO, uzahlala usiphephisile njalo usivikele ebantwini ababi nini lanini.
- ⁸ Ababi bayaklamasa santando nxa bebona izinto ezilihlazo zidunyiswa ngabantu.

Ihubo 13

Kumqondisi wokuhlabela. Ihubo likaDavida.

- ¹ Koze kube nini, Oh THIXO? Uzangikhohlwa lanininini na? Koze kube nini ungifihlela ubuso bakho na?
- ² Koze kube nini ngitshukumisana lemicabango yami, inhliziyo yami ihlale idabukile insuku zonke na? Koze kube nini isitha sami sitshakala phezu kwami?
- ³ Ngizwela ungiphendule, Oh THIXO Nkulunkulu wami. Khanyisela amehlo ami funa ngihle ngilale kokuphela;
- ⁴ isitha sami sizakuthi, “Sengimehlule,” labangizondayo bathokoze nxa ngisiwa.
- ⁵ Kodwa ngiyalwethemba uthando lwabo olungapheliyo; inhliziyo yami iyathokoza ngensindiso yakho.
- ⁶ Ngizahlabelela KUTHIXO, ngoba ungenzele ukulunga.

Ihubo 14

Kumqondisi wokuhlabela. KaDavida.

- ¹ Isiwula sithi enhliziyweni yaso, “AkulaNkulunkulu.” Baxhwalile, izenzo zabo zibolile; kakho loyedwa owenza okuhle.
- ² UTHIXO ukhangela phansi esezulwini emadodaneni abantu ingabe bakhona yini abazwisayo, abamdingayo uNkulunkulu.
- ³ Bonke baphambukile, bonke sebexhwalile; kakho loyedwa owenza okuhle, kakho lamunye.
- ⁴ Kanti lezizixhwali kaziyikufa zafunda yini? Zona ezidla abantu bami ingathi zidla isinkwa,

ezingamkhonziyo UTHIXO.

- 5 Kodwa yibo abagubhazeliswa luvalo
ngoba uNkulunkulu ukhona phakathi kwabalungileyo.
- 6 Lina benzi bobubi lifubisa amalungiselelo abayanga,
kodwa UTHIXO uyisiphephelo sabo.
- 7 Awu, sengathi insindiso ka-Israyeli ingaqhamuka eZiyoni!
Nxa UTHIXO esebuyisela impumelelo yabantu bakhe,
kathokoze uJakhobe lo-Israyeli ajabule!

Ihubo 15

Ihubo likaDavida.

- 1 THIXO, ngubani ongahlala endlini yakho engcwele na?
Ngubani ongahlala entabeni yakho engcwele na?
- 2 Ngulowo okuhamba kwakhe kungelansolo
njalo owenza okulungileyo,
okhuluma iqiniso liphuma enhliziyweni yakhe,
- 3 ongachothoziyo ngolimi lwakhe,
ongoneli umakhelwane wakhe
futhi ongagconi umzalwane wakhe,
- 4 oweyisa umuntu oxhwalileyo
kodwa ohlonipha labo abesaba UTHIXO,
ogcina isifungo sakhe loba kubuhlungu ukwenzenjalo,
- 5 owebolekisa imali yakhe engadingi inzuzo
njalo owalayo ukuthengwa ukuze kwetheswe umlandu kongelacala.

Lowo owenza lezizinto
akayikuzanyazanyiswa lanini.

Ihubo 16

Imikithamu kaDavida.

- 1 Ngilondoloza, Oh Nkulunkulu,
ngoba ngiphephela kuwe.
- 2 Ngathi kuUTHIXO, “UNGUUTHIXO wami;
ngaphandle kwakho angilakho okuhle.”
- 3 Labo abangcwele abakhona elizweni
bangabakhazimulayo engithokoza ngabo.
- 4 Labo abagijimela abanye onkulunkulu inhlupho zabo zizakwanda.
Angiyi kuyithulula iminikelo yegazi kubonkulunkulu labo
njalo amabizo abo kawayikuphuma kwezami izindebe.
- 5 THIXO, usungahlukanisele isabelo sami kanye lenkezo yami;
konke okwami usukumise kuhle.
- 6 Imingcele yesabelo sami idabula ezindaweni ezibukekayo;
ngeqiniso elami ilifa liyathokozisa.
- 7 Ngizamdumisa UTHIXO, onguye ongelulekayo;
lasebusuku inhliziyo yami iyangiqondisa.
- 8 Ngikhangele kuUTHIXO kokuphela.
Njengoba esesandleni sami sokunene angiyi kunyikinywa.

- 9 Ngakho-ke inhliziyo yami iyathokoza lolimi lwami luyajabula;
lomzimba wami uzaphumula uvikelekile,
10 ngoba kawuzukungiyekela ngize ngiye endaweni yabafleyo,
njalo kawusoze wekele othembekileyo wakho ezwe ukubola.
11 Usungazisile indlela yempilo;
uzangicwalisa ngokuthaba phambi kwakho,
ngenjabulo engapheliyo kwesokunene sakho.

Ihubo 17

Umkhuleko kaDavida.

- 1 Zwana, Oh THIXO, ukuncenga kwami okulungileyo;
lalela ukukhala kwami.
Zwana umkhuleko wami,
kawusuki ezindebeni ezikhohlisayo.
2 Ukugezwa kwami ecaleni kakuvele kuwe;
sengathi amehlo Akho angabona lokho okuqondileyo.
3 Udungulule inhliziyo yami
wangihlola ebusuku wangilinga,
kawuyikufumana lutho olubi engiluhlelileyo;
sengizimisele ukuthi umlomo wami ungenzi sono.
4 Mayelana lezenzo zabantu,
mina ngizazithiba ezindleleni zobudlwangudlwangu
ngelizwi lezindebe zakho.
5 Izinyathelo zami zalela ezindleleni zakho;
inyawo zami kazizange zitshelele.
6 Ngikhala kuwe, Oh Nkulunkulu ngoba uzangiphendula;
ngilalela uzwe umkhuleko wami.
7 Tshengisa ukumangalisa kothando lwakho olukhulu,
wena osindisa ngesandla sakho sokunene,
labo ababalekela kuwe ezitheni zabo.
8 Ngilondoloza njengegugu lakho;
ngifihla emthunzini wamaphiko akho
9 kwababi abangihlaselayo,
ezitheni zami ezimbi ezingihanqileyo.
10 Bagcika inhliziyo zabo ezingelazwelo,
lemilomo yabo ikhuluma iqholoza.
11 Sebeze bangithola, manje sebengihanqile
bangiqhuzulele amehlo bafuna ukungilahla phansi.
12 Banjengesilwane silambebe loba yini esingayidumela,
njengesilwane esesabekayo siquthile sicutshile.
13 Phakama, Oh THIXO, basukele, balahle phansi;
ngilamulela kwababi ngenkemba yakho.
14 Oh THIXO, ngisindisa ngesandla sakho ebantwini abanjalo,
ebantwini bakulumhlaba omvuzo wabo ukuyonela impilo.
Udedisa iphango lalabo obathandayo;
amadodana abo akhomba ngophakathi;
baqoqela abantwababo inotho.

¹⁵ Mina-ke ngenxa yokulunga ngizabubona ubuso bakho;
ngizakuthi ekuvukeni kwami nganeliswe yikubona isimo sakho.

Ihubo 18

Kumqondisi wokuhlabela. ElikaDavida inceku KATHIXO Wahlabela uJehova amazwi alelihubo lapho uJehova wamsindisa esandleni sezitha zakhe zonke lasesandleni sikaSawuli. Wathi:

¹ Ngiyakuthanda, Oh THIXO, Mandla ami.

² UTHIXO ulidwala lami, inqaba yami, lomsindisi wami;
uNkulunkulu wami ulidwala lami, lapho engiphephela khona,
isihlangu sami lophondo lokusindiswa kwami, inqaba yami.

³ Ngakhuleka kuTHIXO ofanele ukudunyiswa
njalo ngikhululwe ezitheni zami.

⁴ Izibopho zokufa zangihlela;
lezikhukhula zokubhubhisa zangikhulela.

⁵ Izibopho zengcwaba zangithandela;
imijibila yokufa yangijamela.

⁶ Ekukhathazekeni kwami ngakhuleka kuTHIXO;
ngakhala kuNkulunkulu wami ngicela usizo.
Walizwa ilizwi lami esethempelini lakhe;
ukukhala kwami kwafinyelela kuye,
ezindlebeni zakhe.

⁷ Umhlaba wagedezela wamazama,
izisekelo zezintaba zanyikinyeka;
zagedezela ngoba wayethukuthele.

⁸ Intuthu yalanquka emakheleni Akhe
umlilo ohangulayo waphuma emlonyeni wakhe,
amalahle avuthayo alavuka ephuma kuwo.

⁹ Waqhekeza amazulu wehlela phansi;
amayezi amnyama
ayengaphansi kwezinyawo zakhe

¹⁰ Wagada amakherubhi waphapha;
wantweza phezu kwamaphiko omoya.

¹¹ Wenza umnyama isembeso sakhe,
isigubuzelo esimhanqileyo,
amayezi ezulu amnyama asemkhathini.

¹² Phakathi kokukhazimula kobukhona bakhe
kwaqubuka amayezi,
kulesiqhotho lezikhatha zombane.

¹³ UTHIXO wakhwaza esezulwini;
ilizwi loPhezukonke langenqetha.

¹⁴ Waciba imitshoko wazihlakaza izitha,
ngembane eminengi waziqothula.

¹⁵ Izigodi zolwandle zambulwa
lezisekelo zomhlaba zavezwa obala
ekukhuzeni kwakho THIXO,
ngomfutho wokuphefumula kwamakhala akho.

¹⁶ Welula isandla Sakhe esezulwini

- wangibamba wangihlenga enzikini yamanzi.
- 17 Wangihlenga esitheni sami esilamandla,
ezitheni zami ezazingigabhela ngamandla.
- 18 Zangijamela mhla ngisebunzimeni,
kodwa uTHIXO waba yinsika yami.
- 19 Wangikhupha wangibeka endaweni ebanzi
wangihlenga ngoba wayethokoza ngami.
- 20 UTHIXO ungenzele okulingene ukulunga kwami;
wanganika umvuzo ngokufanele ukuhlanzeka kwezandla zami.
- 21 Ngoba ngizigcinile izindlela ZIKATHIXO;
angenzanga okubi ngokufulathela uNkulunkulu wami.
- 22 Yonke imithetho yakhe ibiphambi kwami;
angizifulathelanga izimiso zakhe.
- 23 Ngibe ngilokhu ngimsulwa phambi kwakhe
njalo ngisixwayile isono.
- 24 UTHIXO unginike umvuzo ngokufanele ukulunga kwami,
ngokufanele ukuhlanzeka kwezandla zami phambi Kwakhe.
- 25 Kwabathembekileyo lawe uthembekile,
kwabamsulwa lawe umsulwa.
- 26 Kwabahlanzekileyo uziveza uhlanzekile
kodwa kwabangaqondanga uziveza ukhaliphile.
- 27 Uyabasindisa abathobekileyo;
kodwa uyabehlisela phansi labo abamehlo asesiphundu.
- 28 Wena, Oh THIXO, gcina isibane sami sibhebha;
uNkulunkulu wami uguqula umnyama wami ube yikukhanya.
- 29 Ngosizo lwakho ngingaphuma ngimelane lebuthe lempi;
ngoNkulunkulu wami ngingaweqa umduli.
- 30 Izindlela zikaNkulunkulu uqobo lwakhe ziphelele;
ilizwi LIKATHIXO kalilasici.
Ulihawu labo bonke abaphephela kuye.
- 31 Ngoba ngubani uNkulunkulu ngaphandle KUKATHIXO?
Njalo ngubani oliDwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu na?
- 32 NguNkulunkulu ongihlomisa amandla
enze indlela yami iphelele.
- 33 Wenza inyawo zami zibe njengezempala;
ungenza ngime ezingqongweni
- 34 Ufundisa izandla zami ukulwa impi;
izingalo zami zingaligobisa idandili lethusi.
- 35 Wena uyanginika isihlangu sakho sokunqoba,
lesandla sakho sokunene siyangiqinisa;
uyazehlisela phansi ukuze ungenze ngibe mkhulu.
- 36 Uqhelisa indlela enginyathela kuyo,
ukuze inqagala zami zingapheci.
- 37 Ngaxotshana lezitha zami ngazifika;
kangiphendukanga ngingakazibhubhisi zonke.
- 38 Ngazichoboza, zazingeke zisavuka;
zawela ngaphansi kwezinyawo zami

- 39 Wangihlomisa ngamandla okulwa impi;
wenza abaxabana lami bakhothama ezinyaweni zami.
- 40 Wenza izitha zami zafulathela zabaleka,
njalo ngazibhubhisa izitha zami.
- 41 Bakhala becela uncedo, kodwa wayengekho owayengabalamulela
kuTHIXO, kodwa kaphendulanga.
- 42 Ngabatshaya bacholeka njengothuli luphetshulwa ngumoya;
ngabathulula njengodaka ezindleleni.
- 43 Ungikhulule ekuhlaselweni yilababantu;
usungenze ngaba yinhloko yezizwe;
abantu engangingabazi seimbuswa yimi.
44 Bathi bengizwa nje ngendaba, bangilalele;
abezizweni bayatshotshobala phambi kwami.
- 45 Bonke badelile;
beza bethuthumela bevela ezinqabeni zabo.
- 46 UTHIXO uyaphila!
Alidunyiswe iDwala lami!
Kaphakanyiswe uNkulunkulu uMsindisi wami!
- 47 UnguNkulunkulu ongiphindiselelayo,
onqoba izizwe zibe ngaphansi kwami,
48 ongisindisayo ezitheni zami.
Wena wangikhuphula ngaphezu kwezitha zami;
wangihlenga ebantwini bodlakela.
- 49 Ngakho ngizakudumisa phakathi kwezizwe, Oh THIXO;
ngizahlabelela indumiso yebizo lakho.
- 50 Upha inkosi yakhe ukunqoba okukhulu;
utshengisa umusa wakhe ongaphuthiyo kogcotshiweyo wakhe,
kuDavida kanye lezizukulwane zakhe kuze kube nininini.

Ihubo 19

Kumqondisi wokuhlabela. Ihubo likaDavida.

- 1 Amazulu afakaza inkazimulo kaNkulunkulu;
lomkhathi utshumayela umsebenzi wezandla zakhe.
- 2 Usuku ngosuku lezizinto ziyakhuluma;
ubusuku lobusuku zibonisa ulwazi.
- 3 Akula nkulumo, akula mazwi
ilizwi lazo alizwakali.
- 4 Kodwa Ilizwi lazo lizwakala emhlabeni wonke,
amazwi azo afika emikhawulweni yomhlaba.
Emazulwini uNkulunkulu uselakhele ithente ilanga.
5 Lona linjengomyeni ephuma exhibeni lakhe,
njengentshantshu ethakazelela ukugijima ibanga layo.
- 6 Liphuma emkhawulweni wamazulu
lihambe indlela yalo liyotshona ngakuloyana;
kakukho okusithekileyo ekutshiseni kwalo.
- 7 Umthetho KATHIXO uphelele
uvuselela umphefumulo.
Izimiso ZIKATHIXO zithembekile,
zihlakaniphisa izithutha.

- ⁸ Iziqondiso ZIKATHIXO zilungile,
ziletha ukuthokoza enhliziyweni.
Imilayo KATHIXO isobala,
iletha ukukhanya emehlweni.
- ⁹ Ukumesaba UTHIXO kuhlanzekile,
kumi kuze kube phakade.
Izahlulelo ZIKATHIXO ziqinisekile
njalo zilungile ngokupheleleyo.
- ¹⁰ Ziligugu okudlula igolide,
okudlula igolide elinengi elicengekileyo;
zimnandi kuloluju,
uluju olujuluka ohlangeni.
- ¹¹ Ngazo inceku yakho iyacetshiswa;
ukuzilandela kulomvuzo omkhulu.
- ¹² Ngubani ongazizwisisa iziphambeko zakhe?
Thethelela iziphambeko zami ezisithekileyo.
- ¹³ Phephisa inceku yakho ezonweni zamabomo;
sengathi zingeze zabusa phezu kwami.
Lapho ngizakuba msulwa
ngingabi lacala lokona okukhulu.
- ¹⁴ Sengathi amazwi omlomo wami leminakano yenhliziyoyami
kungathokozisa emehlweni akho,
Oh THIXO, Dwala lami loMhlengi wami.

Ihubo 20

Kumqondisi wokuhlabela. Ihubo likaDavida.

- ¹ Sengathi UTHIXO angakuphendula nxa usenkathazweni;
sengathi ibizo likaNkulunkulu kaJakhobe lingakuvikela.
- ² Sengathi angakuthumela usizo luvela endlini engcwele
njalo akunike ukuhlomulela kuvela eZiyoni.
- ³ Sengathi angakhumbula yonke imihlatshelo yakho
njalo emukele iminikelo yakho yokutshiswa.
- ⁴ Sengathi angakupha isifiso senhliziyo yakho
enze izimiso zakho zonke ziphumelele.
- ⁵ Sizamemeza ngokujabula lapho usunqobile,
siphakamise uphawu lwethu egameni likaNkulunkulu wethu.

Sengathi UTHIXO angakupha zonke izicelo zakho.

- ⁶ Manje sengisazi ukuthi
UTHIXO uyamhlenga ogcotshiweyo wakhe;
uyamphendula esezulwini lakhe elingcwele
ngamandla Akhe asindisayo awesandla Sakhe sokunene.
- ⁷ Abanye bathemba izinqola zempi,
abanye amabhiza,
kodwa thina sithemba ibizo LIKATHIXO uNkulunkulu wethu.
- ⁸ Bafuqelwa phansi bawe,
kodwa thina siyaphakama sime sigxile.
- ⁹ Oh THIXO, sindisa inkosi!
Sabela lapho simemeza!

Ihubo 21

Kumqondisi wokuhlabela. Ihubo likaDavida.

- 1 Yebo THIXO umbusi uyathokoza ngamandla akho.
Kukhulu ukuthokoza kwakhe ngokunqoba akuphiwa nguwe!
- 2 Usumphile isiloyiso senhliziyo yakhe
njalo kawumncitshanga isicelo sezindebe zakhe.
- 3 Wamemukela ngezibusiso ezinhle
- 70 Wakhetha uDavida inceku yakhe
wamthatha ezilugwini zezimvu;
- 71 wamsusa ekweluseni izimvu
wamletha ukuba ngumelusi wabantu bakhe uJakhobe,
baka-Israyeli ilifa lakhe.
- 72 Njalo uDavida wabelusa ngobuqotho benhliziyo;
wabakhokhela ngesandla sobungcitshi.

Ihubo 79

Ihubo lika-Asafi

- 1 Oh Nkulunkulu, izizwe sezilingenele ilifa lakho;
sezilingcolisile ithempeli lakho eligcwele,
iJerusalem isibhidliziwe yaba luthuli.
- 2 Izidumbu zezinceku zakho sebezilahlele
ukuba yikudla kwezinyoni zasemoyeni,
inyama yabangcwele bakho yaba yikudla kwezilo zelizwe.
- 3 Balichithile igazi njengamanzi
bahongqozela ngalo iJerusalem,
kasekho ozangcwaba abafileyo.
- 4 Siyizinto zokuchothozwa kubomakhelwane bethu,

inhlekisa lokweyiswa yibo bonke esihlala labo.

- 5 Koze kube nini, Oh THIXO? Uzazonda kuze kube nininini na?
Koze kube nini ubukhwele bakho butshisa njengomlilo na?
- 6 Thululela intukuthelo yakho kulezozizwe
ezingakunanziyo,
ezingalibiziyo ibizo lakho
- 7 ngoba zimchithile uJakhobe
zalibhidliza ilizwe lakibo.
- 8 Ungawethesi thina umlandu wabokhokho;
sengathi isihawu sakho singeza masinyane ukuzasivikela,
ngoba sesisebunzimeni obubi.
- 9 Sisize, awu Nkulunkulu Msindisi wethu,
ngenxa yobukhosi bebizo lakho;
sikhulule uthethelele izono zethu,
ngenxa yebizo lakho.
- 10 Kungani izizwe zisithi,
“Ungaphi uNkulunkulu wabo?”

Yenza emehlweni ethu, kwaziwe phakathi kwezizwe
ukuthi uyaliphindisela igazi lezincedu zakho elachithwayo.

- 11 Sengathi ukububula kwezibotshwa kungafinyelela kuwe;
ngamandla engalo yakho sindisa labo abagwetshelwe ukufa.
- 12 Baphindisele kasikhombisa omakhelwane bethu
ngezinhlamba ababekuchaphaza ngazo, Thixo.
- 13 Kuzakuthi-ke thina abantu bakho,
izimvu zedlelo lakho, sikudumise laphakade;
kusuka esizukulwaneni kusiya esizukulwaneni
sizabalisa udumo lwakho.

Ihubo 80

Kumqondisi wokuhlabela. Itshuni ethi, “Amaluba esiVumelwano.” Elika-Asafi. Ihubo.

- 1 Sizwe, Oh Malusi ka-Israyeli,
wena okhokhela uJosefa njengomhlambi wezimvu;
wena ohlezi esihlalweni sobukhosi
uphahlwe ngamakherubhi,
benyezela
- 2 phambi kuka-Efrayimi loBhenjamini loManase.
Vusa amandla akho; woza usisindise.
- 3 Sivuselele, Oh Nkulunkulu;
yenza ubuso bakho bukhanye phambi kwethu,
ukuze sisindiswe.
- 4 Oh THIXO Nkulunkulu Somandla,
koze kube nini ulaka lwakho luvutha
phezu kwemikhuleko yabantu bakho?
- 5 Usubafunzile ngesinkwa sezinyembezi;
ubenze banatha inyembezi ezigcwele umganu.
- 6 Ususenze saba yimbangela yengxabano kubomakhelwane bethu,
lezitha zethu ziyasihleka.

- 7 Sivuselele, Oh Nkulunkulu Somandla;
khanyisa ubuso bakho kithi,
ukuze sisindiswe.
- 8 Waletha ivini ulisusa eGibhithe;
wazixotsha izizwe waligxumeka,
- 9 walicentela indawo
labamba emhlabathini lagcwala ilizwe.
- 10 Izintaba zagcwala umthunzi walo,
imisedari emikhulu yathi silikici ngamagatsha alo.
- 11 Lakhulisa amagatsha alo anabela oLwandle,
amahlumela alo afika kude eMfuleni.
- 12 Kungani na usudilize imiduli yalo
ukuze bonke abedlulayo baziqhululele izithelo zalo?
- 13 Ingulungunda ziyalivadlaza,
lezidalwa zeganga zizitika ngalo.
- 14 Buya kithi, Oh Nkulunkulu Somandla!
Khangela phansi usezulwini ubone!
Nakekela ivini leli,
15 impande ehlanyelwe yisandla sakho sokunene,
indodana ozondlele yona wena.
- 16 Ivini lakho seliqunyiwe, selitshiswe ngomlilo;
ngokukhuza kwakho abantu bayabhubha.
- 17 Yeyamisa isandla sakho emuntwini ongakwesokunene kwakho,
indodana yomuntu ozondlele yona.
- 18 Yikho asiyikukufulathela, sivuselele,
ukuze sibize ibizo lakho.
- 19 Sivuselele, Oh THIXO Nkulunkulu Somandla;
khanyisa ubuso bakho kithi,
ukuze sisindiswe.

Ihubo 81

Kumqondisi wokuhlabela. Ngendlela *yegithithi*. Elika-Asafi

- 1 Hlabelelani ngentokozo kuNkulunkulu ongamandla ethu;
memezani kakhulu kuNkulunkulu kaJakhobe!
- 2 Qalisani ukuhlabela, tshayani isigubhu,
khalisani ichacho eliminandi lomhubhe.
- 3 Khalisani uphondo lwenqama ekuThwaseni kweNyanga,
lalapho inyanga isigcwele, ngelanga lomkhosi;
- 4 lesi yisimemezelo sika-Israyeli,
umthetho kaNkulunkulu kaJakhobe.
- 5 Wakumisa njengesimiso kuJosefa
lapho aphuma wavukela ilizwe leGibhithe,
lapho ezwa khona ulimi esasingaluzwa.

Ngezwa ilizwi engingalaziyo lisithi:

- 6 “Ngawethula umthwalo emahlombe abo;

izandla zabo zakhululwa engcebethwini.

7 Ekuhluphekeni kwenu lamemeza mina ngalikhulula.
Ngaliphendula ngiphakathi komdumo weyezi;
ngalilinga emanzini aseMeribha.

8 Zwanini, awu bantu bami, mina ngizalixwayisa
aluba lingangilalela, Oh Israyeli!

9 Lingabi lonkulunkulu wezizweni phakathi kwenu;
lingabokhothamela unkulunkulu ongaziwayo.

10 NGINGUTHIXO uNkulunkulu wenu,
owalikhuphayo eGibhithe.

Vulani kakhulu umlomo wenu ngizawugcwalisa.

11 Kodwa abantu bami kabangilalelanga;
u-Israyeli wala ukungithobela.

12 Ngakho ngasengibayekela ngezinhliziyo zabo zobuqholo
ukuthi balandele lokho abakufunayo.

13 Aluba abantu bami bengangilalela,
aluba u-Israyeli engalandela izindlela zami,

14 masinyane nje ngingazibhuqa izitha zabo
ngiphakamisele isandla sami ezitheni zabo!

15 Labo abamzondayo UTHIXO bangatshotshobala phambi kwakhe,
kuthi isijeziso sabo sibe ngesaphakade.

16 Kodwa lina lingaphiwa ingqoloyi enhle kakhulu;
ngilisuthise ngoluju oluphuma edwaleni.”

Ihubo 82

Ihubo lika-Asafi

1 UNkulunkulu usesihlalweni emhlanganweni omkhulu;
nguye owahlulelayo phakathi kwabo “nkulunkulu”:

2 “Koze kube nini livikela ababi na
libonakala lithanda izigangi?

3 Lamlelani ababuthakathaka lezintandane;
melani amalungelo abayanga labahlukuluzwayo.

4 Lamlelani ababuthakathaka labaswelayo;
bephuleni esandleni sababi.

5 Onkulunkulu kabazi lutho, kabazwisisi lutho.
Bayantula emnyameni;
zonke izisekelo zomhlaba zixukuxiwe.

6 Ngathi, ‘Lingo “nkulunkulu”;
lonke lingamadodana akhe oPhezukonke.’

7 Kodwa lizakufa lingabantu nje;
lizakuwa njengamanye amakhosi wonke.”

8 Phakama, Oh Nkulunkulu, yahlulela umhlaba,
ngoba zonke izizwe ziyilifa lakho.

Ihubo 83

Ingoma. Ihubo lika-Asafi.

- 1 Oh Nkulunkulu, ungathuli uthi zwi;
ungangincitshi indlebe yakho,
ungameli khatshana lami, Oh Nkulunkulu.
- 2 Akubone ukuthi ziphithizela kanjani izitha zakho,
ukuthi ziwaqaphisa kanganani amakhanda azo.
- 3 Ngobuqili zakhela abantu bakho amacebo;
zisongela labo obathembileyo.
- 4 Bathi, “Wozani kasibabhuge du njengesizwe,
ukuze ibizo lika-Israyeli lingaphindi likhunjulwe.”
- 5 Nganhliziyonye bawakha amacebo ndawonye;
bayahlangana beme ndawonye ukumelana lawe,
- 6 amathente ase-Edomi lama-Ishumayeli,
awamaMowabi lawamaHagari,
- 7 amaGebhali, lama-Amoni lama-Amaleki,
amaFilistiya labantu beThire.
- 8 Lama-Asiriya asebambene labo
ukuqinisa izizukulwane zikaLothi.
- 9 Yenza kubo njengoba wenza eMidiyani,
njengowakwenza kuSisera loJabhini emfuleni iKhishoni,
- 10 ababhubha e-Endo
baba njengezibi emhlabathini.
- 11 Yenza izikhulu zabo zibe njengo-Orebhi loZebhi,
wonke amakhosana abo abe njengoZebha loZalimuna,
- 12 abathi, “Kasiwathumbe
amadlelo kaNkulunkulu.”
- 13 Benze babe njengenkunkuma, Oh Nkulunkulu wami,
njengamakhoba ephetshulwa ngumoya.
- 14 Njengalokhu umlilo uhangula igusu
kumbe ilangabi lilumathisa izintaba,
- 15 kanjalo basukele ngesivunguvungu sakho
ubethuse ngesiphepho sakho.
- 16 Bahuqe ubuso babo ngehlazo
ukuze abantu balidinge ibizo lakho, Oh THIXO.
- 17 Sengathi bangayangeka lanini badunyazwe;
kungathi bangafa belehlazo.
- 18 Yenza bakwazi ukuthi wena, obizo lakho UNGU THIXO
ukuthi wena wedwa ungoPhezukonke emhlabeni wonke.

Ihubo 84

Kumqondisi wokuhlabela. Ngendlela *yegithithi*. Elabantwana bakaKhora. Ihubo.

- 1 Yeka ubuhle bendlu yakho,
Oh THIXO Somandla!
- 2 Umphefumulo wami uyalangazela, uze ungathi uyaphela,
ngifuna amagama KATHIXO;

- inhliziyi yami lenyama yami
kukhalela uNkulunkulu ophilayo.
- 3 Intaka layo ilizuzile ikhaya,
lenkonjane isidleke sayo,
lapho ingazalela khona abantwana bayo
indawo eduze kwe-alithari lakho,
Oh THIXO Somandla, Nkosi yami loNkulunkulu wami.
- 4 Babusisiwe labo abahlala endlini yakho;
bahlala bekudumisa kokuphela.
- 5 Babusisiwe labo abalamandla abo akuwe
asebebeke inhliziyi zabo ekulagiseni kuwe.
- 6 Bathi nxa bedabula esiGodini seBhaka
basenze sibe yindawo yemithombo;
izulu lekwindla lalo ligcwalise iziziba.
- 7 Ayakhula amandla abo ande,
ngulowo lalowo aze aqhamuke kuNkulunkulu eZiyoni.
- 8 Zwana umkhuleko wami, Oh THIXO Nkulunkulu Somandla;
akungilalele, Oh Nkulunkulu kaJakhobe.
- 9 Khangela isihlangu sethu, Oh Nkulunkulu;
khangela ngomusa kogcotshiweyo wakho.
- 10 Lungcono usuku olulodwa emagumeni akho
kulensuku eziyinkulungwane kwenye indawo;
kungabangcono ngibe ngumlindimasango endlini kaNkulunkulu
kulokuhlala emathenteni ababi.
- 11 Ngoba uTHIXO ulilanga lesihlangu;
uTHIXO uyapha umusa lodumo;
kancitshani langaluphi ulutho oluhle
kulabo ozinyathelo zabo zingelansolo.
- 12 Oh THIXO Somandla,
ubusisiwe umuntu owethemba kuwe.

Ihubo 85

Kumqondisi wokuhlabela. Elamadodana kaKhora. Ihubo.

- 1 Ulithandile ilizwe lakho, Oh THIXO;
uyibuyisile inhlanhla kaJakhobe.
- 2 Wazithethelela iziphambeko zabantu bakho
wazisibekela zonke izono zabo.
- 3 Walubuyisela eceleni lonke ulaka lwakho
wakufulathela ukuthukuthela kwakho okwesabekayo.
- 4 Sivuselele njalo, Oh Nkulunkulu Msindisi wethu,
ukubeke khatshana ukukucunula kwethu.
- 5 Uzasizondela kuze kube phakade na?
Uzalugcina ulaka lwakho kuzozonke izizukulwane na?
- 6 Kawuzukusivuselela na,
ukuze abantu bakho bathokoze kuwe?
- 7 Sitshengise uthando lwakho olungaphuthiyo, Oh THIXO,
usinike insindiso yakho.

- ⁸ Ngizalalela lokho uNkulunkulu UTHIXO azakutsho;
uthembisa abantu bakhe ukuthula, abangcwele bakhe
kodwa kabangabuyeli ebufebeni babo.
- ⁹ Ngempela insindiso iseduze kulabo abamesabayo,
ukuze inkazimulo yakhe ihlale elizweni lethu.
- ¹⁰ Uthando lokuthembeka kuyahlangana ndawonye;
ukulunga lokuthula kuyangana.
- ¹¹ Ukuthembeka kuqhamuka emhlabathini,
ukulunga kukhanya phansi kusezulwini.
- ¹² Ngeqiniso UTHIXO uzanika okulungileyo,
lelizwe lethu lizathela isivuno salo.
- ¹³ Ukulunga kuhamba phambi kwakhe
kulungisele izinyathelo zakhe indlela.

Ihubo 86

Umkhuleko kaDavida

- ¹ Zwana, Oh THIXO, ungiphendule,
ngoba ngingumyanga ngiyaswela.
- ² Vikela impilo yami, ngoba ngizinikele kuwe;
sindisa inceku yakho ekuthembayo;
UnguNkulunkulu wami.
- ³ Woba lesihawu kimi, Oh Thixo,
ngoba ngitshona ngikubiza ilanga lonke.
- ⁴ Letha ukuthokoza encekwini yakho,
ngoba kuwe, Oh Thixo,
ngiphakamisela umphefumulo wami.
- ⁵ Uyathethelela njalo ulungile, Oh Thixo,
ugcwele uthando kulabo abakhuleka kuwe.
- ⁶ Zwana umkhuleko wami, Oh THIXO;
lalela ukukhala kwami ngicela umusa.
- ⁷ Mhla ngiphakathi kokuhlupheka ngizakhala kuwe,
ngoba uzangiphendula.
- ⁸ Phakathi kwabonkulunkulu kakho onjengawe, Oh Thixo;
kakulazenzo ezingalinganiswa lezakho.
- ⁹ Zonke izizwe owazenzayo
zizakuza zikhonze kuwe, Nkosi;
zizaletha udumo ebizweni lakho.
- ¹⁰ Ngoba umkhulu njalo wenza imisebenzi emangalisayo;
wena wedwa unguNkulunkulu.
- ¹¹ Ngifundisa indlela yakho, Oh THIXO,
ukuze ngihambe eqinisweni lakho;
ngipha inhliziyi engaxamalazanga,
ukuze ngilesabe ibizo lakho.
- ¹² Ngizakudumisa, Nkosi Nkulunkulu wami,
ngenhliziyi yami yonke;
ngizalidumisa ibizo lakho laphakade.
- ¹³ Ngoba lukhulu uthando lwakho kimi;
ungenyule ekujuleni kwendawo yabafileyo.

- 14 Iziqholo ziyangihlasela, Oh Nkulunkulu
iqembu lamadoda alesihluku lizingela impilo yami
abantu abangakunanziyo wena.
- 15 Kodwa wena, Nkosi, unguNkulunkulu olozwelo, olobubelo,
ophuza ukuzonda, owandayo gothando lokuthembeka.
- 16 Phendukela ngakimi ube lesihawu kimi;
veza amandla akho ngenceku yakho,
ngisindise ngoba ngiyakukhonza,
njengokwenziwa ngumama.
- 17 Ngipha isiboniso sokulunga kwakho,
ukuze izitha zami zisibone ziyangeke,
ngoba wena, Oh THIXO, usungisizile njalo wangiduduza.

Ihubo 87

Elamadodana kaKhora. Ihubo. Ingoma.

- 1 Usakhile isisekelo sakhe entabeni engcwele;
2 UTHIXO uyawathanda amasango eZiyoni
okudlula yonke imizi kaJakhobe.
- 3 Izinto ezinhle okumangalisayo ziyatshiwo ngawe,
we muzi kaNkulunkulu:
- 4 “Ngizabalisa uRahabi leBhabhiloni
phakathi kwalabo abathi bayangazi
iFilistiya leThire, kanye leKhushi
ngibe sengisithi, ‘Lo wazalelwa eZiyoni.’”
- 5 Ngempela kuzathiwa ngeZiyoni,
“Lo laloyana bazalelwa khona,
kuthi yena oPhezukonke uzaliqinisa.”
- 6 UTHIXO uzaloba eluhlwini lwamabizo abantu:
“Lo wazalelwa eZiyoni.”
- 7 Bazakuthi betshaya amachacho bahlabele bathi,
“Yonke imithombo yami ikuwe.”

Ihubo 88

Ingoma. Ihubo lamadodana kaKhora. Kumqondisi wokuhlabela. Itshuni
ethi, *Mahalathi leyanothi* (Ukuhlupheka lokuchukuluzwa) *Ihubo* likaHe-
mani um' Ezira.

- 1 Oh THIXO, Nkulunkulu ongisindisayo,
ebusuku lemini ngikhala kuwe.
- 2 Akuthi umkhuleko wami ufinyelele kuwe;
phendula indlebe yakho izwe ukukhala kwami.
- 3 Ngoba umphefumulo wami ugcwele inhlupheko
lempilo yami isilengela engcwabeni.
- 4 Ngibalwa ndawonye lalabo asebesiya egodini;
senginjengendoda engelamandla.
- 5 Sengahlukaniselwe kwabafeyo,
lezidumbu ezilele engcwabeni,
wena ongasabakhumbuliyo njalo,
abangasekho kulabo obanakekelayo.

- 6 Usungifake egodini elitshona okudlulayo,
ekujuleni okumnyama bhuqe.
- 7 Intukuthelo yakho iyangeleka;
usungigalulisile ngawo wonke amagagasi akho.
- 8 Usungithathele abangane bami abasekhwapeni
wangenza ngaba lesidina kubo.
- Ngivalelwe kangiselantuba;
9 amehlo ami asebona kalufifi ngenxa yosizi.

Ngiyakubiza, Oh THIXO, insuku zonke;
ngiphakamisela izandla zami kuwe.

- 10 Izimanga zakho uyazitshengisa kwabafileyo na?
Kambe labo asebefile bangavuka bakudumise na?
- 11 Uthando lwakho luyamenezelwa engcwabeni yini,
ukuthembeka kwakho endaweni yokuBhubha na?
- 12 Izimanga zakho ziyaziwa yini endaweni yobumnyama,
kumbe izenzo zakho zokulunga elizweni lokungabikho na?
- 13 Kodwa ngikhala kuwe ngoncedo, Oh THIXO;
ekuseni umkhuleko wami uyafika kuwe.
- 14 Kungani, awu THIXO, ungifulathela
ungifihlela ubuso bakho?
- 15 Kusukela ebutsheni bami ngavele ngahlupheka ngaba seduze lokufa;
ngiphethwe yikwesatshiswa nguwe, sengize ngidangele.
- 16 Intukuthelo yakho isingigabhele;
ukwesaba wena sekungiqedile.
- 17 Ilanga lonke kungihanqile njengesikhukhula;
sekungigalulisa nya.
- 18 Usungithathele abakhula bami lengibathandayo;
ubumnyama sebunguyena mngane wami oseduze.

Ihubo 89

Ihubo lika-Ethani umEzira

- 1 Ngizahlabelela ngothando LUKATHIXO olukhulu lanininini;
ngomlomo wami ngizakwenza ukuthembeka kwakho kwaziwe
ezizukulwaneni zonke.
- 2 Ngizamemezela ukuthi uthando lwakho lumi luqinile laphakade,
ukuthi ukuthembeka kwakho wakugxilisa ezulwini uqobo.
- 3 Wathi, "Sengenze isivumelwano lalowo okhethiweyo wami,
sengifungile kuDavida inceku yami,
- 4 'Ngizawumisa umndeni wakho laphakade,
ngisiqinise isihlalo sakho sobukhosi
kuzozonke izizukulwane.'"
- 5 Amazulu ayazidumisa izimanga zakho, Oh THIXO,
lokuthembeka kwakho emhlanganweni wabangcwele.
- 6 Phela ngubani ONJENGOTHIXO phakathi kwabaphilayo ezulwini na?
Ngubani ONJENGOTHIXO phakathi kwabaphilayo ezulwini na?
- 7 Enhlanganisweni yabangcwele uNkulunkulu uyesatshwa kakhulu;
uyesabeka kulabo bonke abahlezi laye.

- 8 Yebo THIXO Nkulunkulu Somandla, ngubani onjengawe na?
Ulamandla, Oh THIXO, ukuthembeka kwakho kukuhongolozele.
- 9 Uyabusa phezu kolwandle olugubhazelayo;
lapho amavingo alo equbuka, uyawathulisa.
- 10 Wamchoboza uRahabi njengomunye wababuleweyo;
ngengalo yakho elamandla wazichitha izitha.
- 11 Ngawakho amazulu, ngowakho njalo lomhlaba;
wawudala umhlaba lakho konke okukuwo.
- 12 Wayidala inyakatho kanye leningizimu;
iThabhozi leHemoni zihlabelela ibizo lakho ngentokozi.
- 13 Ingalo yakho igcwele amandla;
isandla sakho siqinile, esokunene siphakeme.
- 14 Ukulunga lokwahlulela kuhle yikho okuyinsika yesihlalo sakho
sobukhosi;
uthando lokuthembeka kuhamba phambili kwakho.
- 15 Babusisiwe labo asebekufundile ukukubabaza,
abahamba ekukhanyeni kobukhona bakho, Oh THIXO.
- 16 Bayathokoza ngebizo lakho ilanga lonke;
bayagubhazela ngokulunga kwakho.
- 17 Ngoba uyibukhosi babo lamandla abo,
kuthi ngomusa wakho uphakamise uphondo lwethu.
- 18 Ngempela isihlangu sethu NGESIKATHIXO, iNkosi yethu
Kuye oYedwa oNgcwele ka-Israyeli.
- 19 Endulo wakhuluma ngombono,
ebantwini bakho abathembekileyo wathi:
“Sengiwehlisele amandla phezu kweqhawe;
sengiphakamise insizwa phakathi kwabantu.
- 20 Sengifumane uDavida inceku yami;
ngamafutha ami angcwele sengingcobile.
- 21 Isandla sami sizamsekela;
ngempela ingalo yami izamqinisa.
- 22 Akulasitha esizamncindezela ukuthi athele kuso;
kakho umuntu omubi ozamncindezela.
- 23 Ngizazichoboza izitha zakhe phambi kwakhe
ngibalahlele phansi abalwa laye.
- 24 Uthando lwami oluthembekileyo luzaba laye,
ukuthi ngebizo lami luphakanyiswe uphondo lwakhe.
- 25 Ngizabeka isandla sakhe phezu kolwandle,
isandla sakhe sokunene phezu kwemifula.
- 26 Uzamemeza kimi athi, ‘UnguBaba,
Nkulunkulu wami, iDwala elinguMsindisi wami.’
- 27 Njalo ngizamisa abe lizibulo lami,
inkosi ephakeme ngaphezu kwawo wonke amakhosi omhlaba.
- 28 Ngizalugcina uthando lwami kuye laphakade,
lesivumelwano sami laye kasiyikuphela.
- 29 Inzalo yakhe ngizayimisa nini lanini,
lesihlalo sakhe sobukhosi kasiyikufa saphela.

- 30 Aluba amadodana akhe edela umlayo wami
angalandeli izimiso zami,
- 31 nxa beseophula izimemezelo zami
behluleke ukugcina imiyalo yami,
- 32 ngizajezisa isono sabo ngoswazi,
lesiphambeko sabo ngokubatshaya;
- 33 kodwa kangiyikulususa uthando lwami kuye,
njalo kangisoze ngiguqule ukuthembeka kwami.
- 34 Kangiyikusephula isivumelwano sami
kumbe ngiguqule lokho okuphume ezindebeni zami.
- 35 Ngavele ngafunga kanye ngobungcwele bami
angiyikuqamba amanga kuDavida,
- 36 ukuthi inzalo yakhe izaqhubeka laphakade
lesihlalo sakhe sobukhosi sizakuma phambi kwami njengelanga;
- 37 sizakuma laphakade njengenyanga,
ufakazi othembekileyo yisibhakabhaka.”
- 38 Kodwa usumalile, usumlahlile,
ubumthukuthelela kakhulu ogcotshiweyo wakho.
- 39 Ususikhalele isivumelwano lenceku yakho
wawubhuqela othulini umqhele wakhe.
- 40 Usuyibhidlizile yonke imiduli yakhe,
izingaba zakhe wazenza amanxiwa.
- 41 Bonke abedlula khona bamphangile;
useyinhlekisa yabomakhelwane.
- 42 Usuphakamisile isandla sokunene sezitha zakhe;
usuwenze zonke izitha zakhe zathokoza.
- 43 Uyibuyisele emuva inkemba yakhe ebukhali
awaze wamsekela empini.
- 44 Usuyiqedile inkazimulo yakhe
wadilizela phansi isihlalo sakhe sobukhosi.
- 45 Uluqumile lwaba lufitshane usuku lobutsha bakhe;
usumembese ingubo yehlazo.
- 46 Koze kube nini, Oh THIXO? Uzazifihla kokuphela na?
Koze kube nini ulaka lwakho luvutha njengomlilo?
- 47 Khumbula ukwedlula masinyane kwempilo yami.
Ngoba wabadalela ize nje abantu!
- 48 Ngumuntu bani ongaphila angaze abona ukufa,
loba azisindise emandleni eliba na?
- 49 Oh Thixo, lungaphi uthando lwakho lwakudala olukhulu,
okwathi ngokuthembeka kwakho wafunga ngalo kuDavida?
- 50 Khumbula, Thixo ukuthi inceku yakho iklolodelwa njani,
ukuthi enhliziyweni yami ngithwele izigcono zezizwe,
- 51 izigcono izitha zakho eziklolode ngazo, Oh THIXO,
okuthe ngazo zaklolodela ogcotshiweyo wakho kukho konke akwen-
zayo.
- 52 Udumo kalube kuTHIXO laphakade!
Ameni njalo Ameni.

Ugwalo 4

90

AmaHubo 90 – 106

Umkhuleko kaMosi umuntu kaNkulunkulu.

- 1 Thixo, wena ulikhaya lethu
kuzozonke izizukulwane.
- 2 Izintaba zingakabikhona
lalapho ungakawuvezi umhlaba kanye lelizwe,
kusukela phakade kuze kube phakade unguNkulunkulu.
- 3 Ubuyisela abantu ethulini,
usithi, “Buyelani othulini, lina madodana abantu.”
- 4 Ngoba iminyaka eyinkulungwane ekuboneni kwakho
injengosuku olusanda kudlula,
kumbe njengomlindo webusuku.
- 5 Uyabakhucula abantu ebuthongweni bokufa;
banjengotshani obutsha obekuseni
- 6 lokuba ekuseni buhluma bubutsha,
kuthi ntambama sebomile sebubunile.
- 7 Ulaka lwakho luyasitshabalalisa
sithuthumeliswe yikucaphuka kwakho.
- 8 Usubuchayile ububi bethu phambi kwakho,
izono zethu zensitha wazichaya ekukhanyeni kobukhona bakho.
- 9 Zonke insuku zethu ziyedlula ngaphansi kolaka lwakho;
leminyaka yethu siyiphetha ngokububula.
- 10 Ubude bezinsuku zethu buyiminyaka engamatshumi ayisikhombisa
loba amatshumi ayisificaminwembili, nxa silamandla;
kanti lelobanga layo liluhlupho losizi,
ngoba iphanga yedlule, lathi siphaphe nje sedlule.
- 11 Ngubani owaziyo amandla olaka lwakho na?
Ngoba intukuthelo yakho inkulu njengokwesatshwa okukufaneleyo.
- 12 Sifundise ukubala kuhle insuku zethu,
ukuze sizuze inhliziyoyenhlanipho.
- 13 Phola, Oh THIXO! Koze kube nini kulokhu kunjalo na?
Woba lesihawu ezincekwini zakho.
- 14 Sisuthise ekuseni ngothando lwakho olungaphuthiyo,
ukuze sihlabelele ngentokozo sijabule zonke insuku zethu.
- 15 Senze sijabule okwensuku ezilingana ukusihlupha kwakho,
okwensuku ezilingana lalezo esesabona ngazo ukudubeka.
- 16 Sengathi imisebenzi yakho ingatshengiswa ezincekwini zakho,
inkazimulo yakho ebantwaneni babo.
- 17 Sengathi umusa weNkosi uNkulunkulu wethu ungehlela kithi;
uqinise umsebenzi wezandla zethu
yebo, qinisa umsebenzi wezandla zethu.

Ihubo 91

- 1 Lowo ohlala ekusithekeni koPhezukonke
uzaphumula emthunzini kaSomandla.

- ² Ngizakuthi kuTHIXO, “Uyisiphephelo sami lenqaba yami, uNkulunkulu wami, engithemba kuye.”
- ³ Ngempela uzakuphephisa emjibileni womthiyi lasesifeni esibi esibulalayo.
- ⁴ Uzakusibekela ngezinsiba zakhe, uzuze isiphephelo ngaphansi kwamaphiko akhe; ukuthembeka kwakhe kuzakuba yisifhangu sakho lenqaba yakho.
- ⁵ Awuyikwesaba umnyama wobusuku, loba umtshoko ontweza emini,
- ⁶ kumbe ingozi ehahabela emnyameni, kumbe umkhuhlane obhubhisayo emini enkulu.
- ⁷ Abazinkulungwane bangawa eceleni lakho; itshumi lezinkulungwane esandleni sakho sokunene, kodwa kakusoze kusondele kuwe.
- ⁸ Uzaphosa nje amehlo akho ubukele ubone ukujeziswa kwababi.
- ⁹ Ugenza oPhezukonke abe likhaya lakho yena uTHIXO oyisiphephelo sami
- ¹⁰ lapho-ke akulangozi engakuwela, akulamonakalo ozasondela ethenteni lakho.
- ¹¹ Ngoba uzayala izingilosi zakhe ngawe zikulinde kuzozonke izindlela zakho;
- ¹² zizakuphakamisa ezandleni zazo, ukuze ungakhubeki elitsheni.
- ¹³ Uzanyathela isilwane lephimpi; uzasigxoba isilwane esikhulu lenyoka.
- ¹⁴ “Ngoba uyangithanda,” kutsho uTHIXO, “ngizamkhulula; ngizamvikela, ngoba uyalinaka ibizo lami.
- ¹⁵ Uzangibiza, ngimpendule; ngizakuba laye ekuhluphekeni, ngizamkhulula ngimenzele udumo.
- ¹⁶ Ngizamsuthisa ngempilo ende ngimtshengise insindiso yami.”

Ihubo 92

Ihubo. Ingoma. Elosuku lweSabatha.

- ¹ Kuhle ukudumisa uTHIXO lokuhlabelela ebizweni lakho, wena oPhezukonke,
- ² ukumemezela uthando lwakho ekuseni lokuthembeka kwakho ebusuku,
- ³ ukutshaya iziginci ngomhubhe wezintambo ezilitshumi lemvungamo emnandi yechacho.
- ⁴ Ngoba uyangijabulisa ngezenzo zakho, Oh THIXO; ngihlala ngentokozo ngomsebenzi wezandla zakho.
- ⁵ Mikhulu kangaka imisebenzi yakho, Oh THIXO, izikile imicabango yakho!
- ⁶ Umuntu ongelangqondo akazi,

- iziwula kazizwisisi,
 7 ukuthi loba ababi bemila njengotshani
 lezigangi zonke ziphumelela,
 zizabhujiswa nini lanini.
- 8 Kodwa wena THIXO, uphakeme laphakade.
- 9 Ngoba ngempela izitha zakho, Oh THIXO,
 ngempela izitha zakho zizabhubha;
 zonke izigangi zizachithizwa.
- 10 Uluphakamisile uphondo lwami njengolwenyathi;
 ngagcotshwa ngamakha amnandi.
- 11 Amehlo ami abonile ukwehlulwa kwezitha zami;
 indlebe zami zizwile ngokuchithizwa kwezitha zami ezimbi.
- 12 Abalungileyo bazaqhela njengesihlahla selala,
 bazakhula njengomsedari waseLebhanoni;
- 13 ngoba behlanyelwe endlini KATHIXO,
 bazaqhela emagumeni kaNkulunkulu wethu.
- 14 Bazabe belokhu bethela izithelo lanxa sebedadala,
 bazahlala belokhu behluma beluhlaza,
- 15 bememezela besithi, "UTHIXO ugotho;
 uliDwala lami, kakukho bubi kuye."

Ihubo 93

- 1 UTHIXO uyabusa, ugqoke ubukhosi;
 UTHIXO ugqoke ubukhosi njalo uzihlome ngamandla.
 Umhlaba uxilile uqinile; ngeke ugudlulwe.
- 2 Isihlalo sakho saqiniswa ekadeni;
 uNguwe kusukela phakade.
- 3 Inlwandle seziphakamisile, Oh THIXO,
 inlwandle ziliphakamisile ilizwi lazo;
 inlwandle ziwaphakamisile amagagasi azo agubhuzelayo.
- 4 Ngamandla adlula umdumo wamanzi amanengi,
 ngamandla adlula awokugubhuza kolwandle
 UTHIXO ophezulu ulamandla.
- 5 Izimiso zakhe zimi ziqinile;
 ubungcwele bukhazimulisa indlu Yakho
 okwensuku ezingapheliyo, Oh THIXO.

Ihubo 94

- 1 Oh THIXO, uNkulunkulu ophindiselayo,
 Oh Nkulunkulu ophindiselayo, khanya uvele.
- 2 Phakama, awu Mahluli womhlaba;
 baphindisele abazigqajayo ngokubafaneleyo.
- 3 Koze kube nini ababi, Oh THIXO,
 koze kube nini ababi beklamasa na?
- 4 Bathulula amazwi okukloloda;
 zonke izigangi zifuthelene ngokuzikhukhumeza.

- 5 Ziyabanyathezela abantu bakho, Oh THIXO;
zincindezela ilifa lakho.
- 6 Zibulala umfelokazi kanye lowezizweni;
zibulala intandane.
- 7 Zithi, “UTHIXO kaboni;
uNkulunkulu kaJakhobe kananzi.”
- 8 Limukani, lina elingelangqondo phakathi kwabantu;
lina ziphukuphuku, lizahlakanipha nini?
- 9 Yena lowo owayigxumekayo indlebe kezwa yini?
Yena lowo owabumba ilihlo kaboni na?
- 10 Yena lowo oqondisa izizwe kajezisi yini?
Yena lowo ofundisa umuntu kalalwazi na?
- 11 UTHIXO uyayazi imicabango yomuntu;
uyayazi ukuthi iyize nje.
- 12 Ubusisiwe umuntu omqondisayo, Oh THIXO,
umuntu omfundisa okomthetho wakho;
- 13 uyamphumuza ensukwini zokuhlupheka,
kuze kuthi ababi bembelwe igodi.
- 14 Ngoba UTHIXO kazukwala abantu bakhe;
kasoze lanini afulathele ilifa lakhe.
- 15 Ukwahlulela kuzaphinda njalo kumiswe ngokulunga,
kuthi bonke abaqotho ngenhliziyo bakulandele.
- 16 Ngubani ozangimela ekulweni lababi na?
Ngubani ozangelekelela ekulweni lezigangi na?
- 17 Aluba UTHIXO wayengangelulekanga,
ngabe ngahle ngahlala ngathula zwi ekufeni.
- 18 Lapho ngasengisithi, “Unyawo lwami selutshelela,”
uthando lwakho, Oh THIXO, lwangisekela.
- 19 Nxa ukunqineka kwase kungikhulela,
induduzo yakho yaletha intokozo emphefumulweni wami.
- 20 Kambe isihlalo sobukhosi esixhwalileyo singema lawe yini
leso esiletha inhlupheko ngezimemezelo zaso?
- 21 Bayahlangana ukumelana labalungileyo
ongelacala agwetshelwe ukufa.
- 22 Kodwa UTHIXO useyinqaba yami,
loNkulunkulu wami ulidwala engiphephela kulo.
- 23 Uzabaphindisela ngenxa yezono zabo
ababhubhise ngenxa yobubi babo;
UTHIXO uNkulunkulu wethu uzababhubhisa.

Ihubo 95

- 1 Wozani sihlabelele ngentokozo kuUTHIXO;
kasihlokomeni kamnandi kulo iDwala lokusindiswa kwethu.
- 2 Kasizeni phambi kwakhe ngokubonga
simdumise ngamachacho langengoma.
- 3 Ngoba UTHIXO unguNkulunkulu omkhulu,
iNkosi enkulu ngaphezu kwabonkulunkulu bonke.

- 4 Inziki zomhlaba zisezandleni zakhe,
leziqongo zezintaba ngezakhe.
- 5 Ngolwakhe ulwandle ngoba walwenza,
lezandla zakhe zawenza umhlaba owomileyo.
- 6 Wozani, kasikhothame simkhonze,
kasiguqe phambi KUKATHIXO uMenzi wethu;
- 7 ngoba unguNkulunkulu wethu,
thina singabantu bedlelo lakhe,
umhlambi awunakekelayo.

Lamhla, nxa lisizwa ilizwi lakhe,

- 8 lingazenzi lukhuni inhliziyu zenu njengoba lenzenjalo eMeribha,
njengelakwenza ngaleliyana ilanga eMasa enkangala,
- 9 lapho okhokho benu abangilinga khona
bengizama, lanxa babekubonile engakwenzayo.
- 10 Okweminyaka engamatshumi amane ngangisizondele lesosizukulwane;
ngathi, "Bangabantu onhliziyu zabo ziyahlanhlatha,
njalo kabazazanga izindlela zami."
- 11 Ngakho ngamemezela ngesifungo ekuthukutheleni kwami
ngathi, "Kabayikungena ekuphumuleni kwami."

Ihubo 96

- 1 Hlabelani KUTHIXO ingoma entsha;
hlabelani KUTHIXO mhlaba wonke.
- 2 Hlabelani KUTHIXO, dumisani ibizo lakhe;
memezelani insindiso yakhe insuku ngezinsuku.
- 3 Fakazani ngobukhosi bakhe ezizweni zonke,
lemisebenzi yakhe emangalisayo phakathi kwabantu bonke.
- 4 Ngoba umkhulu UTHIXO, ufanele ukudunyiswa ngokuphindiweyo;
kumele esatshwe ngaphezu kwabonkulunkulu bonke.
- 5 Ngoba bonke onkulunkulu bezizwe bayizithombe,
kodwa UTHIXO wadala amazulu.
- 6 Inkazimulo lobukhosi kuphambi Kwakhe;
amandla lobukhosi kusendlini yakhe engcwele.
- 7 Mnikeni UTHIXO, lina zizukulwane zezizwe.
Mnikeni UTHIXO ubukhosi lamandla.
- 8 Mnikeni UTHIXO udumo olufanele ibizo lakhe.
Lethani umnikelo libuye phambi kwakhe.
- 9 Mkhonzeni UTHIXO enkazimulweni yobungcwele bakhe;
thuthumelani phambi kwakhe mhlaba wonke.
- 10 Wothini phakathi kwezizwe, "UTHIXO uyabusa."
Umhlaba ugxilile, ungeke wagudluzwa;
uzabehlulela abantu gokubafaneleyo.
- 11 Amazulu kawathokoze, lomhlaba ujabule;
ulwandle kaluhlokome, lakho konke okukulo;
- 12 amasimu kawathakazelele lakho konke okukuwo.
Lapho-ke izihlahla zonke zeganga zizahlabela ngentokozi;
- 13 phambi KUKATHIXO, ngoba uyeza,

uyeza ukuzakwahlulela umhlaba.
Uzakwahlulela umhlaba ngokulunga,
ahlulele abantu ngeqiniso.

Ihubo 97

- 1 UTHIXO uyabusa, umhlaba kawuthokoze;
akuthi amakhumbi akude ajabule.
- 2 Amayezi lomnyama omkhulu kumsibekele;
ukulunga lokwahlulela kuhle kuyisisekelo sesihlalo Sakhe sobukhosi.
- 3 Umlilo uhamba phambi Kwakhe
uzihangule izitha zakhe inxa zonke.
- 4 Umbane wakhe ukhanyisa umhlaba;
umhlaba ukubone lokho uthuthumele.
- 5 Izintaba zincibilika njengengcino phambi KUKATHIXO,
phambi kweNkosi yomhlaba wonke.
- 6 Amazulu amemezela ukulunga kwayo,
labantu bonke bayayibona inkazimulo yayo.
- 7 Bonke abakhonza izifanekiso bathelwa ihlazo,
labo abazikhukhumeza ngezithombe
mkhonzeni, lonke lina bonkulunkulu!
- 8 IZiyoni iyezwa ithokoze
lemizi yakoJuda iyajabula
ngenxa yokwahlulela Kwakho, Oh THIXO.
- 9 Ngoba wena, Oh THIXO ungoPhezukonke kuwo wonke umhlaba;
uphakeme ngaphezulu kakhulu kwabonkulunkulu bonke.
- 10 Akuthi bonke abamthandayo, UTHIXO, bazonde okubi,
ngoba uyazilinda impilo zabathembekileyo bakhe
abakhulule esandleni sababi.
- 11 Ukukhanya kuyehliselwa kwabalungileyo
lentokozo kwabaqotho enhliziyweni.
- 12 Thokozani KU THIXO lina elilungileyo,
lidumise ibizo lakhe elingcwele.

Ihubo 98

Ihubo

- 1 Hlabelelani UTHIXO ingoma entsha,
ngoba wenzile izinto ezimangalisayo;
isandla sakhe sokunene lengalo yakhe engcwele
sekumenzele insindiso.
- 2 UTHIXO useyenze yaziwa insindiso yakhe
waveza ukulunga kwakhe ezizweni.
- 3 Uselukhumbule uthando lwakhe
lokuthembeka Kwakhe endlini ka-Israyeli;
yonke imikhawulo yomhlaba
iyibonile insindiso kaNkulunkulu wethu.
- 4 Hlokomani ngentokozo KU THIXO, mhlaba wonke,
hlabelani ingoma ngokujabula okukhulu,
litshaya amachacho;
- 5 yenzani umsindo KU THIXO ngomhubhe,

- ngomhubhe langomsindo wokuhlabela,
 6 ngamacilongo langomsindo wophondo lwenqama
 hlokomani ngentokozo phambi KUKATHIXO, iNkosi.
- 7 Akuthi ulwandle luhlokome, lakho konke okuphakathi kwalo,
 umhlaba labo bonke abahlala kuwo.
- 8 Akuthi imifula iqakeze izandla zayo,
 akuthi izintaba zihlabele kanyekanye ngentokozo;
- 9 kazihlabele phambi KUKATHIXO,
 ngoba Uyeza ukuzakwahlulela umhlaba.
 Uzakwahlulela umhlaba ngokulunga
 labantu bonke ngokufaneleyo.

Ihubo 99

- 1 UTHIXO uyabusa,
 izizwe kazithuthumele;
 uhlezi esihlalweni sobukhosi phakathi kwamakherubhi,
 umhlaba kawuzamazame.
- 2 Mkhulu UTHIXO eZiyoni;
 uphakeme ngaphezu kwezizwe zonke.
- 3 Kabadumise ibizo Lakho elikhulu elesabekayo
 Yena ungcwele.
- 4 INkosi ilamandla, ithanda ukwahlulela okuhle
 umisile ukwaba ngemfanelo;
 kuJakhobe usuwenzile okuqondileyo lokulungileyo.
- 5 Dumisani UTHIXO uNkulunkulu wethu
 likhonze phansi kwesihlalo sakhe;
 yena ungcwele.
- 6 UMosi lo-Aroni babephakathi kwabaphristi bakhe,
 uSamuyeli wayekulabo ababelibiza ibizo lakhe;
 bambiza UTHIXO
 Yena wabaphendula.
- 7 Wabakhulumisa ephakathi kwensika yeyezi;
 bagcina izimiso zakhe lezimemezelo azitshoyo kubo.
- 8 Oh THIXO Nkulunkulu wethu,
 wabaphendula;
 ku-Israyeli wawunguNkulunkulu othethelelayo,
 lanxa wabajezisa ngenxa yezenzo zabo ezimbi.
- 9 Phakamisani UTHIXO uNkulunkulu wethu,
 limkhonze entabeni yakhe engcwele,
 ngoba UTHIXO uNkulunkulu wethu ungcwele.

Ihubo 100

- Ihubo. Elokubonga.
- 1 Hlokomani ngentokozo KUETHIXO, mhlaba wonke.
 2 Mkhonzeni UTHIXO ngenjabulo;
 wozani phambi Kwakhe ngezingoma zokuthokoza.
- 3 Yazini ukuthi UTHIXO unguNkulunkulu.
 Nguye owasenzayo,

singabantu bakhe, izimvu zedlelo lakhe.

- ⁴ Ngenani emasangweni akhe ngokubonga
lemagumeni akhe ngokudumisa;
mbongeni lidumise ibizo lakhe.
- ⁵ Ngoba UTHIXO ulungile lothando lwakhe lumi kuze kube phakade;
ukuthembeka kwakhe kumi kuzozonke izizukulwane.

Ihubo 101

ElikaDavida. Ihubo.

- ¹ Ngizahlabelela ngothando lwakho lokwahlulela kwakho okuhle;
kuwe, Oh THIXO, ngizahlabelela indumiso.
- ² Ngizananzelela ukuthi ngiphile impilo engasolekiyo
uzakuza nini kimi na?

Ngizahamba endlini
yami ngenhliziyo engasolekiyo.

- ³ Phambi kwamehlo ami
angiyikubeka lutho olungcolileyo.

Izenzo zabantu abangakholwayo ngiyazizonda;
kazizukunginamathela.

- ⁴ Abantu abalenziziyo exhwalileyo bazakuba khatshana lami;
angiyikuhambelana lobubi.

⁵ Lowo ochothoza umakhelwane wakhe ngasese,
lowo ngizamthulisa;
olamehlo asesiphundu lenhliziyo ezigqajayo,
lowo kanglasikhathi laye.

- ⁶ Amehlo ami azakuba kwabathembekileyo elizweni,
ukuthi bahlale lami;
lowo okuhamba kwakhe kakulansolo
uzangisebenzela ekhonza kimi.

⁷ Kakho othanda ukwenza inkohliso
ozahlala endlini yami;
kakho okhuluma amanga
ozakuma phambi kwami.

- ⁸ Zonke insuku ekuseni ngizabathulisa
bonke ababi phakathi kwelizwe;
ngizamlahla phansi wonke umuntu oyisigangi
edolobheni LIKATHIXO.

Ihubo 102

Umkhuleko womuntu okhathazekileyo. Lapho esephela umoya eseqhinqa
isililo phambi KUKATHIXO.

- ¹ Zwana umkhuleko wami, Oh THIXO;
ukukhala kwami ngicela uncedo kakufike kuwe.
- ² Ungangifihleli ubuso bakho
nxa ngikhathazekile.
Ngipha indlebe yakho;

nxá ngibiza ngiphendula masinyane.

- 3 Ngoba insuku zami ziyanyamalala njengentuthu;
amathambo ami ayavutha njengamalahlé abhebhayo.
- 4 Inhliziyo yami yonakele, ibunile njengotshani;
ngiyakhohlwa ukudla kwami.
- 5 Ngenxa yokububula kwami okukhulu sengiphelile,
isikhumba sesinamathela emathanjeni.
- 6 Sengifana lesikhova senkangala,
njengesikhova semanxiweni.
- 7 Ngilala ngikhangele;
senginjenyoni ehlezi yodwa ephahleni.
- 8 Ilanga lonke izitha zami ziyangichukuluza;
labo abangichothozayo badlala ngebizo lami njengesethuko.
- 9 Ngoba ngidla umlotha njengokudla kwami,
ngixube okunathwayo kwami ngezinyembezi
- 10 ngenxa yokuthukuthela kwakho okukhulu,
ngoba ungiqukule wangilahlela eceleni.
- 11 Insuku zami zifana lesithunzi sakusihlwa;
ngiyabuna njengotshani.
- 12 Kodwa wena, Oh THIXO, uhlezi ebukhosini lanininini;
udumo lwakho lumi ezizukulwaneni zonke.
- 13 Uzaphakama uzwele iZiyoni isihawu,
ngoba sekuyisikhathi sokutshengisa umusa kuyo,
isikhathi esimisiweyo sesifikile.
- 14 Ngoba amatshe ayo aligugu ezincekwini zakho;
othuli lwayo nje lubalethela usizi.
- 15 Izizwe zizalesaba ibizo LIKATHIXO,
wonke amakhosi omhlaba azahlonipha inkazimulo yakhe.
- 16 Ngoba UTHIXO uzayakha kutsha iZiyoni
avele enkazimulweni yakhe.
- 17 Uzaphendula imikhuleko yabahluphekayo;
kazukweyisa isicelo sabo.
- 18 Lokhu kakulotshwe phansi kube ngokwesizukulwane sakusasa,
ukuze abantu abangakadalwa bamdumise UTHIXO :
- 19 “UTHIXO wakhangele phansi ephezulu endlini yakhe engcwele,
esezulwini wawuhlola umhlaba,
- 20 ukuze ezwe ukububula kwezibotshwa
lokukhulula labo ababegwetshelwe ukufa.”
- 21 Ngalokho-ke ibizo LIKATHIXO lizamenyezelwa eZiyoni
lodumo lwakhe eJerusalem,
- 22 lapha izizwe lemibuso
sekuhlangana ndawonye ukukhonza UTHIXO.
- 23 Wawanciphisa amandla ami ngisaphila;
waziphungula insuku zami.
- 24 Yikho ngasengisithi,
“Ungangithathi, Oh Nkulunkulu wami,
ngilokhu ngisephakathi kwensuku zami;
iminyaka yakho ihlala ikhona ezizukulwaneni zonke.

- 25 Ekuqaleni wabeka izisekelo zomhlaba,
lamazulu angumsebenzi wezandla zakho.
- 26 Konke kuzabhubha, kodwa wena uzasala;
konke kuzaguga njengesigqoko.
- Njengesivunulo uzakuguqula
kucine sekulahlwa.
- 27 Kodwa wena uhlala unjalo,
leminyaka yakho kayiyikuphela.
- 28 Abantwana bezinceku zakho bazahlala besemehlweni akho;
izizukulwane zazo zizaqiniswa phambi kwakho.”

Ihubo 103

ElikaDavida.

- 1 Dumisa UTHIXO, Oh mphefumulo wami;
konke okuphakathi kwami,
kakudumise ibizo lakhe elingcwele.
- 2 Dumisa UTHIXO, Oh mphefumulo wami,
ungaze wakhohlwa konke okuhle okuthola kuye
- 3 othethelelayo zonke izono zakho
akusilise kuzozonke izifo zakho,
- 4 ohlenga impilo yakho egodini
akwethese uthando lesihawu,
- 5 osuthisa izifiso zakho ngezinto ezinhle
ukuze ubutsha bakho buvuselelwe njengengqungqulu.
- 6 UTHIXO ubenzela ukulunga
lokwahlulela okuhle labo abancindezelweyo.
- 7 Izindlela zakhe wazazisa uMosi,
izenzo zakhe wazazisa abantu bako-Israyeli;
- 8 UTHIXO ulesihawu njalo ulomusa,
uyaphuza ukuthukuthela, kodwa uyanda ngothando.
- 9 Kahlali ebeka imilandu
futhi kagcini ulaka lwakhe kokuphela;
- 10 kasiphathi ngokufanele izono zethu
kumbe asijezise ngokulingene iziphambeko zethu.
- 11 Ngoba njengokuphakama komkhathi ngaphezu komhlaba,
lukhulu kangako uthando lwakhe kulabo abamesabayo;
- 12 njengobukhatshana bempumalanga kuyo intshonalanga
kanjalo ususile iziphambeko zethu kithi.
- 13 Ngendlela ubaba elozwelo ebantwaneni bakhe,
kanjalo UTHIXO ulozwelo kulabo abamesabayo;
- 14 ngoba uyakwazi ukuthi sibunjwe njani,
uyakhumbula ukuthi siluthuli.
- 15 Umuntu yena insuku zakhe zinjengotshani,
ukhula amemetheke njengembali yeganga;
- 16 umoya uyayiphephetha ihle inyamalale,
indawo yakhe ingabe isayikhumbula lanini.
- 17 Kodwa kusukela phakade kusiya phakade
uthando LUKATHIXO lukulabo abamesabayo,
lokulunga Kwakhe ebantwaneni babantwana

- 18 kulabo abagcina isivumelwano Sakhe njalo bakhumbule ukulalela izimiso zakhe.
- 19 UTHIXO usemisile isihlalo sakhe sobukhosi ezulwini, njalo ubukhosi bakhe buphezu kwakho konke.
- 20 Dumisani UTHIXO, lina zingilosi, lina zinceku zakhe elenza intando yakhe, elilalela ilizwi lakhe.
- 21 Dumisani UTHIXO, lonke mabutho akhe asezulwini, lina zinceku zakhe elenza intando yakhe.
- 22 Dumisani UTHIXO, imisebenzi yakhe yonke ezindaweni zonke embusweni wakhe.

Dumisa UTHIXO, Oh mphefumulo wami.

Ihubo 104

1 Dumisa UTHIXO, Oh mphefumulo wami.

Oh THIXO Nkulunkulu wami, umkhulu kakhulu; ugqoke inkazimulo lobukhosi.

- 2 Uyazigoqela ngokukhanya kungathi njengesivunulo; amazulu uyawelula njengethente
 3 anqumise intungo zezindlu zangaphezulu zilale phezu kwamanzi.
 Wenza amayezi inqola yakhe yamabhiza, undiza ngezimpiko zomoya.
- 4 Wenza izikhatha zomoya zibe yizithunywa zakhe, amalangabi omlilo izinceku zakhe.
- 5 Wawugxilisa umhlaba ezisekelweni zawo; ungeke wagudlulwa.
- 6 Wawembesa ngolwandle njengesivunulo; amanzi ema ngaphezu kwezintaba.
- 7 Kodwa wathi ngokukhwaza amanzi abaleka, ngomsindo wokuduma kwakho asibathela;
- 8 ageleza phezu kwezintaba, ehlela ezigodini endaweni owamisele kuyo.
- 9 Wamisa umkhawulo angeke aweqeqe; kasayikubuya awugubuzele njalo umhlaba lanini.
- 10 Wenza imithombo impompozele amanzi ezindongeni; ageleza phakathi kwezintaba,
- 11 zipha amanzi kuzozonke izinyamazana zeganga; labobabhemi beganga bacitsha lapho ukoma.
- 12 Izinyoni zomoya zakhela eduze kwamanzi; ziyatshiloza phakathi kwezingatsha.
- 13 Uyazithelezela izintaba esezindlini zakhe eziphezulu; umhlaba uyawusuthisa ngezithelo zomsebenzi wakhe.
- 14 Umilisela inkomo utshani, ahlanyecele abantu bona bahlakule

- kuzuzakale ukudla emhlabathini:
 15 iwayini elijabulisa inhliziyo yomuntu,
 amagcobo enza ubuso bakhe bukhazimule,
 lesinkwa esilulamisa inhliziyo yakhe.
- 16 Izihlahla zIKATHIXO ziyathelelwa okwaneleyo,
 imisedari yeLebhanoni ayihlanyelayo.
- 17 Izinyoni zakhela kuyo izidleke zazo;
 ingabuzane lakha indlu yalo ezihlahleni zephayini.
- 18 Izintaba eziphakemeyo ngezamagogo,
 amawa ayisiphephelo sezimbila.
- 19 Inyanga yehlukanisa izibanga zomnyaka,
 lelanga liyazi ukuthi litshona nini.
- 20 Uletha umnyama, kube sebusuku,
 lapho zonke izinyamazana zeganga zizingele.
- 21 Izilwane ziyabhonga zifuna inyama yazo
 zidinga ukudla kwazo kuNkulunkulu.
- 22 Ilanga liyaphuma, zibe sezicatsha;
 ziyabuyela ezikhundleni zazo zilale.
- 23 Umuntu abe esephuma aye emsebenzini wakhe,
 ayotshikatsika kuze kube ntambama.
- 24 Minengi kanganani imisebenzi yakho, Oh THIXO!
 Zonke wazenza ngenhlakanipho;
 umhlaba ugcwele izidalwa zakho.
- 25 Nantuyana ulwandle, uthwaca olungakaya,
 olunyakazela ngezidalwa ezingelakubalwa
 izinto eziphilayo ezinkulu lezincinyane.
- 26 Kulapho imikhumbi endenda khona isiyale lale,
 loleviyathani, isilo owasenza ukuthi sidlale khona.
- 27 Zonke lezi zikhangele kuwe
 ukuthi ziphe ukudla ngesikhathi esifaneleyo.
- 28 Uthi ungazipha bese zikubuthela ndawonye;
 uthi ungavula isandla sakho,
 zisuthiswe ngezinto ezinhle.
- 29 Uthi ungafihla ubuso bakho zitshaywe luvalo;
 uthi ungathatha umphefumulo wazo,
 zife zibuyele othulini.
- 30 Uthi ungathumela uMoya
 wakho zidalwe,
 uwenze ube muhle umhlaba.
- 31 Sengathi inkazimulo KATHIXO ingema lanini;
 sengathi uTHIXO angathokoza ngemisebenzi yakhe
- 32 yena okhangela umhlaba uthuthumele,
 othinta izintaba zithunqe intuthu.
- 33 Ngizahlabelela kuTHIXO impilo yami yonke;
 ngizahlabelela indumiso kuNkulunkulu wami lanini nxa ngisaphila.
- 34 Sengathi iminakano yami ingamthokozisa,
 ngoba ngiyathokoza kuTHIXO.

35 Kodwa sengathi izoni zinganyamalala emhlabeni
lezingangi zingabe zisaba khona.

Dumisa UTHIXO, Oh Mphefumulo wami.

Dumisa UTHIXO, Oh Mphefumulo wami.

Ihubo 105

- 1 Bongani UTHIXO, memezani ibizo lakhe;
lizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe
- 2 Hlabelelani kuye, hlabelelani indumiso kuye;
likhulume ngezenzo zakhe zonke ezimangalisayo.
- 3 Jabulani ebizweni lakhe elingcwele;
kazithokoze inhliziyo zabo abamdingayo UTHIXO.
- 4 Dingani UTHIXO lamandla akhe,
lindinge yena njalonjalo.
- 5 Khumbulani izenzo zakhe ezimangalisayo azenzayo,
izimangalisayo azenzayo, lezahlulelo azikhulumayo,
- 6 lina zizukulwane zika-Abhrahama inceku yakhe,
lina madodana kaJakhobe, abakhethiweyo bakhe.
- 7 UNGUTHIXO uNkulunkulu wethu;
izahlulelo zakhe zisemhlabeni wonke.
- 8 Uyasikhumbula isivumelwano sakhe nini lanini,
ilizwi lomlayo wakhe, okwezizukulwane ezizinkulungwane,
- 9 isivumelwano asenza lo-Abhrahama,
isifungo asifungayo ku-Isaka.
- 10 Wakugqinisa lokhu kuJakhobe
kwaba yisimiso ku-Israyeli njengesivumelwano saphakade:
- 11 wathi "Ngizalinika ilizwe laseKhenani
njengesabelo selifa lenu."
- 12 Kwathi besesebalutshwana,
bebalutshwana kakhulu, beyizihambi kulo,
- 13 bezula kuzizwe ngezizwe
besuka komunye umbuso komunye.
- 14 Kavumelanga loba ngubani ukubancindezela;
wawakhuza amakhosi ngenxa yabo:
- 15 "Lingabathinti abagcotshiweyo bami;
lingahlukuluzi abaphrofethi bami."
- 16 Waletha indlala elizweni
wachitha zonke iziphala zokudla;
- 17 wathumela indoda yabandulela
uJosefa owathengiswa waba yisigqili.
- 18 Bambhonxula inyawo zakhe ngezibopho,
wabotshwa intamo ngezinsimbi,
- 19 kwaze kwathi lokho ayekutsho ngaphambili kwagcwaliseka,
kwaze kwathi ilizwi LIKATHIXO
latshengisa ukuthi wayeqinisele.

- 20 Inkosi yathumela ukuthi akhululwe,
umbusi wezizwe wamkhulula.
- 21 Wamenza umbusi wendlu yakhe,
umbusi wakho konke okwakungokwakhe,
- 22 ukuqondisa amakhosana akhe njengokubona kwakhe
lokufundisa abadala bakhe inhlakanipho.
- 23 Kwathi-ke u-Israyeli wayangena eGibhithe;
uJakhobe wahlala njengowezizweni elizweni likaHamu.
- 24 UTHIXO wenza abantu bakhe banda kakhulu;
wabenza baba banengi kakhulu bandela izitha zabo,
- 25 kwathi inhliziyi zabo wazenza zazonda abantu bakhe,
bakha amacebo amabi ngezinceku zakhe.
- 26 Wathuma uMosi inceku yakhe,
lo-Aroni ayebakhethile.
- 27 Benza iziboniso zakhe ezimangalisayo phakathi kwabo,
izimanga zakhe elizweni likaHamu.
- 28 Wathumela umnyama wenza ilizwe laba mnyama
kanti angithi babewahlamukele amazwi akhe?
- 29 Waguqula amanzi abo aba ligazi,
okwenza inhlanzi zawo zafa.
- 30 Ilizwe labo lanyakazela ngamaxoxo,
angena ezindlini zokulala ezababusi babo.
- 31 Wakhuluma, kwavela umtshitshi wezibawu,
lenswintila elizweni labo lonke.
- 32 Wenza izulu labo laba yisiqhotho,
laba lombane elizweni labo lonke;
- 33 wacakazela phansi amavini abo lemikhiwa,
waphundla izihlahla zelizwe labo.
- 34 Wakhuluma zatheleka izintethe,
izintethe ezingelakubalwa;
- 35 zadla yonke into eluhlaza elizweni labo,
zadla izithelo zomhlabathi wabo.
- 36 Ngemva kwalokho wasebulala amazibulo wonke elizweni labo,
izithelo zokuqala zobulisa babo.
- 37 Wamkhupha u-Israyeli, ethwele esisitheka isiliva legolide,
kakwaba lamunye phakathi kwezizwana zabo owehlulwa yikufa.
- 38 IGibhithe yathokoza ngokusuka kwabo,
ngoba base bemesaba kubi u-Israyeli.
- 39 Wendlala iyezi lagubuzela,
lomlilo ukukhanyisa ebusuku.
- 40 Bacela wabaethela izagwaca,
wabasuthisa ngesinkwa sasezulwini.
- 41 Wavula ilitshe amanzi antshaza;
njengomfula ageleza enkangala.
- 42 Ngoba wakhumbula isithembiso sakhe esingcwele
esaphiwa inceku yakhe u-Abhrahama.
- 43 Wabakhupha abantu bakhe ngokuthokoza,
abakhethiweyo bakhe ngenhlokomo yentokozo.
- 44 Wabapha amazwe ezizwe,

badla ilifa lalokho okwakuginqelwe ngabanye,
 45 ukuze bagcine iziqondiso zakhe
 njalo balalele imithetho yakhe.

Dumisani UTHIXO.

Ihubo 106

1 Dumisani UTHIXO.

Bongani UTHIXO, ngoba ulungile;
 uthando lwakhe lumi lanini.

2 Ngubani ongamemezela imisebenzi emikhulu KATHIXO
 loba atsho ngokugcweleyo udumo lwakhe na?

3 Babusisiwe labo abahlala besenza ngendlela enhle,
 abahlezi besenza okulungileyo.

4 Ungikhumbule, THIXO, nxa usuveza umusa ebantwini bakho,
 woza ungisize nxatshana usubasindisa,

5 ukuze lami ngikhohise ukuphumelela kwalabo obakhethileyo,
 ukuze ngabelwe entokozweni yesizwe sakho
 ngihlanganyele lelifa lakho ekudumiseni.

6 Sonile, njengalokho abakwenzayo okhokho bethu;
 senzile okubi senza izinto ezimbi.

7 Lapho okhokho bethu beseGibhithe,
 kabayinakanga imimangaliso yakho;
 kabazikhumbulanga izenzo zakho zomusa ezinengi,
 bahlamuka besolwandle, uLwandle oluBomvu.

8 Kodwa wabasindisa ngenxa yebizo lakhe,
 ukuze amandla akhe amakhulu aziwe.

9 Walukhuza uLwandle oluBomvu, loma qha;
 wabahola badabula ezinzikini njengasenkangala.

10 Wabasindisa esandleni sesitha;
 wabahlenga esandleni sesitha.

11 Amanzi asibekela izitha zabo,
 kakho loyedwa wazo owasindayo.

12 Lapho-ke base bezikholwa izithembiso zakhe
 bahlabelela indumiso yakhe.

13 Kodwa baphanga bakukhohlwa lokho ayekwenzile
 kabaze balindela ukweluleka kwakhe.

14 Enkangala bakhulelwa yizinkanuko zabo;
 khona emqothwini bamlinga uNkulunkulu.

15 Ngakho wabapha lokho abakucelayo,
 kodwa wabathela ngomkhuhlane ocikizayo.

16 Ezihonqweni basuka babalomhawu loMosi njalo lango-Aroni,
 owayengcwelisiwe KU THIXO.

17 Umhlaba wavuleka waginya uDathani;
 wagqibela ixuku lika-Abhiramu.

18 Umlilo walavuzwa phakathi kwabalandeli babo;

ilangabi labatshisa ababi.

- 19 EHorebhi benza ithole,
bakhonza isithombe esenziwe ngensimbi.
- 20 Badela ukuKhazimula kwabo
bakhetha isithombe senkunzi edla utshani.
- 21 Bakhohlwa uNkulunkulu owabasindisayo,
owayenze izinto ezinkulu eGibhithe,
- 22 imimangaliso elizweni likaHamu
lezenzo ezibabazekayo ngasoLwandle oluBomvu.
- 23 Ngakho wathi uzababhuhhisa
aluba kungesuMosi, owakhethwayo wakhe,
owema phambi kwakhe
ukuvaleta ulaka lwakhe ukuze angababhuhhisi.
- 24 Kwathi njalo baleyisa ilizwe elihle;
kabasikholwanga isithembiso sakhe.
- 25 Bakhonona besemathenteni abo
kabaze bamlalela UTHIXO.
- 26 Ngakho wafunga kubo ephakamise isandla sakhe
ukuthi wayezabenza bafele enkangala,
- 27 enze izizukulwane zabo ziqedwe ngabezizwe
zihlakazeke emazweni wonke.
- 28 Bazibopha ingathi kusejogweni kuBhali wasePheyori
badla imihlatshelo eyayinikelwe kubonkulunkulu abangaphiliyo;
- 29 bamthukuthelisa UTHIXO ngezenzo zabo ezimbi;
kwavela isifo phakathi kwabo.
- 30 Kodwa uFinehasi wema wancenga
isifo sadeda.
- 31 Lokhu kwenza kuthiwe wayelungile
kwaziswa izizukulwane zonke ezizayo.
- 32 Bamzondisa UTHIXO ngasemthonjeni weMeribha,
uhlupho lwase lusehlela uMosi ngenxa yabo;
- 33 ngoba bahlamukela uMoya kaNkulunkulu,
uMosi waze wakhupha amazwi amabi ngezindebe zakhe.
- 34 Kabababhuhhisanga abantu bezizwe
njengalokhu ababekulaywe NGUTHIXO,
- 35 kodwa baphithikana labezizwe
bathatha imikhuba yazo.
- 36 Bakhonza izithombe zazo,
kwaba yisifu kubo.
- 37 Benza imihlatshelo ngamadodana abo
lamadodakazi abo emadimonini.
- 38 Bachitha igazi elalingelacala,
igazi lamadodana lamadodakazi abo,
abenza ngabo imihlatshelo yezithombe zaseKhenani,
ilizwe langcola ngegazi labo.
- 39 Bazingcolisa ngalokho abakwenzayo;
ngezenzo zabo baziphatha njengeziphingi.
- 40 Ngakho UTHIXO wabathukuthelela abantu bakhe

wanengwa yilifa lakhe.

⁴¹ Wabanikela kwabezizwe,
izitha zabo zabusa phezu kwabo.

⁴² Izitha zabo zabancindezela
zababeka ngaphansi kwamandla azo.

⁴³ Izikhathi ezinengi wabakhulula,
kodwa babezimisele ukuhlamuka
bacikizeka ngenxa yesono sabo.

⁴⁴ Kodwa wananzelela ukuhlupheka kwabo
esezwile ukukhala kwabo;

⁴⁵ ngenxa yokubahawukela wakhumbula isivumelwano sakhe,
kwathi ngothando lwakhe olukhulu wadede.

⁴⁶ Wenza bonke labo ababebathumbile
ukuthi babelesihawu kubo.

⁴⁷ Sisindise, Oh THIXO Nkulunkulu wethu,
usiqoqe usikhulule phakathi kwezizwe,
ukuze silibonge ibizo lakho elingcwele
sijabule ekukudumiseni.

⁴⁸ Kabongwe UTHIXO, uNkulunkulu ka-Israyeli,
kusukela nini kuze kube nininini.

Akuthi bonke abantu bathi, "Ameni!"

Dumisani UTHIXO.

Ugwalo 5

107

AmaHubo 107 – 150

¹ Mbongeni UTHIXO ngoba ulungile,
uthando lwakhe lumi laphakade.

² Akuthi abahlengiweyo BAKATHIXO batsho lokhu,
labo abahlenga esandleni sesitha,

³ labo abaqoqa emazweni
kusuka empumalanga kusiya entshonalanga,
kusuka enyakatho laseningizimu.

⁴ Abanye bantula egwaduleni lwenkangala,
baswela indlela eya emzini ababengahlala khona.

⁵ Balamba boma,
impilo zabo zancipha.

⁶ Basebekhala KUETHIXO besekuhluphekeni kwabo,
wasebakhulula osizini lwabo.

⁷ Wabahola ngendlela eqondileyo
baya edolobheni lapho ababengahlala khona.

⁸ Ngakho kabambonge UTHIXO ngothando lwakhe olungaphuthiyo
lezenzo zakhe ezimangalisayo azenzela abantu,

⁹ ngoba ubenza bakholwe abomileyo
asuthise abalambileyo ngezinto ezinhle.

- 10 Abanye bahlala emnyameni lasethunzini elinzima
beyizibotshwa ezihluphekayo zibotshwe ngamaketane ensimbi,
- 11 ngoba babewahlamukele amazwi kaNkulunkulu
beyisa iseluleko soPhezukonke.
- 12 Ngakho wabathwalisa umsebenzi onzima;
bawa kodwa kungekho ongabasiza.
- 13 Ngakho basebekhala kuTHIXO besekuhluphekeni kwabo
wabasindisa osizini lwabo.
- 14 Wabakhupha emnyameni lethunzini elinzima
waqamula amaketane abo.
- 15 Ngakho kabambonge uTHIXO ngothando lwakhe olungaphuthiyo
lezenzo zakhe ezimangalisayo azenzela abantu,
- 16 ngoba uyawafohloza amasango ethusi
ephule imigoqo yensimbi.
- 17 Abanye baba yiziwula ngenxa yezindlela zabo zokuhlamuka
badliwa yizihlupheko ngenxa yokuxhwala kwabo.
- 18 Benyanya konke ukudla
balengela emasangweni okufa.
- 19 Bakhala kuTHIXO besekuhluphekeni kwabo,
wabasindisa osizini lwabo.
- 20 Wathumela ilizwi lakhe labasilisa;
wabahlenga engcwabeni.
- 21 Kabambonge uTHIXO ngothando lwakhe olungaphuthiyo
lezenzo zakhe ezimangalisayo ebantwini.
¹ Ngakho-ke, wena ndodana yami, qina emuseni okuKhristu uJesusu.

² Izinto owangizwa ngizitsho phambi kwabafakazi abanengi ziphathise abantu abathembekileyo abazafanela ukuba labo bafundise abanye.

³ Hlanganyelana lathi ebunzimeni njengebutho likaKhristu uJesusu elifaneleyo.

⁴ Kakho osebenza njengebutho ongenela ezindabeni zabangasibo bebutho kodwa ufuna ukuthokozisa umlawuli wakhe.

⁵ Ngokufanayo, nxa umuntu encintisa njengomdlali kawutholi umqhele wokunqoba ngaphandle kokuba encintisa ngokusemthethweni.

⁶ Umlimi osebenza kakhulu kumele kube nguye oqala ukuthola isabelo sezilimo.

⁷ Nakana ngalokho engikutshoyo ngoba iNkosi izakupha umbono kukho konke lokhu.

⁸ Khumbula uJesusu Khristu owavuka kwabafuleyo, wadabuka kuDavida. Leli yilo ivangeli lami

⁹ engilihluphekelayo ngize ngibotshwe ngamaketane njengesigangi. Kodwa ilizwi likaNkulunkulu kalibotshwanga.

¹⁰ Ngakho-ke, ngibekezelela konke ngenxa yabakhethiweyo ukuze labo bazuze ukusindiswa okukuKhristu uJesusu lenkazimulo engapheliyo.

¹¹ Nansi isitsho esiqotho:

Nxa safu laye

sizaphila laye futhi;

¹² nxa sibekezela

sizabusa laye futhi.

Nxa simphika,

laye futhi uzasiphika;

¹³ nxa singelalo ithemba

yena uzaqhubeka ethembekile,
ngoba angeke azidele.

Isisebenzi Esivunywe NguNkulunkulu

¹⁴ Qhubeka ubakhumbuza abantu bakaNkulunkulu ngalezizinto. Baxwayise phambi kukaNkulunkulu ngokuxabana ngamazwi; akulasizo, kuchitha labo abalaleleyo.

¹⁵ Yenza ubungcono bakho ukuba uzethule kuNkulunkulu njengohloliweyo, isisebenzi esingadingi ukuba sibe lenhloni njalo esiliphatha kuhle ilizwi leqiniso.

¹⁶ Xwaya inkulumo zokweyisa uNkulunkulu ngoba abazikholisayo baqhubeka kokuphela besiba ngabangamesabiyo uNkulunkulu.

¹⁷ Imfundiso yabo izaqhela njengesilonda esibhibhidlayo. Phakathi kwabo kuloHimeniyasi loFilethosi,

¹⁸ abaphambukayo eqinisweni. Bathi ukuvuka kwabafileyo sekwenza-kala njalo bachitha ukukholwa kwabanye.

¹⁹ Noma kunjalo isisekelo sikaNkulunkulu esiqinileyo sigxilile, sibekwe uphawu lombhalo othi: “UTHixo uyabazi labo abangabakhe,”* lokuthi, “Bonke abalivumayo ibizo likaThixo kumele badele ububi.”

²⁰ Endlini enkulukazi akulazitsha zegolide lezesiliva nje kuphela kodwa lezezigodo kanye lezebumba; ezinye ngezemisebenzi encomekayo njalo ezinye ngezokusebenzisa nje.

²¹ Nxa umuntu ezihlambulula kokulihlazo, uzasetshenziswa emisebenzini encomekayo, angcweliswe, abe luncedo eNkosini yakhe njalo elungele ukwenza loba yiwuphi umsebenzi omuhle.

²² Xwaya izinkanuko ezimbi zobutsha ufune ukulunga, lokukholwa, lothando kanye lokuthula, ukanye lalabo abakhuleka eNkosini ngezinhliziyi ezimhlophe.

²³ Xwaya ukuphikisana kobuthutha lobuwula ngoba uyakwazi ukuthi kudala ingxabano.

²⁴ Inceku yeNkosi kumele ixwaye ingxabano; kodwa kumele ibe lomusa ebantwini bonke, yenelise ukufundisa, ingabi lenzondo.

²⁵ Abaphikisayo kumele belulekwe kuhle, ngethemba lokuthi uNkulunkulu uzabaguqula inhliziyi baholelwe ekwazini iqiniso

²⁶ Lokuthi baphaphame, baphunyuke emjibileni kaSathane obathumbele ukuba benze intando yakhe.

3

UKweyisa UNkulunkulu Ensukwini Zokucina

¹ Kodwa nanzelela lokhu: Ensukwini zokucina kuzakuba lezikhathi ezinzima.

² Abantu bazakuba ngabazithandayo, labathanda imali, labazikhukhumezayo, labazigqajayo, labathukayo, labangalaleli abazali babo, labangabongiyo, labangcolileyo,

³ labangelathando, labangathetheleliyo, labahlebayo, labangazikhuziyo, labalesihluku, labangakuthandiyo okuhle,

⁴ labalamacebo amabi, labacaphuka ngeze, labaziphakamisayo, labathanda injabulo kulokuthanda uNkulunkulu,

⁵ belesimo sokukholwa kuNkulunkulu kodwa belandula amandla okukholwa. Ungahlanganyeli labo.

⁶ Yibo laba abanyenyela emakhaya bazuze amandla phezu kwabesifazane ababuthakathaka, abasindwa yizono njalo bebuswa zinhlobo zonke zezinkanuko ezimbi,

⁷ behlezi befunda kodwa besehluleka ukufinyelela elwazini lweqiniso.

⁸ NjengoJanesi loJambiresi abaphikisa uMosi, ngokunjalo abantu laba baphikisa iqiniso. Abantu bengqondo ezonakeleyo, abalahliweyo ngokokholo.

⁹ Kodwa kabayikufika ndawo ngoba njengokwalawo madoda, ubuthutha babo buzakuba sobala ebantwini bonke.

UPhawuli Ulaya UThimothi

¹⁰ Kodwa wena wazi konke ngemfundiso yami, lempilo yami, lenjongo yami, lokukholwa, lokubekezela, lothando, lokuqiniseka,

* 2:19 AmaNani 16.5

¹¹ lokuhlukuluzwa, inhlupheko zonke engahlangana lazo e-Antiyokhi, lase-Ikhoniyamu, laseListra kanye lokuhlukuluzeka engangena phakathi kwakho. Kodwa iNkosi yangihlenga kukho konke lokhu.

¹² Ngempela umuntu wonke othanda ukuphila impilo yokulalela uNkulunkulu kuKhristu uJesu uzahlukuluzwa,

¹³ kukanti abantu ababi labakhohlisi bazakonakala ngokudlulisayo, bekhohlisa labo bekhohliswa.

¹⁴ Kodwa wena qhubeka ngalokho okufundileyo njalo wakukholwa ngoba uyabazi labo okufunde kubo,

¹⁵ lokuthi kusukela ebuntwaneni wayazi njani imibhalo eNgcwele engakwenza uhlakaniphele ukusindiswa ngokukholwa kuKhristu uJesu.

¹⁶ IMibhalo yonke yaphefumulelwa nguNkulunkulu njalo ilosizo ekufundiseni, lokukhuza, lokuqondisa, lokufundisa ngokulunga,

¹⁷ ukuze umuntu kaNkulunkulu ayilungisele ngokupheleleyo yonke imisebenzi emihle.

4

¹ Phambi kukaNkulunkulu loKhristu uJesu ozathonisisa abaphilayo labafileyo njalo mayelana lokubonakala kwakhe kanye lombuso wakhe ngikunika lumlaye:

² Tshumayela iLizwi; lungiselela isikhathi esifaneleyo lesikhathi esingafanelanga; lungisa, ukhuze njalo ukhuthaze ngokubekezelela okukhulu langokulaya ngokunanzelela.

³ Ngoba isikhathi sizafika lapho abantu abangayikuyivuma khona imfundiso eqotho. Kodwa ukuze basuthise izinkanuko zabo, bazaziqoqela abafundisi abanengi ukuba batsho lokho indlebe zabo ezilumela ukukuzwa.

⁴ Indlebe zabo bazazisusa eqinisweni baphambukele ezinganekwaneni.

⁵ Kodwa wena lulamisa ikhanda kuzozonke izehlakalo, ubekezele ebunzimeni, wenze umsebenzi womvangeli, uyifeze yonke imisebenzi yenkonzo yakho.

⁶ Ngoba mina sengilungele ukuthululwa njengomnikelo onathwayo njalo lesikhathi sokusuka kwami sesifikile.

⁷ Ngilwile ukulwa okuhle, sengiliqedile ibanga lami lokukholwa ngikulondolozile.

⁸ Khathesi ngigcinelwe umqhele wokulunga iNkosi uMahluleli olungileyo ezanginika wona ngalelolanga njalo kungayisimi kuphela kodwa kubo bonke abatshisekela ukubonakala kwayo.

Amazwi Aqondene Laye

⁹ Zama ngamandla akho wonke ukuba uze kimi ngokuphangisa

¹⁰ ngoba uDemasi ngenxa yokuthi ubethanda umhlaba lo, usengibalekele waya eThesalonika. UKhristensi useye eGalathiya, uThithu waya eDalmathiya.

¹¹ ULukha nguye kuphela olami. Thatha uMakho ubuye laye ngoba ulusizo kakhulu enkonzweni yami.

¹² UThikhikhasi ngamthuma e-Efesu.

¹³ Lapho usubuya ubuye lejazi engalitshiya kuKhaphusi eTrowasi lengwalo zami ikakhulu leziyana ezemibhalo elotshwe ezikhumbeni.

¹⁴ U-Alekizanda umkhandi wensimbi wenza okubi kakhulu kimi. INkosi izaphindisela kuye lokhu akwenzileyo.

¹⁵ Lawe futhi kumele umqaphele ngoba ilizwi lethu waliphikisa kakhulu.

¹⁶ Ekuzivikeleni kwami kwakuqala kakho owangisekelayo kodwa abantu bonke bangihlamukela. Kabangabi lamlandu ngalokho.

¹⁷ Kodwa iNkosi yema phansi kwami yangipha amandla ukuze kuthi ngami ilizwi litshunyayelwe ngokupheleleyo njalo labeZizweni bonke balizwe. Ngempela ngasindiswa emlonyeni wesilwane.

¹⁸ INkosi izangihlenga kukho konke ukuhlaselwa okubi ingilethe kungekho bubi embusweni wayo wasezulwini. Udumo kalube kuyo kuze kube nini lanini. Amen.

Ukuvaelisa

¹⁹ Bingelela uPhrisila lo-Akhwila kanye labendlu ka-Onesiforosi.

²⁰ U-Erastusi wasala eKhorinte, kwathi uThrofimasi ngamtshiya egula eMilethusi.

²¹ Zama ngamandla akho wonke ukuba ufike lapha ubusika bungakafiki.

UYubhulasi, loPhudeni, loLino, loKlawudiya kanye labazalwane bonke bayakubingelela.

²² INkosi kayibe lomoya wakho. Umusa kawube lawe.

KuThithu

¹ Mina Phawuli inceku kaNkulunkulu lompostoli kaJesu Khristu wokukholwa kwabakhethiweyo bakaNkulunkulu lokwazi iqiniso eliholela ekwesabeni uNkulunkulu,

² ukukholwa lokwazi okweyame ethembeni lokuphila okulaphakade okwathenjiswa ekudatshulweni komhlaba nguNkulunkulu

³ njalo ngesikhathi sakhe esimisiweyo wabonakalisa ilizwi lakhe ngentshumayelo engayiphathiswa ngomlayo kaNkulunkulu uMsindisi wethu,

⁴ KuThithu indodana yami ngokukholwa kwethu sonke ngithi:

Umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba lakuKhristu uJesu uMsindisi wethu.

Ukubeka Abadala Bebandla Abathanda Okuhle

⁵ Engakutshiyela khona eKhrethe yikuthi uqondise lokho okwasala kun-gaphefanga njalo ubeke abadala bebandla emizini yonke njengokukulaya kwami.

⁶ Umdala webandla kumele abe ngongasolekiyo, indoda elomfazi oyedwa, indoda elabantwana abakholwayo njalo abangelacala lobudlwangudlwangu loba ukwedelela.

⁷ Njengoba umthungameli ephathiswe umsebenzi kaNkulunkulu, kumele angabi lasici, angazikhukhumezi, ongazondi masinyane, ongasisidakwa, ongathandi ukulwa, ongadingi inzuzo ngobuqili.

⁸ Kodwa kumele abe ngophatha kuhle izihambi, othanda okuhle, ozikhuzayo, oqondileyo, ongcwele lozithibayo.

⁹ Kumele abambelele elizwini eliqotho njengokufundiswa kwalo ukuze akhuthaze abanye ngemfundiso eqotho njalo amelane lalabo abayiphikisayo.

Ukukhuza Abehluleka Ukwenza Okuhle

¹⁰ Ngoba banengi abantu abahlamukayo, abakhulumayo nje kanye labakhohlisi ikakhulu abeqembu lokusoka.

¹¹ Kumele bathuliswe ngoba bachitha imizi epheleleyo ngokufundisa izinto okungamelanga bazifundise besenzela ukuthola inzuzo ngobuqili lenkohliso.

¹² Omunye wabaphrofethi babo wathi, "AbaseKhrethe ngabantu bamanga, izilo ezimbi, izihwaba ezingamavila."

¹³ Ubufakazi lobu buliqiniso. Ngakho-ke, bakhuze ngamandla ukuze baqine ekukholweni

¹⁴ bangalaleli izinganekwane zamaJuda loba imilayo yalabo abadela iqiniso.

¹⁵ Kwabahlambulukileyo izinto zonke zihlambulukile kodwa kulabo abaxhwalileyo njalo bengakholwa akulalutho oluhlambulukileyo. Ngempela, ingqondo lezazela zabo konke kuxhwalile.

¹⁶ Bathi uNkulunkulu bayamazi kodwa ngezenzo zabo bayamphika. Bayenyanyeka, bayadelela njalo kabafanelanga ukwenza loba kuyini okuhle.

2

Ukwenza Okuhle Ngenxa Yevangeli

¹ Kumele ufundise okuvumelana lemfundiso eqotho.

² Fundisa amadoda amadala ukuzithiba, afanele ukuhlonitshwa, azikhuze, njalo aqine ekukholweni, ethandweni kanye lasekubekazeleni.

³ Ngokunjalo, fundisa abesifazane abadala ukuba babe ngabahloniphayo ekuphileni kwabo, bangabi ngabahlebayo kumbe ababuswa liwayini kodwa ukuba bafundise okulungileyo.

⁴ Ngakho-ke, bangafundisa abesifazane abatsha ukuba bathande omkabo labantwana babo

⁵ ukuba bazikhuze njalo bahlambuluke, lokuba bakhuthale emakhaya, lokuba lomusa, lokuba bazehlise ngaphansi kwabomkabo ukuze kungabikhona ogcona ilizwi likaNkulunkulu.

⁶ Ngokunjalo, khuthaza abesilisa abatsha ukuba bazikhuze.

⁷ Kukho konke babekele isibonelo ngokwenza okuhle. Ekufundiseni kwakho tshengisa ubuqotho lokuzimisela

⁸ kanye lokukhuluma okulengqondo okungeke kusolwe ukuze kuthi labo abakuphikisayo bayangeke ngoba bengelalutho olubi abangalutsho ngathi.

⁹ Fundisa izisebenzi ukuba zizehlisele ngaphansi kwamakhosi azo ezintweni zonke, zizame ukuwathokozisa, zingawaphenduli,

¹⁰ zingawantshontsheli, kodwa zibonakalise ukuthi zingathembeka okupheleleyo ukuze kuthi ngakho konke zenze imfundiso ngoNkulunkulu uMsindisi wethu ibe ngebukekayo.

¹¹ Ngoba umusa kaNkulunkulu oletha insindiso usubonakele ebantwini bonke.

¹² Uyasifundisa ukuthi “Hayi” ekweyiseni uNkulunkulu lasezinkanukweni zasemhlabeni njalo siphile ngokuzikhuza, ngokuqonda empilweni yokulalela uNkulunkulu ngesikhathi samanje,

¹³ lapho sisalindele ithemba elibusisiweyo lokubonakala ngenkazimulo kaNkulunkulu wethu omkhulu longuMsindisi uJesu Khristu

¹⁴ owazinikela ngenxa yethu ukuba asihlengi ebubini bonke kanye lokuthi azihlambululele abantu abangabakhe, abatshisekela ukwenza okuhle.

¹⁵ Ngakho lezi yizinto okumele uzifundise. Khuthaza njalo ukhuze ngamandla wonke. Ungavumeli muntu ukuthi akweyise.

3

Lisindisiwe Ukuze Lenze Okuhle

¹ Khumbuza abantu ukuba bazehlisele ngaphansi kwababusi, labaphathi, lokuba balalele, lokuba balungele ukwenza loba kuyini okuhle,

² lokunganyeyi muntu, lokuba lokuthula kanye lozwelo, kanye lokubonakalisa ukuzithoba okuqotho ebantwini bonke.

³ Ngesinye isikhathi lathi sake saba yiziwula, singalaleli, sikhohliswa njalo sithunjwe zinhlobo zonke zenkanuko kanye lenjabulo. Saphila phakathi kwenzondo lomhawu, sizondwa njalo sizondana.

⁴ Kodwa kwathi umusa lothando lukaNkulunkulu uMsindisi wethu sekubonakele,

⁵ wasisindisa, hatshi ngenxa yezinto ezilungileyo esasizenzile kodwa ngenxa yesihawu sakhe. Wasisindisa ngokugeziswa kokuzalwa kutsha kanye lokuvuselelwa nguMoya oNgcwele

⁶ amthela kakhulu phezu kwethu ngoJesu Khristu uMsindisi wethu
⁷ ukuze kuthi sesilungiswe ngumusa wakhe, sibe zindlalifa silethemba lokuphila okulaphakade.

⁸ Leli yilizwi eliqotho. Njalo ngithanda ukuba izinto lezi uzigcizelele ukuze kuthi labo abathembele kuNkulunkulu bananzelele ukuzinikela ekwenzeni okuhle. Izinto lezi zinhle kakhulu njalo zilosizo ebantwini bonke.

⁹ Kodwa xwaya impikiswano yobuwula lezindaba zosendo kanye lemibango lengxabano mayelana lomthetho ngoba lokhu akulasizo njalo kuyize.

¹⁰ Umuntu oxabanisayo mlaye kanye, uphinde umlaye okwesibili. Emva kwalokho mxwaye.

¹¹ Ungaba leqiniso ukuthi umuntu onjalo uxhwalile njalo uyisoni; nguye ozilahlayo yena ngokwakhe.

Amazwi Okucina

¹² Ngingaze ngithumele u-Athemasi kumbe uThikhikhasi kuwe, kumele uzame ngamandla akho wonke ukuza kimi eNikhopholisi ngoba sengizimisele ukuhlala khona ebusika.

¹³ Yenza konke ongakwenza ukuba usize uZenasi igqwetha kanye lo-Apholo ohanjweni lwabo ubone ukuba balakho konke abakuswelayo.

¹⁴ Abantu bakithi kumele bafunde ukuzinikela ekwenzeni okuhle ukuze bagcwalise izinswelo zansuku zonke njalo bangaphili impilo eyize.

¹⁵ Bonke abalami bayakubingelela.
 Bingelela labo abasithandayo ekukholweni.

Umusa kawube lani lonke.

UFilimoni

¹ Mina Phawuli, isibotshwa sikaKhristu uJesu, loThimothi umzalwane wethu,

KuFilimoni umngane wethu othandekayo loyisisebenzi kanye lathi,

² ku-Afiya udadewethu, ku-Akhiphasi olibutho kanye lathi, lasebandleni elihlanganela ekhaya lakho ngithi:

³ Umusa kawube kuwe kanye lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba leNkosini uJesu Khristu.

Ukubonga Lokukhuleka

⁴ Ngihlezi ngimbonga kokuphela uNkulunkulu wami lapho ngikukhum-bula emikhulekweni yami

⁵ ngoba ngiyezwa ngothando lwakho lokukholwa eNkosini uJesu kanye lothando lwakho kubo bonke abangcwele.

⁶ Ngikhulekela ukuba ukuhlanganyela kwakho kanye lathi ekukholweni kube lomfutho ngokujula ekuqedisiseni kwakho konke ukulunga esikwa-belana ngenxa kaKhristu.

⁷ Uthando lwakho lungiphe ukuthokoza okukhulu lokududuzeka ngoba wena, mzalwane, uvuselele inhliziyo zabangcwele.

Isikhalazo SikaPhawuli Ngo-Onesimasi

⁸ Ngakho-ke, lanxa kuKhristu ngingaba lesibindi ngikulaye ukuba wenze lokho okumele ukwenze

⁹ kodwa ngiyakuncenga ngenxa yothando. Ngakho-ke, mina Phawuli, umuntu omdala khathesi oyisibotshwa sikaKhristu uJesu futhi,

¹⁰ ngiyakuncenga ngenxa yendodana yami u-Onesimasi owaba yindo-dana yami ngibotshiwe.

¹¹ Kuqala wayengelasizo kuwe kodwa khathesi uselusizo kuwe lakimi.

¹² Ngimthuma kuwe yena othandwe yinhliziyo yami.

¹³ Kade ngingathanda ukuhlala laye ukuze athathe indawo yakho yokungisiza ngisabotshelwe ivangeli.

¹⁴ Kodwa angithandanga ukwenza lutho kungelamvumo yakho ukuze kuthi loba ngumusa owenzayo ube ngowokuzithandela hatshi ukubanjwa ngamandla.

¹⁵ Mhlawumbe isizatho sokwehlukaniswa lawe okwesikhatshana sasiyikuthi ube laye futhi kokuphela

¹⁶ engaseyiso sigqili kodwa esengcono kulesigqili njengomzalwane othandekayo. Uyathandeka kimi kodwa uthandeka kakhulu kuwe njen-gomunye wakho lanjengomzalwane eNkosini.

¹⁷ Ngakho-ke, nxa engithatha njengohlanganyela lawe, mamukele ngendlela obuzangamukela ngayo.

¹⁸ Nxa kulokubi akwenze kuwe kumbe elesikwelede kuwe, kubalele kimi.

¹⁹ Mina Phawuli, ngiloba lokhu ngesandla sami. Ngizahlawula nginga-bali ukuthi lawe ulomlandu kimi wena ngokwakho.

²⁰ Ngiyafisa, mzalwane, ukuba ngithole usizo oluthile kuwe eNkosini; uvuselele inhliziyo yami kuKhristu.

²¹ Ngileqiniso ngokulalela kwakho, ngikulobela ngisazi ukuthi uzakwenza okudlula engikucelayo.

²² Okunye njalo yilokhu: Ngilungisela indlu yezihambi ngoba ngithemba ukuba ngizabuyiselwa kuwe ngenxa yemikhuleko yakho.

²³ U-Ephafrasi oyisibotshwa kanye lami ngenxa kaKhristu uJesu, uyakubingelela.

²⁴ UMakho, lo-Aristakhasi, loDemasi kanye loLukha abayizisebenzi kanye lami bayakubingelela.

²⁵ Umusa weNkosi uJesu Khristu kawube lomoya wakho.

KumaHebheru

ILizwi Lika Nkulunkulu Lokucina: INdodana Yakhe

¹ Kudala uNkulunkulu wakhuluma kubokhokho kanenginengi ngabaphrofethi langezindlela ezehlukeneyo

² kodwa ngalezizinsuku zokucina ukhulume kithi ngeNdodana yakhe, ayibeka ukuba yindlalifa yezinto zonke, yona adala ngayo izulu lomhlaba.

³ INdodana iyikubenezela kwenkazimulo kaNkulunkulu kanye lomfanekiso wokuba nguye kwakhe uqobo, iqinisa izinto zonke ngelizwi layo elilamandla. Emva kokuba isikufezile ukuhlanjululwa kwezono, yahlala phansi esandleni sokunene sobukhosi ezulwini.

⁴ Ngakho yaba ngaphezu kwezingilosi ngoba ibizo eyalithola njengelifa lilikhulu kulelazo.

INdodana Ingaphezulu Kwezingilosi

⁵ Ngoba kukuyiphi ingilosi uNkulunkulu ake wathi kuyo: “Wena uyiNdodana yami;

lamhla sengibe nguYihlo”^{*?}

Kumbe njalo wathi,

“Ngizakuba nguYise,

yona izakuba yiNdodana yami”^{†?}

⁶ Njalo, lapho uNkulunkulu eletha izibulo lakhe emhlabeni, uthi:

“Zonke izingilosi zikaNkulunkulu kazimkhonze.”[‡]

⁷ Lapho ekhuluma ngezingilosi uthi,

“Wenza izingilosi zakhe zibe yimimoya,

izinceku zakhe zibe ngamalangabi omlilo.”[§]

⁸ Kodwa ngeNdodana uthi,

“Isihlalo sakho sobukhosi, Oh Nkulunkulu,

sizakuma nini lanini,

intonga yokwahlulela okulungileyo

izakuba yintonga yombuso wakho.

⁹ Ukuthandile ukulunga wazonda ububi;

ngakho uNkulunkulu,

uNkulunkulu wakho

usekubeki ngaphezu kwabakhula bakho

ngokukugcoba ngamafutha entokozi.”^{*}

¹⁰ Njalo uthi,

“Ekuqaleni, Oh Nkosi, wabeka izisekelo zomhlaba,

lamazulu angumsebenzi wezandla zakho.

¹¹ Kuzabhubha kodwa wena uzasala;

konke kuzaguga njengesigqoko.

¹² Uzakugoqa njengesembatho;

kuzantshintshwa njengesigqoko.

Kodwa wena uhlala unjalo,

leminyaka yakho kayiyikuphela.”[†]

¹³ Kukuyiphi ingilosi uNkulunkulu ake wathi kuyo:

^{*} 1:5 AmaHubo 2.7 [†] 1:5 2 USamuyeli 7.14; 1 ImiLando 17.13 [‡] 1:6 UDutheronomi 32.43

§ 1:7 AmaHubo 104.4 ^{*} 1:9 AmaHubo 45.6-7 [†] 1:12 AmaHubo 102.25-27

“Hlala ngakwesokunene sami;
ngize ngenze izitha zakho
zibe yisinyathelo senyawo zakho”‡?

14 Izingilosi kazisimimoya esebenzayo yini, ethunywe ukukhonza labo abazakudla ilifa lokusindiswa na?

2

Isixwayiso Sokuba Kunanzelelwe

1 Ngakho kufanele siqaphelelisise lokho esikuzwileyo ukuze singaduki.

2 Ngoba nxa ilizwi elakhulunywa yizingilosi liqinisa njalo konke ukona lokungalaleli kuthole isijeziso sakho esifaneleyo,

3 pho thina sizaphepha njani nxa singanaki insindiso enkulu kangaka na? Lokhu kusindiswa okwabikwa kuqala yiNkosi, kwafakazwa kithi yilabo abayizwayo.

4 LoNkulunkulu wakufakaza ngezibonakaliso langezimangaliso ezithile, langezipho zikaMoya oNgcwele ezabiwa ngokwentando yakhe.

UJesu Wenziwa Waba Njengabafowabo

5 Akusikho ezingilosini abeka khona ngaphansi kwazo ilizwe elizayo esikhuluma ngalo.

6 Kodwa ikhona indawo lapho omunye ofakaza khona esithi:
“Uyini umuntu osungaze uzihluphe ngaye na,
loba indodana yomuntu ukuba uyinanse na?”

7 Wamenza waba mncinyazana kulezingilosi;
wamethesa umqhele wodumo lobukhosi,

8 wabeka lezinto zonke ngaphansi kwezinyawo zakhe.”*

Ekubekeni izinto zonke ngaphansi kwakhe uNkulunkulu katshiyanga lutho olungekho ngaphansi kwakhe. Kodwa khathezi kasiboni zinto zonke zingaphansi kwakhe.

9 Kodwa sibona yena, owenziwa waba ngaphansanyana kwezingilosi okwesikhatshana, uJesu, ebekwa umqhele wobukhosi lodumo ngoba wavuma ukufa ukuze kuthi ngomusa kaNkulunkulu ezwe ukufa ngenxa yabantu bonke.

10 Ekuletheni amadodana amanengi enkazimulweni, kwakufanele ukuba uNkulunkulu, yena owenza zonke izinto njalo zabakhona ngenxa yakhe, enze umsunguli wokusindiswa kwabo aphelele ngokuhlupheka kwakhe.

11 Ngoba lowo owenza abantu babengcwele kanye lalabo abenziwe baba ngcwele ngabendlunye. Ngakho uJesu kakumyangisi ukuba athi bangabafowabo.

12 Uthi,

“Ngizamemezela ibizo lakho kubafowethu;
ngizahlabelela udumo lwakho phambi kwebandla.”†

13 Njalo uthi,
“Ngizabeka ithemba lami kuye.”‡
Uphinda athi,

“Mina ngilapha, kanye labantwana uNkulunkulu angiphe bona.”§

‡ 1:13 AmaHubo 110.1 * 2:8 AmaHubo 8.4-6 † 2:12 AmaHubo 22.22 ‡ 2:13 U-Isaya 8.17

§ 2:13 U-Isaya 8.18

14 Njengoba abantwana belomzimba legazi, laye wahlanganyela ebuntwini babo ukuze kuthi ngokufa kwakhe amchithe lowo ophethe amandla okufa okutsho uSathane,

15 abakhulule ababesebugqilini impilo yabo yonke ngenxa yokwesaba kwabo ukufa.

16 Ngoba impela akusizo ingilosi azisizayo kodwa inzalo ka-Abrahama.

17 Ngenxa yalokhu kwakumele enziwe afane labafowabo kukho konke ukuze abe ngumphristi omkhulu olesihawu lothembekileyo enkonzweni kaNkulunkulu, lokuba abeyinhlawulo yezono zabantu.

18 Njengoba laye wahlupheka lapho elingwa, uyenelisa ukubasiza abalingwayo.

3

UJesu Ungaphezu KukaMosi

1 Ngakho-ke, bafowethu abangcwele, abahlanganyela ekubizweni ezulwini, bekani imicabango yenu kuJesu, umpostoli lomphristi omkhulu esimvumayo.

2 Wathembeka kulowo owambekayo, njengoMosi owayethembekile kuyo yonke indlu kaNkulunkulu.

3 UJesu ufuyenwe efanele udumo olukhulu kuloMosi njengomakhi wendlu elodumo olukhulu kulendlu yona ngokwayo.

4 Ngoba yileyo laleyondlu yakhiwa ngumuntu othize kodwa uNkulunkulu ungumakhi wezinto zonke.

5 "UMosi wayethembekile njengenceku kuyo yonke indlu kaNkulunkulu,"* efakaza lokho okwakuzatshiwo ensukwini ezizayo.

6 Kodwa uKhristu uthembekile njengendodana endlini kaNkulunkulu. Njalo thina siyindlu yakhe nxa sibambeleva ngesibindi langethamba lethu esizincoma ngakho.

Isixwayiso Ngokungakholwa

7 Ngakho, njengoba uMoya oNgcwele esithi:

"Lamuhla nxa lisizwa ilizwi lakhe,

8 lingazenzi zibe lukhuni inhliziyo zenu, njengelakwenza ekuhlamukeni,

ngesikhathi sokulingwa enkangala,

9 lapho okhokho benu abangihlola khona bangilinga,

babona engakwenzayo okweminyaka engamatshumi amane.

10 Yikho-nje ngasithukuthelela isizukulwane lesa,

njalo ngathi, 'Inhliziyo zabo zihlezi ziduka,

njalo kabazazanga izindlela zami.'

11 Ngakho ngamemezela ngesifungo ekuthukutheleni kwami ngathi,

'Kabayikungena ekuphumuleni kwami.'†"

12 Bonani bazalwane ukuthi kakho omunye wenu olenhliziyo yokona lokungakholwa, ephambukayo kuNkulunkulu ophilayo.

13 Kodwa khuthazanani insuku zonke kusabizwa ngokuthi lamuhla, ukuze angabikhona owenu oba lukhuni ngenxa yokukhohliswa yisono.

14 Ngoba sesingabahlanganyelayo kuKhristu nxa sibambeleva ngokuqina kuze kuphele ithemba esasilalo kuqala.

15 Njengoba kutshiwo ukuthi:

"Lamuhla nxa lisizwa ilizwi lakhe,

* 3:5 AmaNani 12.7 † 3:11 AmaHubo 95.7-11

lingazenzi zibe lukhuni inhliziyu zenu
njengalakwenzayo ekuhlamukeni.”‡

16 Babengobani labo abezwayo basebehlamuka na? Akusibo yini bonke labo uMosi abakhupha eGibhithe na?

17 Njalo ngobani ayebathukuthelele okweminyaka engamatshumi amane na? Akusibo yini labo abonayo, abazidumbu zabo zawela enkangala na?

18 Ngobani uNkulunkulu abafungela ukuthi kabayikungena ekuphumuleni kwakhe nxa kungayisibo labo abangalalelanga na?

19 Ngakho siyabona ukuthi babengeke bangene ngenxa yokungakholwa kwabo.

4

Ukuphumula Kwabantu BakaNkulunkulu NgeSabatha

1 Ngakho-ke, njengoba isithembiso sokungena ekuphumuleni kwakhe silokhu sikhona, kasiqapheleni ukuba kakho phakathi kwenu otholakala engafinyeleli kuso.

2 Ngoba ivangeli latshunyayelwa kithi njengakubo; kodwa ilizwi abalizwayo lalingelasizo kubo ngoba labo abalizwayo kabalihlanganisanga lokholo.

3 Thina esakholwayo siyangena kulokho kuphumula njengoba uNkulunkulu etshilo ukuthi:

“Ngakho ngamemezela ngesifungo
ekuthukutheleni kwami ngathi,

‘Kabayikungena ekuphumuleni kwami.’*”

Kodwa umsebenzi wakhe wapheliswa ekudalweni komhlaba.

4 Ngoba kwenye indawo ukhulume ngosuku lwesikhombisa ngala amazwi athi: “Ngakho ngosuku lwesikhombisa uNkulunkulu waphumula kuwo wonke umsebenzi wakhe.”†

5 Njalo endimeni engaphezulu uthi, “Kabayikungena ekuphumuleni kwami.”‡

6 Kulokhu kunjalo ukuthi abanye bazangena kulokho kuphumula, lalabo ivangeli elatshunyayelwa kubo kuqala kabangenanga ngenxa yokungalaleli kwabo.

7 Ngakho uNkulunkulu wabuya wamisa olunye usuku, elubiza ngokuthi Lamuhla, lapho kwathi emva kwesikhathi eside wakhuluma ngoDavida, njengokwaktshiwo mandulo ukuthi:

“Lamuhla nxa lisizwa ilizwi lakhe,

lingazenzi zibe lukhuni inhliziyu zenu.”§

8 Ngoba aluba uJoshuwa wayebanikile ukuphumula, ngabe uNkulunkulu kakhulumanga muva ngolunye usuku.

9 Ngakho kulokhu kukhona ukuphumula kweSabatha kwabantu bakaNkulunkulu;

10 ngoba loba ngubani ongena ekuphumuleni kukaNkulunkulu uyaphumula lakowakhe umsebenzi njengokwenziwa nguNkulunkulu kowakhe.

11 Ngakho-ke, kasenzi imizamo yonke ukuba singene kulokho ukuphumula, ukuze angabikhona ozawiswa yikulandela isibonelo sakhe sokungalaleli.

‡ 3:15 AmaHubo 95.7-8 * 4:3 AmaHubo 95.11 † 4:4 UGenesisi 2.2 ‡ 4:5 AmaHubo 95.11

§ 4:7 AmaHubo 95.7-8

¹² Ilizwi likaNkulunkulu liyaphila njalo liyasebenza. Libukhali kulenkemba esika inxa zombili, ingena ize yehlukanise umphefumulo lomoya, amalunga lomnkantsho; lahlulela imicabango lomumo wenhliziyo.

¹³ Kukho konke okudaliweyo akulalutho olufihlakeleyo emehlweni kaNkulunkulu. Konke kwambuliwe kwabekwa obala phambi kwamehlo akhe yena okumele sizibike kuye.

UJesu UmPhristi Omkhulu

¹⁴ Ngakho-ke, njengoba silomphristi omkhulu kakhulu osengene emazulwini, uJesu iNdodana kaNkulunkulu, kasibambeeleni kakhulu okholweni esiluvumayo.

¹⁵ Ngoba kasilamphristi omkhulu onganelisiyo ukusizwela ebuthakathakeni bethu kodwa silaye oseke walingwa ngezindlela zonke njengathi kodwa akazange one.

¹⁶ Kasisondeleni esihlalweni sobukhosi somusa ngesibindi ukuze samukele isihawu njalo sithole umusa wokusisiza ezikhathini zokuswela kwethu.

5

¹ Wonke umphristi omkhulu ukhethwa ebantwini abekwe ukuba abamele ezindabeni ezimayelana loNkulunkulu, ukunikela izipho lemihlatshelo yezono.

² Ulakho ukubaphatha ngesineke labo abangaziyo abadukayo, njengoba laye uqobo ephethwe yikuba buthakathaka.

³ Yikho-nje kumele anikele imihlatshelo yezono zakhe kanye leyezono zabantu.

⁴ Kakho ozethesa udumo lolu phezu kwakhe; kumele abizwe nguNkulunkulu njengo-Aroni.

⁵ Ngakho loKhristu kazethesanga udumo lokuba ngumphristi omkhulu. Kodwa uNkulunkulu wathi kuye, "Wena uyiNdodana yami;

lamuhla sengibe nguYihlo."*

⁶ Njalo kwenye indawo uthi, "Wena ungumphristi kuze kube nini lanini, emkhondweni kaMelikhizedekhi."†

⁷ Ngensuku zokuphila kukaJesu emhlabeni, wakhuleka wacela ngokukhala kakhulu langezinyembezi kuye lowo owayengamphephisa ekufeni njalo wezwakala ngenxa yokuzehlisa kwakhe okuhloniphekayo.

⁸ Lanxa wayeyindodana wafunda ukulalela kulokhu ahlupheka ngakho,

⁹ kwathi lapho esephelelisiwe, waba ngumthombo wokusindiswa okulaphakade wabo bonke abamlalelayo

¹⁰ wasekhethwa nguNkulunkulu ukuba abe ngumphristi omkhulu, emkhondweni kaMelikhizedekhi.

Isixwayiso Ngokuhlumuka

¹¹ Kunengi esingakutsho ngalokho kodwa kunzima ukuchaza ngoba liyaphuza ukufunda.

¹² Ngeqiniso, lanxa ngalesisikhathi lifanele ukuba ngabafundisayo, liswela omunye ukuba alifundise amaqiniso okuqala elizwi likaNkulunkulu. Lifuna uchago, hatshi ukudla okuqinileyo!

* 5:5 AmaHubo 2.7 † 5:6 AmaHubo 110.4

¹³ Lowo ophila ngochago, ulokhu elusane, kayazi imfundiso emayelana lokulunga.

¹⁴ Kodwa ukudla okuqinileyo ngokwabakhulileyo asebazifundisa ukwehlukana okuhle kokubi.

6

¹ Ngakho kasiyekeleni imfundiso elula ngoKhristu siqhubeke siye ekukhuleni. Kasingasibeki futhi isisekelo sokuphenduka ezenzweni eziholela ekufeni, lezokukholwa kuNkulunkulu,

² Iemfundiso ngemibhaphathizo, lokubekwa kwezandla, lokuvuka kwabafileyo kanye lokwahlulelwa okulaphakade.

³ Njalo nxa uNkulunkulu evuma sizakwenza njalo.

⁴ Akwenzakali kulabo asebake bakhanyiselwa, asebenambithe isipho sasezulwini, asebehanganyele kuMoya oNgcwele,

⁵ asebenambithe ubumnandi belizwi likaNkulunkulu kanye lamandla esikhathi esizayo,

⁶ njalo nxa behlamuka ukuba babuyiselwe ekuphendukeni ngoba ekulahlekelweni kwabo bayayibethela futhi esiphambanweni iNdodana kaNkulunkulu beyethesa ihlazo phambi kwabantu bonke.

⁷ Umhlabathi onatha izulu elihlezi lisina phezu kwawo loveza isilimo esilusizo kulabo abawulimayo uthola isibusiso sikaNkulunkulu.

⁸ Kodwa umhlabathi oveza ameva lokhula kawulasizo njalo usengozini yokuqalekiswa. Ekucineni uzatshiswa.

⁹ Kodwa lanxa sikhuluma kanje bazalwane abathandekayo, silethemba lezinto ezingcono ngani, izinto ezilokwenza lokusindiswa.

¹⁰ UNkulunkulu ulungile, kasoke awukhohlwe umsebenzi wenu lothando elamtshengisa lona njengoba lasiza abantu bakhe njalo liyaqhubeka libasiza.

¹¹ Sifuna omunye lomunye wenu abonakalise ukukhuthala lokhu kuze kube sekupheleni ukuze ithemba lenu liqiniseke.

¹² Kasifuni ukuba libe ngamavila kodwa ukuba lilingisele labo okwathi ngokukholwa langokubekezela bathola ilifa lalokhu okwakuthenjisiwe.

Ubuqotho Besithembiso SikaNkulunkulu

¹³ Lapho uNkulunkulu esenza isithembiso sakhe ku-Abhrahama, njen-goba wayengekho omkhulu ayengafunga ngaye, wafunga ngaye yena ngokwakhe

¹⁴ esithi, "Ngempela ngizakubusisa njalo ngikuphe inzalo enengi."*

¹⁵ Ngakho emva kokulinda ngokubekezela, u-Abhrahama wathola okwakuthenjisiwe.

¹⁶ Abantu bafunga ngomunye omkhulu kulabo njalo isifungo siqinisa lokho okutshiwoyo siqede lokuphikisana konke.

¹⁷ Njengoba uNkulunkulu wathanda ukuba enze ukungaguquki kwes-imo senhloso yakhe kube sobala kuzindlalifa zalokho okwathenjisiwayo, wakuqinisa ngesifungo.

¹⁸ UNkulunkulu wenza lokhu ukuze kuthi ngezinto ezimbili ezin-gaguqulekiyo, uNkulunkulu angeke aqambe amanga ngazo, thina esi-baleke sabambelela ethembeni esiliphiwayo sikhuthazeke kakhulu.

* 6:14 UGenesisi 22.17

¹⁹ Silethemba leli njengensika yemiphefumulo yethu, eliqinileyo njalo eligxilileyo. Lingena endaweni engcwele yangaphakathi ngemva kwamkhethehi

²⁰ lapho uJesu owahamba phambi kwethu angena khona ngenxa yethu. Usebe ngumphristi omkhulu emkhondweni kaMelikhizedekhi kuze kube nini lanini.

7

UMelikhizedekhi Umphristi

¹ UMelikhizedekhi lo wayeyinkosi yaseSalemu lomphristi kaNkulunkulu oPhezukonke. Wahlangabeza u-Abrahama evela kwehlula amakhosi, wambusisa,

² u-Abrahama wamnika okwetshumi kwakho konke. Okwakuqala, ibizo elithi Melikhizedekhi litsho ukuthi “Nkosi yokulunga”; lokuthi futhi, “Nkosi yaseSalem” kutsho ukuthi “Nkosi yokuthula.”

³ Engelayise loba unina, engelamdabuko, engelakuqala kwensuku loba ukuphela kokuphila njengeNdodana kaNkulunkulu uhlezi engumphristi nini lanini.

⁴ Ake licabange ukuthi wayemkhulu kangakanani: Lokhokho u-Abrahama wamnika okwetshumi kwempango!

⁵ Khathesi umthetho ufuna abenzalo kaLevi ababa ngabaphristi ukuba baqoqe okwetshumi ebantwini, lokhu kutsho abafowabo lanxa abafowabo beyinzalo ka-Abrahama.

⁶ Umuntu lo kazange alonde umdabuko wakhe usukela kuLevi kodwa wagoqa okwetshumi ku-Abrahama njalo wambusisa yena lowo wayelezithembiso.

⁷ Kakulakuthandabuza ukuthi umuntu omncinyane ubusiswa ngomkhulu.

⁸ Kwesinye isehlakalo, okwetshumi kuthathwa ngabantu abafayo kodwa kwesinye isehlakalo kube ngulowo okuthiwe uyaphila.

⁹ Umuntu angatsho lokuthi uLevi oqoqa okwetshumi, wanikela okwetshumi ngo-Abrahama

¹⁰ ngoba lapho uMelikhizedekhi ehlangabeza u-Abrahama uLevi wayelokhu esesemzimbeni kakhokho wakhe.

UJesu NjengoMelikhizedekhi

¹¹ Nxa ukuphelela kwakungatholakala ngobuphristi babaLevi njalo ngempela umthetho owaphiwa abantu wasungula lobobuphristi, pho kungani kwakulokhu kudingeka ukuba omunye umphristi abuye evela emkhondweni kaMelikhizedekhi, engasiwemkhondweni ka-Aroni na?

¹² Ngoba lapho kulokuguqulwa kobuphristi, kufanele kube lokuguqulwa komthetho futhi.

¹³ Yena lowo okutshiwo lezizinto ngaye ngowesinye isizwana njalo kakhoo owalesosizwana owake wakhonza e-alithareni.

¹⁴ Ngoba kusobala ukuba iNkosi yethu yadabuka koJuda njalo mayelana lalesosizwana uMosi katshongo lutho ngabaphristi.

¹⁵ Njalo lokhu esesikutshilo kucace kakhulu nxa omunye umphristi onjengoMelikhizedekhi evela,

¹⁶ omunye obe ngumphristi kungayisikho komthetho ngokosendo lwakhe kodwa ngokumayelana lamandla okuphila okungeke kuchithwe.

¹⁷ Ngoba kumenyezelve ukuthi:
“Wena ungumphristi kuze kube nini lanini,

emkhondweni kaMelikhizedekhi.”*

18 Umthetho wakuqala ubekwe eceleni ngoba wawubuthakathaka njalo ungelasizo

19 (ngoba umthetho kawenzanga lutho olupheleleyo) ngakho kulethwa ithemba elitsha esisondele ngalo kuNkulunkulu.

20 Njalo kwakungayisikho ngaphandle kwesifungo! Abanye bangabaphristi kungekho sifungo,

21 kodwa yena waba ngumphristi ngesifungo lapho uNkulunkulu athi kuye:

“Inkosi ifungile

njalo kayiyikuguqula ingqondo yayo:

‘Wena ungumphristi kuze kube nini lanini.’†”

22 Ngenxa yesifungo lesi, uJesus usebe yisiqinisele sesivumelwano esingcono.

23 Abaphristi labo sebebange njengoba babevinjelwa yikufa ukuba baqhubeke besezikhundleni;

24 kodwa uJesus uphila kuze kube laphakade, ulobuphristi obuyisi-makade.

25 Ngakho ulamandla okubasindisa ngokupheleleyo labo abeza kuNkulunkulu ngaye ngoba uhlezi ephilele ukubancengela.

26 Umphristi omkhulu onjalo wagcwalisa izinswelo zethu, ongongcwele, ongelasici, lohlanzekileyo, lowehlukaniswe lezoni, lophakanyiselwe ngaphezu kwamazulu.

27 Hatshi njengabanye abaphristi abakhulu, yena kadingi kunikela imihlatshelo insuku zonke, kuqala eyezono zakhe, kulandele owezono zabantu. Wabenzela umhlatshelo wezono zabo kwaba kanye kuphela lapho ezinikela.

28 Ngoba umthetho ubeka abantu ababuthakathaka ukuba ngabaphristi abakhulu kodwa isifungo eseza emva komthetho sabeka iNdodana eyenziwe yaba ngepheleleyo kuze kube nininini.

8

Umphristi Omkhulu Wesivumelwano Esitsha

1 Isiqoqela salokho esikutshoyo yilesi: Silaye umphristi omkhulu onjalo, owahlala phansi esandleni sokunene kwesihlalo sobukhosi soMkhulu ezulwini,

2 okhonzayo endaweni engcwele, ithabanikeli eliqotho elamiswa yiNkosi hatshi ngabantu.

3 Umphristi omkhulu ngamunye ubekelwe ukunikela izipho lemihlatshelo, ngakho kwakufanele ukuba lalo abe lolutho alunikelayo.

4 Aluba wayesemhlabeni wayengayikuba ngumphristi ngoba bebele bekhona abantu abanikela izipho eziphawulwa ngumthetho.

5 Bakhonza endaweni engcwele engumfanekiso lesithunzi salokho okusezulwini. Yikho-nje uMosi waxwayiswa lapho esezakwakha ithabanikeli ngokuthi: “Qaphela ukuba wenze konke njengalokhu owakutshengiswa entabeni.”*

6 Kodwa inkonzo uJesus ayemukeleyo ingcono kuleyabo njengesivumelwano yena angumeli wase singcono kulesidala njalo sakhelwe phezu kwezithembiso ezingcono.

* 7:17 AmaHubo 110.4 † 7:21 AmaHubo 110.4 * 8:5 U-Eksodasi 25.40

7 Ngoba aluba kwakungelalutho olungalunganga kusivumelwano sakuqala leso, akulasizatho esasingadingelwa esinye.

8 Kodwa uNkulunkulu wathola isici ebantwini wasesithi: “Isikhathi siyeza, kutsho iNkosi,

lapho engrakwenza khona isivumelwano esitsha lendlu ka-Israyeli kanye lendlu kaJuda.

9 Kasiyikufana lesivumelwano engasenza labokhokho babo lapho engababamba khona ngesandla ukuba ngibakhuphe eGibhithe, ngoba kabaqhubekanga bethembekile esivumelwaneni sami, ngasengibadela, kutsho iNkosi.

10 Nansi isivumelwano engizasenza lendlu ka-Israyeli, ngemva kwalesosikhathi, kutsho iNkosi.

Ngizabeka imithetho yami ezingqondweni zabo, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo.

Ngizakuba nguNkulunkulu wabo, bona babengabantu bami.

11 Umuntu kasayikufundisa umakhelwane wakhe, kumbe umfowabo, esithi, ‘Yazi iNkosi,’ ngoba bonke bazangazi, kusukela komncinyane wabo kusiya komkhulu.

12 Ngoba ngizabathethelela ububi babo, njalo angiyikukhumbula izono zabo futhi.”†

13 Ngokuthi isivumelwano lesi “sitsha” wenze esakuqala sangasasebenzi; futhi okungasasebenzi lokugugileyo kuzanyamalala masinyane.

9

Inkonzo Ethabanikeleni Lasemhlabeni

1 Isivumelwano sakuqala sasilezimiso zokukhonza kanye lendawo engcwele yasemhlabeni.

2 Kwakhiwa ithabanikeli. Ekamelweni lalo lakuqala kwakuloluthi lwesibane, letafula kanye lesinkwa esingcwelisiweyo; lokhu kwakubizwa ngokuthi yiNdawo eNgcwele.

3 Ngemva kwekhetheeni lesibili kwakulekamelolo elalithiwa yiNdawo eNgcwelengcwele,

4 eyayile-alithare lokutshisela impepha elalihuqwe ngegolide kanye lomtshokotsho wesivumelwano owawuhuqwe ngegolide. Umtshokotsho wakhona wawulembizanyana yemana, lentonga ka-Aroni eyahlumayo kanye lezibhebhedu zamatshe esivumelwano.

5 Phezu komtshokotsho kwakulamakherubhi eNkazimulo enze ithunzi phezu kwendawo yomhlatshele. Kodwa khathesi asingeke silandise okgcweleyo ngamezozinto.

6 Kwathi konke sekulungisiwe kanje, abaphristi bangena njalonjalo ekamelweni langaphandle ukuba benze inkonzo yabo.

7 Kodwa umphristi omkhulu nguyey kuphela owayengena ekamelweni langaphakathi kanye ngomnyaka, njalo kungeke kwenzekwe engelagazi alinikelela yena kanye lezono abantu abazenza bengazi.

† 8:12 UJeremiya 31.31-34

⁸ UMoya oNgcwele wayetshengisa ngalokho ukuthi indlela eya eNdaweni eNgcwelengcwele yayingabonakaliswa nxa ithabanikeli lakuqala lilokhu likhona.

⁹ Lokhu kungumfanekiso walesisikhathi, okubonakalisa ukuthi izipho lemihlatshelo okwakunikelwa kwakunganelisi ukuhlambulula izazela zabakhonzayo.

¹⁰ Kuyindaba yokudla lokunatha kuphela kanye lemikhuba eyehlukeneyo yokugeza imilayo yangaphandle komzimba esebenza kuze kufike isikhathi sezimiso ezintsha.

Igazi LikaKhristu

¹¹ Kwathi lapho uKhristu esefikile njengomphristi omkhulu wezinto ezinhle esezikhona, wadabula phakathi kwethabanikeli elikhulu elipheleleyo elingenziwanga ngabantu, okuyikuthi, kalisingxenyeye yale indalo.

¹² Kangenanga ngokusebenzisa igazi lembuzi loba elamathole; kodwa wangena kanye kuphela eNdaweni eNgcwelengcwele ngegazi lakhe, esethole ukuhlengwa okulaphakade.

¹³ Igazi lembuzi lenkunzi lemilotha yamathokazi okufafazwa ebantwini abangahlambulukunganga ngokomkhuba kuyabangcwelisa ukuba babe ngabahlambulukileyo ngaphandle.

¹⁴ Pho igazi likaKhristu, owazinikela engelasici kuNkulunkulu ngomoya olaphakade, lizazihlambulula kakhulu okungakanani izazela zethu emisebenzini edonsela ekufeni, ukuze sikhonze uNkulunkulu ophilayo!

¹⁵ Ngenxa yalokhu uKhristu ungumeli wesivumelwano esitsha ukuze kuthi labo ababizweyo bathole ilifa elingapheliyo elathenjiswa ngen-goba sewafa njengenhlawulo ukuba abakhulule ezonweni abazenzayo esivumelwaneni sakuqala.

¹⁶ Mayelana lentando yokwaba ilifa, kuyadingakala ukuba kufakazwe ukufa kwalowo owakwenzayo,

¹⁷ ngoba intando yokwaba ilifa isebenza kuphela lapho kukhona ofileyo; kayisebenzi nxa lowo owayenzayo elokhu esaphila.

¹⁸ Yikho-nje lesivumelwano sakuqala kasifezwanga kungekho gazi.

¹⁹ Kwathi uMosi esememezele imilayo yonke yomthetho ebantwini bonke, wathatha igazi lamathole lelempongo ndawonye lamanzi, lewulu ebomvu kanye lezingatsha zehisophi, wachela umqulu kanye labantu bonke.

²⁰ Wathi, "Leli ligazi lesivumelwano uNkulunkulu alaye ukuba lisigcine."*

²¹ Ngendlela efanayo wachela ithabanikeli ngegazi kanye lezinto zonke ezisetshenziswa emikhosini yalo.

²² Ngempela umthetho uphose ufune ukuba izinto zonke zihlanjululwe ngegazi, njalo kungekho kuchithwa kwegazi akukho ukuthethelela.

²³ Ngakho kwakufanele ukuba imifanekiso yezinto zasezulwini zihlanjululwe ngemihlatshelo le kodwa izinto zasezulwini uqobo kube ngemihlatshelo engcono kulale.

²⁴ Ngoba uKhristu kangenanga endaweni engcwele eyenziwa ngabantu eyayingumfanekiso waleyo eqotho kuphela; yena wangena ezulwini uqobo, ukuba asimele phambi kukaNkulunkulu.

²⁵ Kangenanga ezulwini ukuba azinikele njalonjalo, njengomphristi omkhulu engena eNdaweni eNgcwelengcwele minyaka yonke legazi elingayisilo lakhe.

* 9:20 U-Eksodasi 24.8

²⁶ Ngakho uKhristu wayezahlupheka kanengi kusukela ekudalweni komhlaba. Kodwa khathesi usebonakale kanye kuphela ekupheleni kwezikhathi ukuba asuse isono ngomhlatshelo onguye.

²⁷ Njengalokhu umuntu wamiselwa ukufa kanye, kuthi emva kwalokho abhekane lokwahlulelwa,

²⁸ ngokunjalo uKhristu wanikelwa kanye ukuba asuse izono zabantu abanengi; njalo uzabonakala okwesibili, hatshi ukuthwala isono, kodwa ukuletha ukusindiswa kulabo abamlindeleyo.

10

Umhlatshelo KaKhristu Kanye Kuphela

¹ Umthetho uyisithunzi nje sezinto ezinhle ezizayo kodwa hatshi lokho okuyikho uqobo. Ngenxa yemhlatshelo efanayo ephindwaphindwa kokuphela iminyaka leminyaka ayingeke ibenze baphelele labo abasondela ekukhonzeni.

² Aluba wawusanelisa, imihlatshelo yayingayikuyekelwa ukunikelwa na? Ngoba abakhonzayo babezalanjululwa kube kanye kuphela, njalo babengasayikuzizwa belecala lezono zabo.

³ Kodwa imihlatshelo iyisikhumbuzo sezono zeminyaka yonke,

⁴ ngoba akwenzakali ukuba igazi lenkunzi lelembuzi lisuse izono.

⁵ Ngakho-ke, uKhristu esefikile emhlabeni wathi:

“Umhlatshelo lomnikelo kawukufunanga,
kodwa wena wangilungisela umzimba;

⁶ kawuthokozanga
ngeminikelo yokutshiswa leminikelo yesono.

⁷ Ngasengisithi, ‘Ngilapha,
kulotshiwe ngami emqulwini,
ngilande ukuzokwenza intando yakho,

Oh Nkulunkulu.”*

⁸ Kuqala wathi, “Imihlatshelo leminikelo, iminikelo yokutshiswa kanye leminikelo yesono kawuyifunanga, njalo kayikuthokozisanga” (lanxa umthetho usithi kayenziwe).

⁹ Wabuya wathi, “Ngilapha, ngilande ukuzokwenza intando yakho.” Ususa okokuqala ukuze amise okwesibili.

¹⁰ Njalo ngaleyontando senziwe saba ngcwele ngomhlatshelo womzimba kaJesu Khristu kanye kuphela.

¹¹ Insuku zonke umphristi uyema enze imisebenzi yakhe yenkonzo, anikele njalonjalo imihlatshelo minye, engeke isuse izono.

¹² Kodwa kwathi umphristi lo esenikelele izikhathi zonke umhlatshelo owodwa wezono, wahlala phansi esandleni sokunene sikaNkulunkulu.

¹³ Kusukela ngalesosikhathi ulindele izitha zakhe ukuba zibe yisenabelo sakhe,

¹⁴ ngoba ngomhlatshelo owodwa usephelelise nini lanini labo abenziwayo ukuba ngcwele.

¹⁵ LoMoya oNgcwele uyafakaza kithi ngalokho. Kuqala uthi:

¹⁶ “Lesi yisivumelwano engizasenza labo
emva kwalesosikhathi, kutsho iNkosi.
Ngizafaka imithetho yami ezinhliziyweni zabo
ngiyilobe lasezingqondweni zabo.”†

¹⁷ Wabuya wengeza wathi:

* 10:7 AmaHubo 40.6-8 † 10:16 UJeremiya 31.33

“Izono zabo lezenzo zokungabi lomthetho,
angiyikukhumbula futhi.”[‡]

18 Nxa lezi sezithethelelwe, kawusekho umhlatsshelo wesono.

Inkuthazo Yokubekezela

19 Ngakho-ke, bazalwane, njengoba silethemba lokungena eNdaweni eNgcwelengcwele ngegazi likaJesu,

20 ngendlela entsha ephilayo, esiyivulelwe ekhethenini, okuyikuthi umzimba wakhe,

21 njalo njengoba silomphristi omkhulu ophethe indlu kaNkulunkulu,

22 kasisondeleni kuNkulunkulu ngezinhliziyi ezigotho ngethemba elipheleleyo lokholo; sibe lezinhliziyi ezicheliweyo ukuba sihlanjululwe isazela secala lemizimba yethu igeziswe ngamanzi ahlanzekileyo.

23 Kasibambeeleni ngokuqina kulo ithemba esilikholwayo, ngoba lowo owathembisayo uthembekile.

24 Njalo kasicabangeni ukuba singakhuthazana njani ethandweni laseenzweni ezinhle.

25 Kasingakudeli ukuhlangana, njengalokhu abanye abajayele ukukwenza kodwa kasikhuthazaneni ikakhulu njengoba sibona uSuku lusondela.

26 Nxa siqhubeka sisenza izono ngabomu emva kokuba iqiniso sesilazi, kawusekho umhlatsshelo wezono,

27 kodwa umlindelo owesabekayo wokwahlulelwa kuphela kanye lomlilo ovuthayo ozaqothula izitha zikaNkulunkulu.

28 Owawalayo umthetho kaMosi wafa kungela sihawu ngobufakazi babafakazi ababili kumbe abathathu.

29 Pho licabanga ukuthi ufanele ukujeziswa kakhulu kangakanani umuntu owanyathela iNdodana kaNkulunkulu ngaphansi konyawo, ophathe igazi lesivumelwano elamenza waba ngcwele njengento engangcwele, lohlambaza uMoya womusa na?

30 Ngoba thina siyamazi lowo owathi, “Ukuphindisela ngokwami; ngizabuyisela.”[§] njalo wathi, “INkosi izakwahlulela abantu bayo.”^{*}

31 Kuyinto eyesabekayo ukuwela ezandleni zikaNkulunkulu ophilayo.

32 Khumbulani insuku zakuqala leziyana emva kokuba selamukele ukukhanya, lapho elaqinisela khona ebunzimeni obukhulu phakathi kokuhlupheka.

33 Ngezinye izikhathi lenziwa umbukiso wokuhlanjzwa lokuhlukuluzwa; kwathi ngezinye izikhathi lamanyana lalabo ababephathwa kanjalo.

34 Laba lozwelo kulabo ababesentolongweni, lamukela ngentokozi ukuthunjwa kwempahla yenu, ngoba lalikhwazi ukuthi lina lilempahla engcono engapheliyo.

35 Ngakho lingalilahli ithemba lenu; lizavuzwa ngokunengi.

36 Kuyadingeka ukuba libekezele ukuze kuthi lapho seliyenzile intando kaNkulunkulu, lamukele lokho akuthembisayo.

37 Ngoba,

“Ngesikhatshana nje,
lowo ozayo uzafika
njalo kasoze aphuze.”

38 Kodwa,

[‡] 10:17 UJeremiya 31.34 [§] 10:30 UDutheronomi 32.35 ^{*} 10:30 UDutheronomi 32.36; AmaHubo 135.14

“Olungileyo wami uzaphila ngokukholwa.

Angahlehlela emuva,
kangiyikuthokoza ngaye.”†

39 Kodwa thina kasisibo balabo abahlehlela emuva babhujiswe, kodwa labo abakhulwayo basindiswe.

11

Imisebenzi Yokukholwa

1 Ukukholwa yikuba leqiniso lalokhu esikulindeleyo njalo kuqinisekile ngalokho esingakuboniyo.

2 Lokhu yikho abendulo abanconywa ngakho.

3 Ngokukholwa siyezwisisa ukuthi izulu lomhlaba kwadalwa ngokulaya kukaNkulunkulu, ngoba okubonakalayo kakwenziwanga ngalokho okwakubonakala.

4 Ngokukholwa u-Abheli wanikela kuNkulunkulu umnikelo omuhle kulokaKhayini. Ngokukholwa wanconywa njengomuntu olungileyo, ngesikhathi uNkulunkulu ekhuluma kuhle ngeminikelo yakhe. Njalo ngokukholwa ulokhu ekhuluma, lanxa sewafa.

5 Ngokukholwa u-Enoki wasuswa kulumhlaba ephila ukuze angakuzwa ukufa: “Kabonakalanga ngoba uNkulunkulu wayesemthethe.”* En-gakathathwa, wayenconywe njengowayethokozise uNkulunkulu.

6 Kungelakukholwa akweneliseki ukumthokozisa uNkulunkulu ngoba oza kuye kumele akholwe ukuthi ukhona lokuthi uyabanika umvuzo labo abamdinga ngobuqotho.

7 Ngokukholwa uNowa esexwayisiwe ngezinto ezazingakabonakali, ngokwesaba okungcwele wakha umkhumbi ukuba ahlenge abendlu yakhe. Ngokukholwa kwakhe wawulahla umhlaba waba yindlalifa yokulunga okuza ngokukholwa.

8 Ngokukholwa u-Abrahama esebizelwe ukuba aye endaweni ayezayamukela muva njengelifa lakhe, walalela wahamba, lanxa wayengakwazi lapho ayesiya khona.

9 Ngokukholwa wahlala elizweni lesithembiso njengesihambi, elizweni elingayisilo lakibo; wahlala emathenteni, njengokwenziwa ngu-Isaka loJakhobe, ababezindlalifa zalelolizwe lesithembiso kanye laye.

10 Ngoba wayelindele idolobho elilezisekelo, elimcandi walo lomakhi walo nguNkulunkulu.

11 Ngokukholwa, lanxa u-Abrahama wayeseluphele loSara eyinyumba, wanikwa amandla okuba lomntwana ngoba wambona njengothembekileyo lowo owayenze isithembiso.

12 Ngakho-ke, kusukela kulumuntu oyedwa, owayefana lofileyo, kwavela inzalo enengi njengezinkanyezi emkhathini njalo engeke ibalwe njen-genhlabathi ekhunjini lolwandle.

13 Abantu bonke laba bafa belokhu bephila ngokukholwa. Kabazamukelanga izinto ezathenjiswa; bazibona nje kuphela bazithakazelela zikude. Njalo bavuma ukuthi bona babeyizizwe lezihambi emhlabeni.

14 Abantu abakhuluma izinto ezinje babonakalisa ukuthi bafuna ilizwe elingelabo.

15 Aluba babecabanga ngelizwe abasuka kulo, babezakuba lethuba lokubuyela.

† 10:38 UHabhakhukhi 2.3-4 * 11:5 UGenesisi 5.24

